# Okuqukethwe

1. Isicelo Esimnene, Sothando Luka-Hoseya…......................5
2. Isikhathi Sokuthatha Isinqumo…......................................10
3. Ukulungiselela Ngethemba….............................................15
4. Ubugugu Bomusa kaNkulunkulu ….....................................20
5. UJoweli: isithunywa Esizinikele…......................................25
6. U-Amose Ubizelwa Ukulungiselela….................................31
7. Amandla Atholakala Ngokuphenduka….............................36
8. Ucebo Lokubuyisela kukaNkulunkulu…............................41
9. Siyakwazi Esifanele Sikwenze…........................................46
10. Ukumesaba Onolwazi Lonke…...........................................52
11. Ukuphaphamela ukudumisa uNkulunkulu...................57
12. Izehlakalo Zezikhathi Zokugcina….....................................62
13. Isicelo Sokugcina Sika-Malaki…..........................................67

**Contacts: Telephone & Fax +27 011 838 0265,**

**Website: www.sdarmsa.org.za ,**

**Email: admin@sdarmsa.org.za**

**Address: 599 Brunton Avenue, Westrand District**

**Gauteng South Africa**

# Isingeniso

"Nakuba sibabiza ngokuthi abaprofethi "abancane", izwi labo akulona ize! Igama lichaza ukuthi izincwadi abazibhalile zimfushane. Kodwa amazwi agcwaliswe ngamandla avuthayo, aqondile, futhi aqondene nathi kakhulu namuhla. Yingakho abafundi besikolo seSabatha emhlabeni wonke jikelele bazolethwa kakhulu *Kwiziqondiso Ezivela Kubaprofethi Abancane* izinyanga ezintathu ezilandelayo njengokuqongelela okufanele ekulungiseleni kwethu ukuvalwa komusa nokubuya kukaKristu.

Abaprofethi abancane abalethi amazwi abushelelezi, noma alula. Cha ngempela-anquma njengezembe elibekwe empandeni yomuthi. "UNkulunkulu akathumeli izithunywa ukuba zithophe isoni. Akathumeli izwi lokuthula ukulalisa ongcolile ukuvikelwa okunzima. Ubeka imithwalo enzima phezu konembeza womenzi wokubi, ahlabe umphefumulo ngomcibisholo wokulahlwa yicala."-*The Desire of Ages,* p. 104.

"UNkulunkulu uhlale ethembekile uma ejezisa abenza ubulelesi. Uthumela abaprofethi Bakhe ukuxwayisa onecala, ukubalahla ngenxa yezono zabo, amemezele isijeziso phezu kwabo. Labo ababuza izwi likaNkulunkulu ukuthi kungani liveza izono zabantu bakaNkulunkulu ngendlela esobala kangaka ukuze abeyisayo babahleke usulu, nabangcwele badabuke, kufanele bakhumbule ukuthi konke okulotshiwe kulotshelwe ukufundiswa kwabo, ukuze bagweme ukubi okubhaliwe futhi balingise kuphela okulungile kulabo abakhonza uJehova."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 12.

"Ngisho nesici esisodwa sesimilo, isifiso esisodwa esithokozelwayo, ekugcineni sizodambisa amandla evangeli. Ukuvama ukufisa isono kubonisa ukudukiswa komphefumulo. Konke ukuzitika kwalesifiso kunikeza umphefumulo amandla okuzonda uNkulunkulu. Ubuhlungu bokusebenza nokuthokozela isono yizintambo uSathane abopha ngazo abantu ukubayenga ngazo. Labo abakhetha ukufa kunokwenza isenzo esingalungile yibo kuphela abazotholakala bethembekile."-Ibid., vol. 5, p. 53.

"Abaprofethi abancane babizelwa abantu bakaNkulunkulu ukuba bavuke, ukuba baqonde ukuhlinzekela Kwakhe, nokwamukela umsebenzi Wakhe ezinhliziyweni zabo. Lesi yiso isigijimi okufanele nathi sisizwe.

"Bazalwane, kulabo amaqiniso ezwi likaNkulunkulu athe ambulelwa bona, ngeyiphi inxenye ozoyidlala kwizehlakalo zokugcina zembali yalomhlaba-na? Ingabe uphaphamele ngempela kulezinto ezinobuqili-na? Ingabe uyaqonda umsebenzi omkhulu wokulungiselela okuqhubeka ezulwini nasemhlabeni-na? Makuthi bonke abamukele ukukhanya, ababe nethuba lokufunda nokuzwa isiprofetho, baqaphele izinto ezibhalwe ngaphakathi; ngokuba isikhathi siseduze.' Makungabikho manje ozijwayeza isono, umsuka wako konke ukudideka okukhona emhlabeni wethu. Masingahlali sinwabuzele futhi singanaki ngobuthutha. Makungathi isiphelo somphefumulo wakho silenge phezu kokungaqondi. Zazele ukuthi uphelele ohlangothini lweNkosi."-Ibid.*,* vol. 6, pp. 404.

Kwangathi iNkosi ingasihola njengoba sifunda lezifundo!

*Igatsha leSikolo seSabatha kwiGeneral Conference*

# Umnikelo weSabatha Lokuqala
## ISabatha, Masingana 3, 2026

### Indlunkulu eSiguatepeque, eHonduras

IHonduras ilizwe lesibili ngobukhulu eCentral America. Kwilizwe ngobubanzi elingu 43, 433 square miles (112, 492 km2), libekwe ngaphakathi, futhi lizungezwe izizwe zaseGuatemala, El Salvado, neNicaragua, ukuya eningizimu lolwandle iPacific oGwini lwase Fonseca, ukuya enyakatho ngasoGwini lwaseHonduras, insongo yolwandle olukhulu lwase Caribbean. Phakathi kwabakhileyo kulendawo kukhona izigidi zabantu ezingu 10.8 ezihlala lapho, 48.7% ngamaKatolika, 41% ngamaProtestanti, 8% ngamaAtheists, agnostic, nabangafakazeli noma ngeyiphi inkolo, futhi I 3% eyezinye izinkolo. Ulwimi olusemthethweni iSpanish; abakuthumela ngaphandle kwelizwe okuphambili ezolimo, kulandele izinto ezisebenza ngogesi.

I SDARM yafika ngeminyaka yo 1960 ngokuhanjelwa ngabazalwane bethu u Silvestre Cabanilas ovela ePeru noFelipe Garcia ovela eArgentina. Emva kweminyaka yokusebenza kwabo, isigijimi sasabalala ngendlela emangalisayo kwathi ngonyaka ka 2016, I Union yase Honduras yahlelwa, imiswe ngamasimu amathathu ngamalunga ahlangene angu 542, futhi izihambi ezingu 700 ezihlanganyela nathi kaningi.

Ngenxa yokuthi izakhiwo zethu zamaField kanye namaUnion headquarters zezindala, izinga lazo lithe lehla iminyaka eminingi. Eminye ihleli ingaphelanga, futhi eminye yamaField ayinawo I administration headquarters. Siyenzile imizamo emikhulu ukwenza indawo eyanele ngamaofisi ethu, amagumbi okubambela imihlangano, nokusebenza kwezikolo zokuhambisa ivangeli ukukhulisa umsebenzi. Yingakho sicela izipho zenu, ukuze sonke sizuze amaphupho okuba nama-headquarters asebenza njengendlu yokukhanya kweqiniso, lapho abaningi bangabonga beze ukumazi uJesu.

INkosi iyasikhuthaza ukuba sisizaneni uma senza umsebenzi Wakhe, ubonisa ngesikhathi ekhuluma noMose: "Yisho kubantwana bakwaIsrayeli ukuba bangithabathele umnikelo; kubo bonke abantu abanhliziyo zabo zivuma anothabatha umnikelo wami." Eksodusi 25:2. Ukukhonza uNkulunkulu nomoya wokuzinikela yizona izidingo zokuqala zokwakha indawo yokukhonzela yoPhezu-Konke. Ibandla lonke laphendula ngazwi linye: "Bafika kwaba yilowo nalowo owavuswa yinhliziyo yakhe nowaqhutshwa ngumoya wakhe, baletha umnikelo kaJehova ube-ngowomsebenzi wethemnde lokuhlangana"(Eksodusi 35:21).

"Sinibonga ngaphambili ngosizo lomusa wenu ngenxa yalomsebenzi. Kwangathi iNkosi inganibusisa kakhulu.

*Abazalwane benu nodade abavela eHonduras*

# Isicelo Esimnene, Sothando Luka-Hoseya

**IVESI LEKHANDA: "Ngiyakuzimisela wena ngokuthembeka ube-ngumkami; uyakumazi uJehova" (Hoseya 2:20).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 6, pp. 404-410.

"Manje, lapho izwi lomusa elimnandi lizwakala, lapho kungakabi semuva kwesikhathi ukuba iziphambeko zingalungiswa, lapho kusathiwa namuhla, uma nilizwa izwi Lakhe, ningazenzi lukhuni izinhliziyo zenu."-*Counsels on Stewardship*, p. 99.

## 1. UBIZO LOKUVUSWA OLUNZIMA NgeSonto, Zibandlela 28

**a. Chaza ukuphila okunzima kwabaprofethi bakaNkulunkulu. Jakobe 5:10.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Labo uNkulunkulu abathwese ukuziphendulela okubalulekile abalethwanga ukuba bakhululeke futhi banethezeke; abaprofethi abanesithunzi, abaholi nabahluleli abamiswe nguNkulunkulu, babengamadoda izimilo zabo ezakhiwe ngamaqiniso aqinile okuphila."-*The Signs of the Times*, Nhlolanja 19, 1880.

**b. Kungayiphi indlela uNkulunkulu afanekisa kuHoseya ubudlelwano phakathi Kwakhe nabantu Bakhe abangathembekile-na? Hoseya 1:1-9; Jeremiya 3:14; (qhathanisa 2 Korinte 11:2).**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Ebhayibhelini okuyingcwele nesimilo esibekezelayo sobudlelwano obukhona phakathi kukaKristu nebandla Lakhe bufaniswa ngobunye bomshado. UNkulunkulu uhlanganisile abantu Bakhe Kuye ngesivumelwano esinesizotha, uthembisa ukuba nguNkulunkulu wabo, nabo bathembisa ukuba ngaBakhe abangaBakhe kuphela….

"Ukungathembeki kwebandla kuKristu ngokuvumela ukuzethemba kwalo nothando kususwe Kuye, futhi livumele uthando lwezinto zelizwe zihlale emphefumulweni, kufaniswa nokwephula isifungo somshado. Isono sikaIsrayeli sokusuka eNkosini sibonakaliswa ngaphansi kwalesithombe."-*The Great Controversy*, p. 381.

**a. Emva kokumemezela isigwebo, yisiphi isithembiso esinethemba uNkulunkulu asinika uIsrayeli? Hoseya 1:10.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"UNkulunkulu ngokuvamile uyakwazi ukuguqula izinhliziyo zamaJuda nabeZizwe ngokufanayo, futhi anikeze wonke okholwa kuKristu izithembiso ezithenjiswe uIsrayeli….'Njengalokhu washo kuIsaya ngaphambili, uma uJehova Sebawothi ebengasishiyelanga inzalo besiyakuba njengeSodoma, sifane neGomora.'….

"Nokho isimemezelo esesabekayo sesijeziso samenyezela phezu kwamaJuda njengesizwe ngesikhathi benqaba ngokwabo uJesu waseNazaretha, abaningi baye baphila ngokuthobeka, abesilisa nabesifazane bamaJuda abesaba uNkulunkulu futhi bahlupheka ngokuthula. UNkulunkulu waduduza izinhliziyo zabo ezihluphekile wabheka ngesihawu isimo sabo esesabekayo. Wezwa imikhuleko yosizi kulabo abamfuna ngenhliziyo yabo yonke ukuqonda okufanele izwi Lakhe. Abanye bafundile kuMnazaretha othobekile lowo okhokho babo abamenqaba futhi bambethela esiphambanweni, uMesiya ngempela wakwaIsrayeli. Njengoba izingqondo zabo zibamba ubukhulu beziprofetho ezivamile isikhathi eside ezimbozwe imikhuba nokuhlanekezelwa kwazo, izinhliziyo zabo zagcwaliswa ukubonga uNkulunkulu ngesipho esimangalisayo asibeke phezu komuntu wonke okhetha ukwamukela uKristu njengoMsindisi wakhe."-*The Acts of the Apostles,* p. 379.

**b. UMpostoli uPawule ugcizelela kanjani leqiniso eliduduzayo-na? Roma 9:25-27.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"Lapho ivangeli lilethwa ngokugcwele kumaJuda, abaningi bazokwamukela uKristu njengoMesiya. Phakathi kwabafundisi abangamaKristu bambalwa labo abezwa ukuthi babizelwe ukusebenzela abantu abangamaJuda; kodwa kulabo abadlulwa nje benganakwa, ngokufanayo nabo bonke abanye, isigijimi somusa nethemba kuKristu siyeza.

"Ekumenyezelweni kokugcina kwevangeli, lapho umsebenzi okhethekile owenzelwa amaxuku abantu kuze kube manje enganakwa, uNkulunkulu ulindele izithunywa Zakhe zithathele intakazelelo enkulu kubantu abangamaJuda labo abatholakala kwizinxenye zonke zomhlaba….

"Phakathi kwamaJuda kukhona abambalwa, abafana noSawule waseTarsu, abanamandla eMibhalweni, labo bazomemezela ngamandla amakhulu ukungaguquki komtheho kaNkulunkulu. UNkulunkulu kaIsrayeli uzokuletha lokhu osukwini lwethu. Isandla Sakhe asifinyeziwe ukuba singasindisi. Njengoba izinceku Zakhe zisebenza ngokukholwa zisebenzela labo isikhathi eside benganakwa futhi bedelelwa, insindiso Yakhe izokwembulwa."-Ibid., pp. 380, 381.

**a. Naphezu kokubola kwesimoya okunzima kwabantu Bakhe, kuncenga kuni uNkulunkulu akwelulela kubo-na? Hoseya 2:14.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

“Kuyiqiniso manje ngokufanayo ngesikhathi uKristu elapha emhlabeni, ukuthi konke ukuhlasela okwenziwa ngevangeli phezu kombuso wesitha kuhlangana nokulwisana okunolaka nezitha zakhe ezinkulu. Impi ekhona manje kithi izoba ngeyesabeka kakhulu eke yabonwa ngaphambili. Kodwa noma uSathane efanekiswa njengomuntu onamandla nohlomile, ukunqotshwa kwakhe kuzophelela, nabo bonke abazihlanganisa naye ngokukhetha uhlubuko kunokuthembeka bazobhubha kanye naye.

“Umoya kaNkulunkulu ovimbayo manje uyasuswa emhlabeni. Izivunguvungu, iziphepho, imimoya enamandla, umlilo nezikhukhula, izingozi olwandle nasemhlabeni, zilandelana ngokushesha emva kwesinye. Isayensi ifuna ukuchaza zonke lezinto. Izibonakaliso ziyashuba phambi kwethu, zisitshela ngokusondela kwendodana kaNkulunkulu, zibalelwa kunoma ngubani kunendlela yeqiniso. Abantu angeke bahlukanisa izingelosi ezilindayo ezibambe imimoya emine ukuba ingavunguzi zize izinceku zikaNkulunkulu zibekwe uphawu; kodwa lapho uNkulunkulu ezothi ezingelosini Zakhe maziyeke imimoya, kuzobakhona isehlakalo sombango usiba oluzohluleka ukusifanekisa….

“Uma ikhethini lingabuyiselwa emuva, ungahlukanisa yini inhloso kaNkulunkulu nezahlulelo ezizokwehlela umhlaba olahliwe, ungabona yini isimo sakho, uzokwesaba uthuthumele ngenxa yomphefumulo wakho, nangemiphefumulo yabangani bakho. Imikhuleko ephikelelayo yokudabuka kwenhliziyo ngosizi izonyukela ezulwini. Uzokhala phakathi kompheme nealtare, uzovuma ubumpumputhe besimoya nokubuyela emuva.”-*Testimonies for the Church,* vol. 6, pp. 407, 408

**b. Kungayiphi indlela uNkulunkulu wethu omangalisayo esinikeza isiqalo esisha, sokuhlinzekela ngethemba elingaphezu kwefa eliqinile lesono-na? Hoseya 2:15; Amahubo 130:7, 8.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

“UNkulunkulu unomusa. Kungani labo abehlela kubugebengu bebonisa ukuphenduka obulinganiswa nobubi bobugebengu babo, banyukele kuKristu bacele umusa, bepholiswa, ngempela, izilonda abathe bazidalela zona? “-*The Review and Herald*, Ndasa 24, 1868.

“Noma isoni singaba buthakathaka kanjani; kungakhathaliseki ukuthi bangakhi nokuthi sikhulu kangakanani isiphambeko sakhe, uMsindisi uzomamukela. UKristu uthanda ilunga ngalinye lesizwe soluntu; ngoba ubathenge bonke ngenani elilodwa; futhi inani elinjani ngempela!”-Ibid., Mandulo 3, 1903.

**a. Chaza isibopho esijulile sokukhuthazela komphefumulo ozoba naso noNkulunkulu uma uphenduka ngempela ezindleleni zesono. Hoseya 2:16, 17.**

_______________________________________________________________________________

"'Kuyakuthi ngalolosuku," usho uJehova, ungibize ngokuthi 'Yindodana yami; ['indoda Yami,' isiphetho] ungasangibizi ngokuthi: 'NguBali wami ['Nkosi yami.' Isiphetho]. Ngiyakususa amagama awoBali emlonyeni wakhe, bangabe besakhunjulwa ngamagama abo.' Hoseya 2:14-17."-*Prophets and Kings*, pp. 298, 299.

**b. Kungayiphi indlela ukubuyiselwa kwesimoya okuzogcwaliseka ngayo osukwini lwethu-na? Hoseya 2:18-20.**

_______________________________________________________________________________

"Ezinsukwini zokugcina zembali yalomhlaba, isivumelwane sikaNkulunkulu kubantu abagcina umthetho Wakhe kufanele sivuselelwe."-Ibid., p. 299.

"Ngesikhathi umusa usekhona, ngesikhathi uMsindisi esikhulumela, masisebenze kahle ngenxa yephakade."-*Testimonies for the Church,* vol. 6, p. 405.

**c. Siyini isisekelo sokuba abantu bakaNkulunkulu namuhla, ngokuya ngo-Hoseya no-Johane-na? Hoseya 2:23; Johane 1:12.**

_______________________________________________________________________________

"Hambela omakhelwane bakho ubonise intakazelelo ekusindisweni kwemiphefumulo yabo Uvuse wonke amandla esimoya emsebenzini. Khuluma kulabo obavakashelayo ukuthi ukuphela kwezinto zonke kusondele. INkosi uJesu izovula umnyango wezinhliziyo zabo futhi ilethe ezingqondweni zabo umfutho ohlalayo.

"Zama ukuvusa abesilisa nabesifazane ukungazweli kwabo okwesimoya. Batshele ukuthi wamthola kanjani uJesu nokuthi ubusiseke kanjani kusukela lapho uthola amava emsebenzini Wakhe. Batshele ukuthi yisiphi isibusiso esiza kuwe njengoba uhlala ezinyaweni zikaJesu ufunda izifundo eziyigugu ezwini Lakhe. Batshele ngenjabulo nokuthaba okukhona ekuphileni koMkrestu. Ukufudumala kwakho, amazwi ashisekelayo azobavumisa ukuthi ulitholile iparela lenani elikhulu. Vumela ukujabula, amazwi akhuthazayo ubonise ngempela ukuthi uthole indlela ephakeme. Lona ngumsebenzi ngempela wokuvangela, futhi njengoba wenziwa, abaningi bazovuka kungathi bayaphupha."-Ibid., vol. 9, p. 38.

## 5. IZITHELO ZOKUKHOLWA — Ngolwesine, Masingana 1

**a. Chaza umphumela ojabulisayo ozokwenzeka masinyane phakathi kwalabo ngenhliziyo-yonke benaka ukuncenga kokugcina. Hoseya 3:4, 5.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Ezizweni ezilishumi, ekukade zahlubuka futhi zingadabukeli ukona, azinikwanga isithembiso sokubuyiselwa ngokuphelele kumandla awo okuqala eFilistiya. Kuze kuphele isikhathi, okwakufanele babe 'ngabazulayo phakathi kwezizwe.' Kodwa ngo-Hoseya kwanikezwa isiprofetho esabekwa phambi kwabo ilungelo lokuba inxenye yokubuyiselwa kokugcina okuzokwenziwa kubantu bakaNkulunkulu ekuvalweni kwembali yalomhlaba, lapho uKristu ezobonakala njengeNkosi yamakhosi uMbusi wababusi….[Hoseya 3:4, 5 ngokuphindwa.]

"Ngolimi lwezimpawu uHoseya wabeka phambi kwezizwe elishumi icebo liNkulunkulu lokubuyiselwa komphefumulo ngamunye odabukela isono nozozihlanganisa nebandla Lakhe emhlabeni, izibusiso ezinikwe uIsrayeli ezinsukwini zokuthembeka kwakhe Kuye eZweni Lesithembiso."-*Prophets and Kings*, p. 298.

"'Kuyakuthi ngalolosuku insali yakwaIsrayeli, nabasindileyo bendlu kaJakobe,….Kepha bencike ngeqiniso kuJehova Ongcwele kaIsrayeli.' Isaya 10:20. Nakuzo zonke izizwe, imindeni, nezilimi nabantu' kuzoba khona labo abazosabela kwisigijimi, 'Mesabeni uNkulunkulu, nimnike inkazimulo; ngokuba ihora lokwahlulela kwakhe lifikile.' Bazosuka ezithombeni ezibabophele emhlabeni, futhi 'bazokhonza Yena owadala izulu, nomhlaba, nolwandle, nemithombo yamanzi.' Bazozikhulula kukho konke okubathandele futhi beme phambi komhlaba njengezikhumbuzo zomusa kaNkulunkulu. Ukulalela izimfuno ezingcwele, bazobhekwa yizingelosi nabantu njengalabo abagcina 'imithetho kaNkulunkulu, nokukholwa nguJesu."-Ibid., pp. 299, 300.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Masingana 2

1. **UNkulunkulu ufanekisa kanjani ubuhlungu aBuzwayo ngenxa yokungalaleli kwethu?**
2. **Yimuphi umyalezo kaHoseya oveza ukubekezela okukhulu kukaNkulunkulu?**
3. **UNkulunku ubaphatha kanjani labo abenza isono?**
4. **Mphumela muni wokufinyelela kwami kubantu izithelo zabo ezibonakalisa ngokusobala ukuthi bakude kakhulu kuNkulunkulu?**
5. **Ukuphila kwami kungasebenza kanjani ngempela njengesikhumbuzo somusa kaNkulunkulu?**

**ISABATHA, MASINGANA 10, 2026** **ISIFUNDO 2**

# Isikhathi Sokuthatha Isinqumo

**"IVESI LEKHANDA: "Abantu bami babhujiswa ngokuswela ukwazi" (Hoseya 4:6 isigaba sokuqala).**

**Incwadi Enikeziwe**: *Testimonies for the Church,* vol. 2, pp. 604-609.

"Ngezikhathi zonke, ukweqiwa komthetho kaNkulunkulu kuthe kwalandelwa umphumela ofanayo."-*Prophets and Kings,* p. 297.

## 1. UKUPHENDUKEZELA KWABANINGI — NgeSonto, Masingana 4

**a. Lapho uNkulunkulu kukade enesigijimi somusa, kuyini okunye ukuncenga akuqondisa ku-Hoseya ukukumemezela-ukuba kusebenze futhi kwimbali yomuntu-na? Hoseya 4:1.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Lapho abantu bakwaIsrayeli, ekukhonzeni kwabo uBali noAshterothi, baletha inkonzo ephakeme kumandla emvelo, banamandla okuhlangana nakho konke okuphakamisayo nokukhulisayo, nokuthi bawe njengenyamazane esilingweni."-*Prophets and Kings,* p. 281.

"'Imini yobupapa ingubusuku bomhlaba.'-kusho J.A. Wylie, *The History of the Protestantisim*, b. 1, ch. 4. IMibhalo Engcwele cishe beyingaziwa ngempela, kungesikho kubantu kuphela, kodwa nakubapristi. NjengabaFarisi basendulo, abaholi bobupapa benyanya ukukhanya okuzokwembula izono zabo. Umthetho kaNkulunkulu, isilinganiso sokulunga, uthe wasuswa, basebenzisa amandla ngaphandle kwesilinganiso, basebenzisa ububi ngaphandle kokuzikhuza. Inkohliso, ukuzinothisa, nokuzinikela kwimikhuba emibi eyayivamile. Izigodlo zabopapa nabasezikhundleni zabonakalisa izenzo zokonakala obenyanyekayo. Abanye opapa ababusayo babenecala lobugebengu obenza njalo bahlubuke kakhulu kangangokuba izikhulu zebandla bazibheka njengezitha eziphakeme ezingenakho ukubekezelelwa. Amakhulu eminyaka endaweni yaseEurope akuzange kubekhona inqubekela phambili yokufunda, ubuciko, noma impucuko. Ukuziphatha nokuhlakanipha nokoma kwawela phezu kwezwe lonke lobuKrestu.

"Isimo somhlaba ngaphansi kwamandla aseRoma sabonakalisa ukugcwaliseka okwesabisayo nokugadla kwamazwi omprofethi uHoseya [Hoseya 4:6, 1, 2 ngokuphindwa]. Yabanjalo imiphumela yokuxosha izwi likaNkulunkulu."-*The Great Controversy,* p. 60.

**a. Kungayiphi indlela umyalezo owesabekayo ka-Hoseya usho izono ezithize uNkulunkulu azenyanyayo-futhi lokhu kuzwakala kanjani osukwini lwethu-na? Hoseya 4:2; Luka 17:26, 27.**

______________________________________________________________________________

"Ububi bakwaIsrayeli phakathi kwenxenye yesigamu seminyaka eyikhulu yokugcina ngaphambi kobugqila baseAsiriya babufana nasezinsukwini zikaNowa, futhi ngezikhathi zonke lapho abantu benqaba uNkulunkulu futhi bezinikeze ngokuphelele kwizenzo ezimbi. Ukuphakamisa imvelo ngaphezu kukaNkulunkulu wemvelo, ukukhonza indalo esikhundleni soMdali, kaningi umphumela wakho ububi obukhulu….ngokuvikelwa komphefumulo odilizelwe phansi, ukukhonzwa okuhlanekezelwe akunaso isivikelo sokumelana nesono bese sizinikela kwizinkanuko zobubi zenhliziyo yomuntu."-*Prophets and Kings,* pp. 281, 282.

"Ngokusobala uKristu wabona ukuthi isimo somphakathi esizoba yiso esikhathini esizayo. Wabona ukuthi ubugovu buzolawula abesilisa nabesifazane. Bunjani ubudlelwane bomshado namuhla? Ingabe awuhlanekezelwe futhi wangcoliswa, futhi kwenzeka njengasosukwini lukaNowa? Isehlukaniso emva kwasahlukaniso sibhalwa kumaphepha-ndaba nsuku zonke. Lona ngumshado uKristu uma akhuluma ngawo Uthi ngaphambi kukazamcolo 'babeganwa bendiswa.'"-*Manuscript Releases,* vol. 7, p. 56.

"Ngempela lesono, sokuphinga, esasivamile phakathi kukaIsrayeli, esaletha ukwembula uphawu lokungajabuli kukaNkulunkulu. Izahlulelo zikaNkulunkulu zalandela eduze phezu kwesono esizondekayo. Izinkulungwane zabo zawa, nemizimba yabo engcolisiwe yasala ehlane."-*A Solemn Appeal,* p. 142.

**b. Yisho eminye imiphumela ebuhlungu ebangelwa uhlubuko-futhi izibusiso ezinkulu zizotholakala ngokuthobela intando kaNkulunkulu. Hoseya 4:3-5; Johane 17:3.**

______________________________________________________________________________

"INkosi inikeza abantu Bakhe imiyalo, ukuze ngokuyilalela bangagcina imizimba yabo, ingqondo, nempilo yokuziphatha. Kwakufanele baphile ngokulalela; kodwa ukufa kuqinisekile njengomphumelo wokungalaleli umthetho kaNkulunkulu."-*Fundamentals of Christian Education,* p. 413.

"Lowo okhetha indlela yokungalaleli umthetho kaNkulunkulu ukhetha isiphelo sekusasa lakhe; utshala inyama, ukuthola umvuzo wesono, ngisho ukubhubha ingunaphakade, esikhundleni sokuphila okuphakade. 'Ukuphila okuphakade yilokhu ukuba bazi Wena Nkulunkulu wedwa oqiniseleyo, nomthumileyo uJesu Kristu."-Ibid., p. 376.

## 3. UKUTHOKOZELA UMOYA KANKULUNKULU — Ngolwesibili, Masingana 6

**a. Kungani kubalulekile kumuntu ngamunye ukuba aqaphele ngokuzimisela yonke imisebe yokukhanya onikezwe ngomusa kithi-na? Hoseya 4:6.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Amazwi kaNkulunkulu kuIsrayeli wasendulo anesixwayiso esizothile esiya ebandleni nakubaholi babo namuhla. Ngo Israyeli uJehova uthi, 'Nginilobele imithetho Yami kaningi; iyashaywa njengento engaziwayo.' Hoseya 8:12. Kubapristi nabothishela Uthi, 'Abantu bami babhujiswa ukuswela ukwazi; ngokuba ukulahlile ukwazi, nami ngiyakukulahla wena; … lokhu ukhohliwe ngumthetho kaNkulunkulu, nami ngiyakubakhohlwa abantwana bakho.' Hoseya 4:6.

"Ingabe izixwayiso ezivela kuNkulunkulu zingadlulwa zingaqashelwa? Ingabe amathuba okusebenza azohlala angathuthukiswa? Ingabe amazwi okweyisa, ukuzigabisa okunesizathu, ukuvumelana namasiko abantu nemikhuba, kuzobamba abalandeli abazishoyo bakaKristu basuke emsebenzini Wakhe? Ingabe bazokwenqaba izwi likaNkulunkulu njengabaholi bamaJuda abenqaba uKristu? Umphumela wesono sikaIsrayeli uphambi kwethu. Ingabe ibandla lanamuhla liyasamukela isixwayiso?"-*Christ's Object Lessons*, p. 306.

**b. Chaza ingozi yokwenqaba uMoya Ongcwele. Mathewu 12:31, 32.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Kuyingozi ukukhuluma igama lokungabaza, kuyingozi ukubuza nokusola ukukhanya okungcwele. Umkhuba wokunganaki nokusola nokungahloniphi kubonakala esimilweni, ukucindezela ukungahloniphi nokungakholwa. Kaningi umuntu ozitika ngalomkhuba uyahamba engazi lutho ngengozi, aze alungele ukusola nokwenqaba ukusebenza koMoya Ongcwele."-*The Desire of Ages,* p. 323.

"Kungenxa yokulingana koMoya Wakhe ukuze uNkulunkulu angasebenza phezu kwenhliziyo yomuntu; futhi lapho abantu ngokuthanda benqaba uMoya bathi uvela kuSathane, banqamula umzila lowo uNkulunkulu angakhulumisana nabo. Ngokwenqaba ubufakazi lobo uNkulunkulu athokozela ukubanika bona, bavalela ngaphandle ukukhanya obekulokhu kukhazimula ezinhliziyweni zabo, futhi umphumela walokho ubumnyama….Okwesikhashana, abantu abenza lesono bangabonakala njengabantwana bakaNkulunkulu; kodwa uma ubunzima buvuka ukuba bukhulise isimilo babonisa uhlobo lomoya obaholayo, futhi batholakala besemhlabeni kaSathane, bemi ngaphansi kwebhanela lakhe elimnyama.

"Mzalwane wami, uMoya uyakumema namuhla. Yiza ngenhliziyo yakho yonke kuJesu. Phenduka ezonweni zakho, uzivume phambi kukaNkulunkulu, shiya bonke ububi, uzokwazi ukuhlukanisa kahle zonke izithembiso Zakhe. 'Phendukelani kimi, nisindiswe,' kuyisimemo Sakhe somusa."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 634.

**a. Kungayiphi indlela ngokuvamile uNkulunkulu echaza isimo sabaningi abazisho ukuthi bangabalandeli Bakhe-ngisho nanamuhla-na? Hoseya 4:7-11, 16.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"Abantu bakaNkulunkulu abazilungele izehlakalo ezesabekayo, nezivivinyayo eziphambi kwabo, abakulunge ukuma behlanzekile ebubini nasezinkanukweni eziphakathi kwezingozi nokonakala kwanamuhla. Abanakho ukuhloma kokulunga, futhi abakulungele ukulwa bemelene nobubi obukhona. Abaningi abayigcini imithetho kaNkulunkulu, kodwa bezisho ukuthi bayakwenza. Uma bengathembeka ekulaleleni zonke izimiso zikaNkulunkulu bazoba namandla azobathwala baqiniseke ezinhliziyweni zabangakholwa."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, pp. 446, 447.

"Labo abazisho ukuthi bayamesaba uNkulunkulu, kodwa bengangcweliswanga iqiniso abalifakazelayo, angeke baguquka ngempela indlela abenza ngayo, abaziyo ukuthi iyenyanyeka phambi kukaNkulunkulu, ngoba abekho ngaphansi kwesilingo sokukhuzwa ngabanye izono zabo. Bayabona, ngobufakazi babanye, indaba yabo yokuthembeka iyabonakala phambi kwabo. Bathokozela ububi obufanayo. Uma beqhubeka endleleni yokona, balwisana nonembeza wabo, benza lukhuni izinhliziyo zabo, baqinise izintamo zabo, ngokufana kungathi ubufakazi obulethiwe kuqondiswe kubo. Ngokuqhubeka benqaba ukususa izono zabo balungise amaphutha abo ngokuvuma ngokuzithoba, ukuphenduka, nokujabhiswa, bakhetha eyabo indlela, futhi bazinikela ngokufanayo, futhi ekugcineni bagqilazwa nguSathane ngokuthobela intando yakhe. Bangaba nesibindi ngoba bayakwazi ukufihla izono zabo kwabanye futhi ngoba izahlulelo zikaNkulunkulu azizi ngendlela esobala phezu kwabo. Bangabonakala bephumelela kulomhlaba. Bangakhohlisa abampofu, abantu abangaboni kahle babhekwe njengezibonelo zesihawu lapho besezonweni zabo. Kodwa uNkulunkulu akakhohliswa."-Ibid., 447, 448.

**b. Chaza ukulangazela kwenhliziyo kaNkulunkulu ngaphezu kwalesisimo. Jeremiya 3:14, 15.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"Ukungakholwa ebufakazini kuyakhula kancane kancane njengoba abantu bebuyela emuva beshiya uNkulunkulu. Kungenxa yezikhundla zonke, kuwo wonke amasimu. Kodwa bambalwa abaziyo ukuthi amabandla ethu azoba namava anjani. Ngabona ukuthi okwamanje singaphansi kokubekezela okungcwele, kepha akekho owaziyo ukuthi kuzoqhubeka isikhathi esingakanani. Akukho noyedwa owaziyo ukuthi mukhulu kangakanani umusa osenzelwe wona. Kodwa bambalwa abazinikele kuNkulunkulu ngenhliziyo yonke. Bambalwa kuphela labo, njengezinkanyezi zobusuku obunesiphepho, bakhazimule lapha nalaphaya phakathi kwamafu."-Ibid., vol. 5, p. 76.

## 5. UKUKHETHA OKUSEMQOKA — Ngolwesine, Masingana 8

**a. Umuntu angagwema kanjani umphumela omubi kakhulu oza kulowo ohlehlela emuvana? Hoseya 4:17.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ngisho nesici esisodwa sesimilo, isifiso esisodwa esithokozelwayo, masinyane sizophelelwa amandla onke evangeli. Ukuvama kokuthanda ukona kubonisa inkohliso yomphefumulo. Konke ukuzitika kokuthanda kuqinisa umphefumulo ukuba wenyanye uNkulunkulu. Ubuhlungu bomsebenzi nokuthokozela isono yizona zintambo uSathane abophela abantu kwizihibe zakhe. Labo abakhetha ukufa kunokwenza isiphambeko yibona kuphela abazotholakala bethembekile."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 53.

"UNkulunkulu uholela abantwana Bakhe phambili, inyathelo ngenyathelo. Ubaletha kwimicijo ehlukahlukene yokubambelela ukwembula okusenhliziyweni. Abanye babekezelela umcijo owodwa, kodwa bawe kolandelayo. Kuwo wonke umcijo oqhubekela phambili inhliziyo iyavivinywa ilingwe ngokusondelene. Uma abantu abazishoyo bakaNkulunkulu bethola ukuthi izinhliziyo zabo zisebenza ukumelana nalomsebenzi oqondile, kufanele bavume ukuthi banomsebenzi abazowenza ukuze banqobe, uma bengeke bakhishwa emlonyeni weNkosi. Kusho ingelosi: 'UNkulunkulu uzoletha umsebenzi Wakhe eduze kakhulu ukulinga nokuvivinya abantu Bakhe.' Abanye bavuma ukwamukela umcijo owodwa; kodwa uma uNkulunkulu ebaletha komunye umcijo ovivinyayo, bayesaba babuyele emuva, ngoba bebona ukuthi ishaya ngokuqondile ezinye izithixo abazithokozelayo. Lapha banethuba lokubona okusenhliziyweni lokhu okuvalela uJesu ngaphandle. Bathanda okuthize okuphakeme kuneqiniso, nezinhliziyo zabo azikulungele ukwamukela uJesu. Ngabanye siyalingwa futhi sivivinywe isikhathi eside ukubona ukuthi sizonikela yini izithixo zethu siqaphele iseluleko sikaFakazi Oqinisileyo. Uma omunye angeke ahlanzwa ngokulalela iqiniso, anqobe ukuzifunela, ukuzigabisa kwabo, izinkanuko ezimbi, izingelosi zikaNkulunkulu zinikeza isiyalezo: 'Uhlangene nezithombe, myeke.' Futhi ziyaqhubeka nomsebenzi wazo, zishiye labo abanamabala okona bengahlulwanga, ekulawulweni izingelosi ezimbi. Bonke labo abasondela kumcijo ngamunye, bamelane nesilinga ngasinye, banqobe, noma umvuzo ungabanjani, baye baqaphela iseluleko sikaFakazi Oqinisileyo, futhi bazothola imvula yamuva, kanjalo balungele ukuguqulwa."-Ibid*.,* vol. 1, p. 187.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Masingana 9

1. **Lapho Izwi likaNkulunkulu lixoshwa, lilahlwa, noma lincishiswa, kwenzekalani-na?**
2. **Kubaluleke kangakanani ukwenziwa kwesivumelwano somshado ngobunjalo njengoba kufundiswa eMibhalweni-na?**
3. **Kuyini okwenzakalayo uma sehluleka ukuthokozela umyalezo weqiniso lanamuhla?**
4. **Kungani kufanele ngifunde I *Testimonies for the Church* ebhalelwe omunye-na?**
5. **Kungani kuyingozi ukubambelela ngisho nakwesisodwa isono esaziwayo-na?**

**ISABATHA, MASINGANA 17, 2026** **ISIFUNDO 3**

# Ukulungiselela Ngethemba

**IVESI LEKHANDA "Wozani sibuyele kuJehova; ngokuba yena usidwengulile uyakusiphulukisa; usishayile, uyakusibopha"(Hoseya 6:1).**

**Izincwadi Ezinikeziwe**: *The Ministry of Healing,* pp. 177-182.

"Ekubuthweni, lapho uNkulunkulu ebeka isandla Sakhe ukubutha abantu Bakhe, imizamo yokusakaza iqiniso bazothola umphumela abawenzile. Bonke kufanele babemunye bashiseke emsebenzini."-*Early Writings*, p. 74.

## 1. INTSHISEKO EDUKISIWE **NgeSonto, Masingana 11**

**a. Uma izenzo zethu zihlubukela uNkulunkulu, umphumela owesabekayo uzobanjani-na? Hoseya 5:4-7; Isaya 1:11, 15.**

____________________________________________________________________________

"Uma iqiniso likaNkulunkulu lingaguquli isimilo sethu sifane nesikaKristu, lonke ulwazi lokuzisho Ngaye neqiniso lifana nethusi elikhencezayo nensimbi encencethayo. [Isaya 1:10-20 ngokuphindwa.]

"Bonke abathi bagcina imiyalo kaNkulunkulu, mababheke kahle lendaba, babone ukuthi azikho izizathu zokuthi kungani bangenakho ukuthululwa okukhulu koMoya Ongcwele. Bangakhi abaphakamisele imiphefumulo yabo ezeni! Bazicabanga bona njengabaphakeme othandweni lukaNkulunkulu, kodwa benganaki abaswelayo, beguqula indlebe ukuba ingezwa ubizo lwabacindezelwe, bakhulume kabukhali, amazwi ahlabayo kulabo abadinga ngempela ukuphathwa ngokwehlukile. Kanjalo bacunula uNkulunkulu nsuku zonke ngobulukhuni bezinhliziyo zabo….makuthi ilunga ngalinye lebandla lihlole inhliziyo yalo, lihlolisise indlela yokwenza kwalo, libone ukuthi ingabe lokhu kuyavumelana nomoya kanye nomsebenzi kaJesu; ngoba uma kungenjalo, lizakuthini lapho livuma ngaphambi koMahluleli welizwe lonke-na?

"UKristu wahlanganisa intakazelelo Yakhe nokuhlupheka komuntu; nalapho enqatshwa ebuntwini Bakhe yilabo abahluphekelayo, kuyoyonke imibuthano yethu, yonke imihlangano ebiziwe, zonke izindlela ezimisiwe ukusebenzela ukuthuthukisa umsebenzi kaNkulunkulu, bazosizakala kancane. 'Benimelwe ukwenza lokhu, ningakuyeki nalokho.' 'Ulinganisiwe esilinganisweni, watholakala ulula.' "-*The Review and Herald,* Ncwaba 4, 1891.

**a. Yisiphi isixwayiso esiqinisile uNkulunkulu asinikeza uEfrayimi noJuda-futhi yiliphi iphutha abalenza ngesikhathi esiyingozi-na? Hoseya 5:8-14.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Iminyaka yokugcina yokwehlelwa okubi kombuso wakwaIsrayeli yaphawulwa ngokukhahlamezwa nokuchitheka kwegazi lokhu okungazange kwafakazelwa ngaphambili ngisho nangesikhathi esesabakayo sempi nesiyaluyalu ngaphansi kwendlu kaAhabi. Amakhulu amabili eminyaka njengoba ababusi bezizwe ezilishumi betshala umoya; manje base bevuna isikhwishikhwishi….Labo engabe bema phambi kwezizwe zomhlaba njengabagcini bomusa ongcwele, 'bangikhohlisa ngalokho' nomunye komunye. Hoseya 5:7 ….

"Abanye abaholi bakwaIsrayeli bezwa ngamandla ukulahlekelwa kwabo isithunzi futhi belangazela ukuthi lokhu kumele kuzuzwe futhi. Kodwa endaweni yokuba basuke kwizenzo ezilethe ubuthakathaka embusweni, baqhubeka ekwenzeni isono, bezikhohlisa ukuthi uma isikhathi sifika, bazokwenyukela kumandla obupolotiki ababekufisa ngokuzihlanganisa nabahedeni."-*Prophets and Kings*, pp. 279, 280.

**b. Kulehora eliyingozi, mazwi-mani ethemba nesikhalo uNkulunkulu aqondisa umprofethi ukuba asimemezele-na? Hoseya 5:15; 6:1, 2. Futhi lokhu kusithinta kanjani thina namuhla-na?**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Labo abeqa umthetho banikezwa amathuba amaningi okuphenduka. Ngehora lokuhlubuka kwabo okujulile kanye nesidingo esikhulu, umyalezo kaNkulunkulu kubo wawungomunye wentethelelo nethemba."-Ibid., p. 283.

"Ngincenga abazalwane bethu ukuba baphaphame. Amandla esimoya azokhula abe buthakathaka ekugcineni aphele uma engasetshenziswa ukuzuzela imiphefumulo kuKristu. Kuzithethelela kuni okuzonikezwa ngokudembesela ubukhulu, nobubanzi bomsebenzi uKristu anikela ngokuphila Kwakhe ukuwuphelelisa?

"Asikwazi ukuthi ezinsukwini ezimbalwa esinazo kulomhlaba sichithe isikhathi ngeze singenzi lutho. Kufanele sithobe imiphefumulo yethu phambi kukaNkulunkulu, ukuze inhliziyo ngayinye ingaphuza eqinisweni, futhi ulivumele lisebenze ekuphileni kwenguquko ezovumisa umhlaba ukuthi ngempela yiqiniso likaNkulunkulu. Vumela ukuphila kufihleke kuKristu kuNkulunkulu. Kuphela uma sifuna iNkosi njengabantwana, uma siyeka ukuthola amaphutha kubazalwane nodade bethu, nakulabo abafuna ukuthwala ngokwethembeka umsebenzi wokuziphendulela, befuna ukulungisa izinhliziyo zabo noNkulunkulu, ingabe angasebenzisa thina sikhazimulise igama Lakhe."-*Testimonies for the Church,* vol. 9, pp. 105, 106.

**a. Yisiphi isithembiso esikhethekile uNkulunkulu asenza nebandla Lakhe ezinsukwini zokugcina futhi kungani kudingeka-na? Hoseya 6:3.**

"Esikhathini sokugcina, lapho umsebenzi kaNkulunkulu emhlabeni uvalwa, uma imizamo ekhuthele ibekwa phambili abakholwayo abazingcwelisile ngaphansi kokulawulwa uMoya Ongcwele kufanele bahambisane ngophawu olukhethekile lomusa ongcwele. Ngaphansi komfanekiso wemvula yokuqala neyokugcina, eyawela kumazwe aseMpumalanga ngesikhathi sokuhlwanyela nesokuvuna, abaprofethi bamaHeberu babikezela ukuthululwa komusa ongcwele ngesilinganiso esingavamile phezu kwebandla. Ukuthululwa koMoya ezinsukwini zabapostoli kwaba isiqalo semvula yokuqala, neyamuva, futhi umphumela wawujabulisa. Esikhathini sokugcina ubukhona boMoya kufanele kuhlale nebandla leqiniso.

"Kodwa eduze kokuvalwa kwesivuno somhlaba, ukuthululwa okukhethekile kwesimoya somusa kuthenjisiwe ukulungisela ibandla ukubuya kweNdodana yomuntu. Lokuthululwa koMoya kufaniswa nokuwa kwemvula yamuva; futhi kungenxa yamandla engeziwe ukuthi amaKristu kufanele athumele izicelo zawo eNkosini yokuvuna 'ngesikhathi semvula yamuva"-*The Acts of the Apostles*, pp. 54, 55.

**b. Kuyini okusivimbela ukuba samukele lesibusiso ngokuphelele-na? Hoseya 6:4-6.**

________________________________________________________________________

"Abaningi abaqondi ukuthi kumele bahleleke ukuze baphile ngaphambi kweNkosi ngaphandle kompristi omkhulu etabanakeleni ngesikhathi sohlupho. Labo abamukela uphawu lukaNkulunkulu ophilayo futhi bayavikelwe ngesikhathi sohlupho kufanele babonakalise umfanekiso kaJesu ngokuphelele.

"Ngabona ukuthi abaningi badembesela amalungiselelo adingeka kakhulu futhi babheke esikhathini 'sokuhlunyelelwa' ukubalungisa bafanele ukuma ngosuku lweNkosi nokuhlala phambi Kwakhe. Maye, bangakhi engababona ngesikhathi sohlupho bengenaso isivikelo! Baye badembesela amalungiselelo adingeka kakhulu; ngakho-ke abatholanga ukuhlunyelelwa lokhu sonke okufanele sibenakho okuzosenza silungele ukuphila phambi kukaNkulunkulu ongcwele. Labo abenqaba ukuqotshwa ngabaprofethi behluleke ukuhlanza imiphefumulo yabo ngokulalela iqiniso lonke, nabathanda ukukholwa ukuthi isimo sabo sigcono kakhulu kunalokhu esiyikho, bazofinyelela esikhathini sokuwa kwezibetho, futhi babone ukuthi bebedinga ukuqotshwa balungiselwe isakhiwo. Kodwa angeke kwabakhona isikhathi sokwenza lokho futhi kungekho noMlamuli ozoncengela indlela yabo phambi kukaBaba….[Isambulo 22:11 ngokuphindwa.] 'Ngabona ukuthi akukho noyedwa ongabelana 'nokuhlunyelelwa' ngaphandle kokuthola ukunqoba ngaphezu kwakho konke okufihlakeke, ukuzigabisa, ukuzifunela, ukuthanda ilizwe, ukudlula lonke izwi eliphambukile nesenzo."-*Early Writings*, p. 71.

**a. Kungayiphi indlela ukuxega kwabantu abazishoyo bakaNkulunkulu abakufanekisayo-na? Hoseya 7:2, 7-11, 15.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

**b. Yiziphi izimo zosuku lukaHoseya ezilinganiswa nezingozi zesimoya ebandleni namuhla-na? Hoseya 8:1-3; Jeremiya 23:1.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Kukhona abantu ngomlomo bekhonza uNkulunkulu labo abasitheza isoni ngokona kwabo. Abanaki imithetho kaNkulunkulu, bakhetha amasiko abantu, bawenze ubeyize umthetho kaNkulunkulu, futhi bakhulise uhlubuko. Ukuzithethelela abakwenzayo akunamandla futhi kubuthakathaka kulethelela imiphefumulo yabo imbhubhiso nemiphefumulo yabanye….

"Phezu kwalabo ababeke phezu kwabo umsebenzi wokwelusa umhlambi, bazohanjelwa ngezahlulelo ezinkulu, ngoba bafundise abantu izinganekwane esikhundleni seqiniso. Abantwana bazovuka futhi baqalekise abazali babo. Amalunga ebandla, ababonile ukukhanya bakuvuma, kodwa babeka ithemba lensindiso yemiphefumulo yabo kubafundisi, bazofunda ngalolosuku lukaNkulunkulu ukuthi akukho umphefumulo owodwa ozokhokha inani lokona kwabo. Isikhalo esikhulu sizozwakala, 'Ngilahliwe, ngilahliwe ingunaphakade.' Abantu bazozwa sengathi bangadabula kabili abafundisi babo abashumayele amanga futhi begxeka iqiniso. Iqiniso elihlanzekile lanamuhla elidinga imvuselelo yokuphila, kodwa bazehlukanisa ngokwabo ekuthandeni iqiniso, futhi ngabo kuzothiwa, 'Maye Israyeli, uzibulele ngokwakho.' UNkulunkulu uthumela isigijimi kubantu, 'ubeka icilongo emlonyeni wabo. Uzoza kuwe njengokhozi olumelene nendlu kaJehova, ngokuba usephulile isivumelwano Sami weqa umthetho Wami."-*The SDA Bible Commentary* [E.G. White Comments], vol. 4, p. 1157.

**c. Kungayiphi indlela ukukhonza izithombe nokukhonza inkohliso okwasebenzela ukuchitha uIsrayeli-futhi waba yini umphumela? Hoseya 8:5, 6.**

_______________________________________________________________________

"Izizwe ezilishumi zakwaIsrayeli manje zizovuna izithelo zokuhlubuka kwazo ezazithathile isimo ngokubeka ama-altare angaziwa eBetheli nakwaDani."-*Prophets and Kings*, p. 285.

## 5. IZIKHATHI EZINZIMA — Ngolwesine, Masingana 15

**a. Yisiphi isifundo esifundiswa sona ngesimiso sokutshala nokuvuna-na? Hoseya 8:7; Galathiya 6:7, 8.**

"Umhlaba ongakholwa….uthe wadelela futhi wanyathelela phansi amaqiniso ezwi likaNkulunkulu. Bathe bazitika ngokuchitha imali ezembathweni, bachitha ukuphila kwabo ngenjabulo nobukhazikhazi. Batshalile umoya; bazovuna isikhwishikhwishi. Ngesikhathi sosizi nokuhlupheka kwezizwe kuzobakhona abaningi abangazange bazinikela ngokuphelele kwimifutho eyonakalisayo yomhlaba nenkonzo kaSathane, abazozithoba phambi kukaNkulunkulu baphendukele Kuye ngenhliziyo yabo yonke bathole ukwamukelwa nokuthethelelwa.

"Phakathi kwabagcini beSabatha abangathandi ukwenza noma yikuphi ukuzidela, kodwa bazinikele kumfutho welizwe, bazovivinywa futhi balingwe. Izingozi zezinsuku zokugcina ziphezu kwethu, nesilingo esiphambi komusha esingalindelwe. Bazolethwa ekudidekeni okubanga usizi. Ubuqotho bokukholwa kwabo kuzovivinywa. Bayazisho ukuthi balindele ukuza kweNdodana yomuntu, nokho abanye kubo babe isibonelo esilusizi kwabangakholwa….

"Usuku losizi oludabukisa inhliziyo luphambi kwethu. Ngaboniswa ukuthi ubufakazi obukhonjiwe kufanele buvunywe, nokuthi labo abazofinyelela kusizo lweNkosi bazokwamukela isibusiso Sakhe."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, pp. 268-270.

**b. Kungani kuyisikhathi sethu sokunaka kakhulu intando kaNkulunkulu-na? Hoseya 8:12.**

"Ingabe izixwayiso ezivela kuNkulunkulu zizodlula zinganakwa-na? Ingabe amathuba okusebenza azohlala angathuthukiswa? Ingabe ukugcona kwelizwe, ukuzigabisa okunesizathu, ukuvumelana namasiko abantu kanye nemikhuba, kuzogcina abalandeli abazishoyo bakaKristu emsebenzini Wakhe? Ingabe bazokwenqaba izwi likaNkulunkulu njengabaholi bamaJuda abenqaba uKristu? Umphumela wesono samaIsrayeli uphambi kwethu. Ingabe ibandla lanamuhla lizothatha isixwayiso-na?"-*Christ's Object Lessons,* p. 306.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Masingana 16

1. **Kungani kubalulekile ukuphila ngakho konke ukukhanya esinakho kulezinsuku zokugcina?**
2. **Njengase-zikhathini zasendulo, kuyini okuphazamisa umsebenzi wethu?**
3. **Yisiphi isithembiso esiyigugu sokuphela kwesikhathi esingaguqula ukuphila kwami-futhi kungani?**
4. **Kunini futhi kungani uNkulunkulu eza njengokhozi ukumelana nendlu yeNkosi?**
5. **Yiziphi izinxenye zokuphila engidinga ukuzisebenzela izibopho ezilengela emhlabeni?**

# Ubugugu Bomusa kaNkulunkulu

**IVESI LEKHANDA: "Ngokuchithwa kwakho, Israyeli, ngokuba uphambene nami, usizo lwakho" (Hoseya 13:9).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 4, pp. 186-213.

"Yonke imisebe yokukhanya enqatshwayo, sonke isixwayiso eseyiswayo noma esinganakwa, yonke intukuthelo ethokozelwayo, konke ukwephulwa komthetho kaNkulunkulu, kuyimbewu etshalwayo ethela izithelo zesivuno esingapheli."-*The Great Controversy,* p. 36.

## 1. IZINSUKU ZOKUHANJELWA — NgeSonto, Masingana 18

**a. Yisiphi isixwayiso esifinyelela phansi ekuvalweni komusa-na? Hoseya 9:7.**

____________________________________________________________________________

"Inhliziyo ka A ayizange izinikele kuNkulunkulu. Unamandla namathalenta lawo okumele aziphendulele ngawo kulowo Muphi omkhulu wakho konke. Inhliziyo Yakhe ayizange ihlukaniselwe ukuphila kwakhe okungafanele ukuzisho kwakhe; nokho uxhumana ngokusondelene nomsebenzi ongcwele kaNkulunkulu ukudlula inxenye yeminyaka. Ukukhanya okunjani abenakho, amalungelo anjani? Uthe wathokozela amathuba angavamile okukhulisa isimilo somKrestu esibonakalayo. Amazwi kaKristu ngesikhathi ekhalela iJerusalema aqondiswa kuye: 'Sengathi ngawazi nawe ngalolosuku okokuthula, kepha kalokhu kufihlakele emehlweni akho.' Wena A, isijeziso sikaNkulunkulu siphezu kwakho, ngokuba ungasazanga isikhathi sokuhanjelwa kwakho.'

"U B, unikeza ingqondo efanayo, kodwa akalona igovu ngokuphelele. Bobabili bathanda kakhulu ukuzijabulisa kunokuthanda uNkulunkulu. Indlela yabo iphambene ngokuphelele nokuphila koMkrestu. Baswela ukuqina, ukuzibamba, ukuzinikela kuNkulunkulu. Ngo B ukusebenza komusa konke okwangaphandle. Uthanda ukuba nguMkrestu, kodwa akalweli ukugcina ukunqoba phezu kukamina nokwenza ukulahlwa ngecala lokuhle nokubi. Izenzo, kungesikho amazwi nezinhloso eziyize, ezamukelwa nguNkulunkulu.

"A, uzwile amazwi okukhuza kukaNkulunkulu, izeluleko, izixwayiso, kanye nokuncenga kothando. Kodwa ukuzwa akwanele. 'Yibani ngabalenza izwi, ningabi ngabalizwayo kuphela, nizikhohlisa.' Kulula ukuhanjiswa umsinga, nokumemeza uthi Hosana nesixuku; kodwa ekuzoleni kokuphila nsuku zonke, lapho kungekho ukujabula okukhethekile, bese kulandela isilingo soMkrestu weqiniso."-*Testimonies for the Church*, vol. 4, pp. 187, 188.

**a. Kungayiphi indlela isitha ngokuvamile siholela amakholwa encithakalweni-na? Hoseya 9:8, 9, 17.**

"[USathane] ubamba abesilisa nabesifazane abazifunelayo nabangazicwebisanga, futhi abenze abalindi bokubheka izinceku zikaNkulunkulu ezithembekile, ukubuza amazwi abo, izenzo zabo, imisuka yawo, nokuthola iphutha nokububula uma bekukhuzwa noma bexwayiswa. Ngabo udala ukucabangela nomona, azame ukwenza buthakathaka isibindi salowo othembekile, ukujabulisa ukungacwebile, nokuletha umsebenzi wezinceku zikaNkulunkulu ubeyize.

"USathane unamandla amakhulu phezu kwabazali ngenxa yabantwana babo abangenamthetho. Isono somzali onganaki sima njengophawu olumelana nabazali abagcina usuku lweSabatha. Umoya wokuhleba nokuhambisa amanga ezinye zezithunywa uSathane azisebenzisa ngokukhethekile ukudala ukungezwani nombango, ukwehlukanisa abangane, nokubukela phansi ukholo lwabaningi abathembekile kwizikhundla zabo. Abazalwane nodade abahlala belungele ukukhuluma amaphutha neziphambeko abacabanga ukuthi zikhona kwabanye, kakhulu kulabo abathe bathwala ngokuqina isigijimi sokukhuza nezixwayisa abanikezwe nguNkulunkulu.

"Abantwana balabo abakhonondayo balalela ngezindlebe ezivulekile bamukele ubuthi bokunganeliseki. Kanjalo abazali bavala ngobumpumputhe imikhawulo leyo izinhliziyo zabantwana ezingafinyeleleka. Mingakhi imikhaya abadla ukudla kwabo nsuku zonke ngokungabaza nangemibuzo. Bacwiya izimilo zabangane babo, futhi baziphake njengezibiliboco ezimnandi."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, pp. 194, 195.

**b. Beyiyini impande eyabangela ukwehluleka kwesimoya sikaIsrayeli-na? Hoseya 10:1; Dutoronomi 8:11-14.**

______________________________________________________________________________

"Abantu bakwaIsrayeli balahlekelwa umbono welungelo labo eliphakeme njengabameli bakaNkulunkulu. Bakhohlwa uNkulunkulu behluleke ukuphelelisa umsebenzi wabo ongcwele. Izibusiso abazitholile azilethanga isibusiso emhlabeni. Wonke amathuba bawahlelela ekuzidumiseni ngokwabo. Bavalela ngaphandle umhlaba ukuze babalekele isilingo. Izivimbelo uNkulunkulu azibeke kubangane abakhonza izithixo njengendlela yokubavimbela ekuphendukeleni kwizenzo zobuhedeni, babevame ukuziphakamisa njengezindonga ezibahlukanisa phakathi kwabo nezinye izizwe. Baphanga uNkulunkulu umsebenzi awufuna kubo, futhi baphanga abangane babo ukubaholela kwinkolo nesibonelo esingcwele. 'Abapristi nababusi bagxila kakhulu kwindlela yemikhosi enemithetho eminingi. Futhi babeneliswe inkolo esemthethweni, futhi bekungeke kwenzeke kubo ukunikeza abanye amaqiniso aphilayo asezulwini."-*The Acts of the Apostles*, pp. 14, 15.

## 3. UKUTHANJISWA KOMHLABATHI — Ngolwesibili, Masingana 20

**a. Kuncenga kuni uNkulunkulu akwenza kubantu Bakhe abanesimoya esingavumelani-na? Hoseya 10:12; Jakobe 4:8.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Amabandla ethu kufanele asisizane emsebenzini wokulima kwesimoya, ngethemba lokuvuna kamuva. Kukhona ukutetema okukhulu esizohlangabezana nako, izivimbelo eziningi zamacebo angcwele, ngenxa yobubi benhliziyo engakholwa. Kodwa umsebenzi kumele wenziwe. Umhlabathi ulukhuni, kodwa umhlaba ongahlanyeliwe kumele uhleshulwe, imbewu yokulunga kufanele ihlwanyelwe. Ningaphumuli, nina-bothishela abathandwa uNkulunkulu, kungathi niyangabaza ukwenza umsebenzi ozokhula njengoba wenziwa. Ungahluleki, futhi ungadangali. Labo abahlwanyela ngezinyembezi bazovuna ngenjabulo….Khumbula ukuthi angeke wathembela kumina."-*Testimonies for the Church*, vol. 6, p. 420.

**b. UNkunkulu ubonakalisa kanjani uthando olumnene kubantu Bakhe, elulela isandla Sakhe kithi nalapho singalaleli-na? Hoseya 11:1-4.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Noma manje eNyukele ebukhoneni bukaNkulunkulu, futhi abelane nesihlalo sezulu nomhlaba, uJesu akalahlekelwanga nalunye uzwelo lwemvelo Yakhe. Namuhla ubumnene obufanayo, inhliziyo enozwelo ivulelwe kulo lonke usizi lwabantu. Namuhla isandla esahlatshwa sifinyelela phambili ukubusisa kakhulu abantu Bakhe abasemhlabeni. 'Futhi abasoze babhuba, futhi kungekho muntu ongabasusa esandleni Sami.' Umphefumulo ozinikele uqobo kuKristu uyigugu kakhulu phambi Kwakhe kunomhlaba wonke. UMsindisi ngabe wadlula osizini olukhulu eKhalvari ukuze oyedwa angasindiswa embusweni Wakhe. Angeke-adela noyedwa lowo athe waMfela. Ngaphandle kokuthi abalandeli Bakhe bakhethe ukumshiya Yena, uzobabamba ngokuqinile.

"Phakathi kweziligo zethu zonke sinoMsizi ongehluleki-nanini. Akasishiyi sisodwa sishikashikeka yisilingo, ukulwa nobubi, ekugcineni sicifizwe yimithwalo nokudabuka. Nakuba manje ufihlakele phambi kwamehlo ofayo, indlebe yokukholwa ingalizwa izwi Lakhe lithi, Ungesabi; Ngizakuba nawe….Ngilubekezelele usizi lwakho, ngaba namava obunzima bakho, ngabhekana nezilingo zakho. Ngiyazazi izinyembezi zakho; Nami ngakhala. Usizi olujulile oluphefumulelwe endlebeni yomuntu, ngiyalwazi. Ungacabangi ukuthi ulahliwe noma udeliwe. Noma ubuhlungu bakho buthintwa intambo esabelayo noma kweyiphi inhliziyo emhlabeni, bheka Kimi, uphile."-*The Desire of Ages*, pp. 480-483.

**a. Kuyini okufanekisa ngokujulile umusa kaNkulunkulu-na? Hoseya 11:7-9; Luka 13:6-9.**

____________________________________________________________________________

"Ingabe [uNkulunkulu] udela abantu labo abenzele amalungiselelo angaka, ngisho nangeNdodana Yakhe ezelwe yodwa, ukucindezelwa komfanekiso Wakhe? UNkulunkulu uvumele iNdodana Yakhe ukuba inikelwe ngenxa yezono zethu. Yena uQobo wazazisa njengoMthwali Wesono isimilo somahluleli, ezindla uQobo izimpawu zothando lukababa.

"Lapho uthando Lwakhe luzincoma ngendlela emangalisayo kakhulu kwisizwe esihlubukayo. Umbono onjani wezingelosi okufanele siwubheke!"-*Testimonies to Ministers*, p. 246.

**b. Kungani uNkulunkulu esebenzisa abaprofethi-futhi kungani bengabanqumayo ekubuyiselweni kwesimoya-na? Hoseya 12:10, 13; Amose 3:7.**

____________________________________________________________________________

"Amazwi asobala abaprofethi naweNkosi ngoKwayo, kufanele amukelwe yithi njengezwi likaNkulunkulu kumphefumulo ngamunye."-*Prophets and Kings,* p. 327.

**c. Ngisho nasosizini lukaIsrayeli olwesabekayo, kuyini okubonisa ukuthi uNkulunkulu ulungile-na? Hoseya 13:4-9; 14:1.**

____________________________________________________________________________

"[Labo] abahluphekile kaningi bafaniswa njengabahanjelwe isijeziso phezu kwabo ngesimemezelo esiqondile sikaNkulunkulu. Kungenxa yokuba umkhohlisi omkhulu ufuna ukufihla umsebenzi wakhe. Ngokwenqaba okulukhuni kothando olungcwele nomusa, amaJuda abangela isivikelo sikaNkulunkulu sisuswe kubo, noSathane wavunyela ukubawula ngokuya ngokwentando yakhe. Ukuhlukunyezwa okwesabekayo okwenziwe ekubhujisweni kweJerusalema kubonisa amandla empindiselo kaSathane phezu kwalabo abazinikela ngaphansi kolawulo lwakhe.

"Angeke sazi ukuthi simkolota kangakanani uKristu ngokuthula nesivikelo esisithokozelayo. Kungamandla avikelayo kaNkulunkulu lawo avimbela uluntu ukuba ludlule ngokuphelele ngaphansi kolawulo lukaSathane. Lokungalaleli nokungabongi kunesizathu esikhulu sokubonga umusa kaNkulunkulu nokubekezela ekubambeni ukuqaphela amandla anolunya, amandla alimazayo alowo omubi. Kodwa lapho abantu abedlula umlinganiselo wokubekezela okungcwele, lesivikelo esisusiwe. UNkulunkulu akemi maqondana nesoni njengokubulala okungokomthetho nesigwebo esimelana nokweqa umthetho; kodwa uShiya abenqaba umusa Wakhe kubona, ukuba bavune lokhu abakutshalile."-*The Great Controversy*, pp. 35, 36.

## 5. OKUBUNILE-NOMA OKUKHULAYO — Ngolwesine, Masingana 22

**a. Kungayiphi indlela uJesu efanekisa isiphelo sabantu Bakhe njengesizwe-na? Mathewu 21:19, 20.**

___________________________________________________________________________

"UJesu wasondela kwisihlahla somkhiwane ngoba elambile, ukuthola ukudla. Kanjalo uza kuIsrayeli, elambile ukuthola kubo izithelo zokulunga. Ubanikile izipho Zakhe, ukuthi bathele izithelo ukuze babusise umhlaba. Wonke amathuba namalungelo bawanikeziwe, kamuva ufuna uzwelo labo nokusizana nabo emsebenzini Wakhe womusa. Ufisa ukubona kubo ukuzidela nozwelo, ukushisekela uNkulunkulu, nokulangazela komphefumulo ngensindiso yabangane babo. Uma begcina umthetho kaNkulunkulu, ngabe benze umsebenzi wokuzidela ofuna nalowo owenziwa nguKristu. Kodwa ukuthanda uNkulunkulu nabantu kwasithwa ukuzigabisa nokweneliseka. Baletha ukonakala phezu kwabo ngokwenqaba ukusebenzela abanye. Abagcini beqiniso lelo uNkulunkulu alibeke kubo, abalilethanga emhlabeni. Isihlahla esingatheli isithelo bangafunda kokubili isono sabo nesijeziso. Bayabuna ngaphansi kwesiqalekiso soMsindisi, bemi phambili bebhekile futhi behlakaziwe, bomiswe yizimpande, lesihlahla somkhiwane sibonisa ukuthi abantu bakwaJuda bazobayini lapho umusa kaNkulunkulu ususwa kubo. Benqaba ukwabelana ngesibusiso, angeke babuye bawuthole."-*The Desire of Ages,* p. 583.

**b. Kungayiphi indlela incwadi kaHoseya ivala ngokugcizelela ithemba likaNkulunkulu, ukwelapha, nobizo lokuhlakanipha-na? Hoseya 14:4, 5, 8, 9.**

___________________________________________________________________________

"Isitshalo siyakhula ngokwamukela lokhu uNkulunkulu akulungisele ukugcina ukuphila kwaso. Kanjalo ukukhula kwesimoya kutholakala ngokusizana nezithunywa ezingcwele. Lapho isitshalo sithola impande yaso emhlabathini, kanjalo nathi kufanele sithole impande kuKristu. Lapho isitshalo sithola ukukhanya kwelanga, amazolo, nemvula, kanjalo nathi kufanele sithole uMoya Ongcwele. Uma izinhliziyo zethu zihleli kuKristu, uzoza kithi njengemvula, imvula yamuva neyokuqala emhlabeni.' Kuyakuphuma ilanga lokulunga, liphumele phezu kwethu 'linokuphilisa emaphikweni alo.' Uyakukhula njengeminduze.' Bazakuphila njengamabele, bakhahlele njengomvini."-*Education,* p. 106.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Masingana 23

1. **Kuyini uNkulunkulu akudinga kithi ngosuku lokuhambela Kwakhe?**
2. **Kungani uNkulunkulu enganeliswa yinkolo nje yangaphandle kaIsrayeli?**
3. **Kusho ukuthini ukuphula umhlaba ongalinyiwe enhliziyweni osenzela kona?**
4. **Kuyini okufanele ngiqondise kukho kulemizuzu yokugcina yomusa?**
5. **Ngingaqiniseka kanjani ukuba ngibusiseke kunokususwa kuNkulunkulu?**

# UJoweli: Isithunywa Esizinikele

**IVESI LEKHANDA: "Bethani icilongo eSiyoni, ningcwelise ukuzila ukudla, nibize umhlangano" (Joweli 2:15).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies to the Church,* vol. pp. 11-18.

"Insika yefu ekhuluma ulaka nokwesaba koweqa umthetho kaNkulunkulu ukukhanya nomusa nokukhululwa kulabo abagcina umthetho Wakhe."-*Testimonies for the Church,* vol. 6, p. 404.

## 1. OKUPHATHELENE NESIKHATHINI ESIZAYO **NgeSonto, Masingana 25**

**a. Iyiphi ingozi enkulu umprofethi uJoweli ayivezayo-futhi ihlobana kanjani nesehlakalo esizayo-na? Joweli 1:10-12, 17-20; Isambulo 16:8, 9.**

______________________________________________________________________________

"Ngesibetho [sesine]….amandla anikezwa ilanga' ukushisa abantu ngomlilo. Abantu bashiswa ngokushisa okukhulu.' Vesi 8, 9. Abaprofethi bachaza isimo somhlaba ngesikhathi esisabekayo: 'Umhlabathi uyalila;….ngokuba amabele achithiwe….Yonke imithi yasendle ibunile: ngoba injabulo ibunile kumadodana abantu.' Imbewu iyabola, amagatsha awo sawenza abamhlophe, ngokuba isivuno samabele sichithekile….Yeka ukububula kwezilwane! Imihlambi yezinkomo ikhungathekile, ngoba ayinadlelo….imifula yamanzi yomile, nomlilo uqothule amadlelo asehlane.' 'Izihlabeleli zethempeli ziyakuba-ngukuhewula ngalolusuku, isho iNkosi uJehova: izidumbu ziyakuba ziningi, zilahlwe ezindaweni zonke; Thulani.' Joweli 1:10-12, 17-20; Amose 8:3.

"Lezibetho angeke zabakhona emhlabeni wonke, noma kwabakhileyo emhlabeni bazonqunywa ngokuphelele. Nokho zizobakhona izibetho ezimbi kunazo zonke ezake zafakazelwa ngabantu abafayo. Zonke izahlulelo phezu kwabantu, ngaphambi kokuvalwa komusa, zithe zahlanganiswa nomusa. Igazi elincengayo likaKristu lithe lavikela isoni ukwamukela ngesilinganiso sokona kwakhe; kodwa ekwahluleleni kokugcina, ulaka luthululwa lungaxutshaniswanga nomusa. Ngalolosuku, izinkulungwane zizolangazela isivikelo somusa kaNkulunkulu isikhathi eside udelelwa."-*The Great Controversy*, pp. 628, 629.

**a. Kuyini okumele sikukhumbule ngokuqinile-na? Joweli 1:15, 16.**

---

"Isikhathi sanamuhla esentakazelelo eqeda amandla kubo bonke abaphilayo. Ababusi neziphathimandla, amadoda aphethe izikhundla zokuthembeka negunya, ngicabanga ngabesilisa nabesifazane abasezigabeni zonke….bayabona ukuthi kukhona okukhulu nokunqumayo okuzokwenzeka masinyane-nokuthi umhlaba ufinyelele engozini emangalisayo.

"Manje izingelosi zibambe imimoya yezimpi, ukuthi ingabhebhetheki uze umhlaba uxwayiswe ngembhubhiso ezayo; kodwa isiphepho siyahlangana, silindele ukuchuma emhlabeni; lapho uNkulunkulu ezothi kwizingelosi Zakhe maziyeke imimoya, kuzobakhona isehlakalo sempi okungekho siba esingalufanekisa.

"IBhayibheli, iBhayibheli kuphela, elinika umbono oqondile ngalezizinto. Lapha kwembuliwe izehlakalo ezinkulu zokugcina zembali yalomhlaba, izehlakalo eziphonsa ithunzi lawo ngaphambili, umsindo wokusondela kwawo wenza ukuba umhlaba uzamazame nezinhliziyo zabantu ziphele amandla ngokwesaba."-*Education,* pp. 179, 180.

**b. Ngokukhanya kwengozi eseduze, yisiphi isinyathelo esisheshayo esiqondiswe kithi njengebakholwayo okumele senziwe ngentshiseko-na? Joweli 1:14; 2:1, 2.**

"Ngokubona usuku olukhulu lezwi likaNkulunkulu, ngolwimi oluzothile nolukhuthazayo, ubiza abantu Bakhe ukuba bavuke ebuthongweni besimoya nokufuna ubuso Bakhe nokuphenduka nokuthotshiswa."-*The Great Controversy*, p. 311.

**c. Isiprofetho sikaJoweli sifanekisa kanjani usuku lokubuya kukaKristu okwesibili-na? Joweli 2:3-6.**

"Masinyane amehlo ethu azodonseleka empumalanga, lapho ifu elincane elimnyama libonakala, lilingana nenxenye yesandla somuntu, sonke esilaziyo ukuthi liluphawu lweNdodana yomuntu….Uthingo lwaluphezu kwelifu, ngapha nangapha kukhona izingelosi eziyizinkulungwane ezilishumi, zihlabelela ingoma emnandi; phezu kwalo kuhlezi iNdodana yomuntu. Izinwele Zayo zimhlophe futhi ziphothene zilengela emahlombe Ayo; phezu kwekhanda Layo kukhona imiqhele eminingi. Izinyawo Zayo zibonakala kungathi ngumlilo; esandleni Sayo sokudla kukhona isikela elibukhali; nasesandleni sokunene, icilongo lesiliva. Amehlo Ayo anjengelangabi lomlilo, elihlola abantwana Bakhe ngempela. Ngaleso sikhathi bonke ubuso babonakala buphaphathekile, kulabo uNkulunkulu abalahlile kwakukhona ubumnyama."-*Early Writings,* pp. 15, 16.

**a. Yisiphi isiqiniseko uNkulunkulu asinikeza labo abaphenduka ngezinhliziyo eziqotho-na? Joweli 2:12, 13; Amahubo 34:18.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Ukuzila lokhu izwi likaNkulunkulu elikuqondisayo kukhulu kunesimo nje. Akubunjwanga kuphela ukwenqaba ukudla, ukwembatha ingubo yamasaka, ngokufafaza umlotha phezu kwekhanda. Labo abazila ngosizi lwangempela ngenxa yesono angeke babanjwa umbukiso.

"Umgomo wokuzila uNkulunkulu akubiza kithi ukuba sikugcine akukona okokuhlukumeza umzimba ngenxa yesono somphefumulo, kodwa ukusisiza ukuthi sibone isimilo esibi sesono, ukuthoba inhliziyo phambi kukaNkulunkulu nokuthola intethelelo Yakhe yomusa. Umyalo Wakhe kuIsrayeli uthi, 'Niklebhule izinhliziyo zenu, hayi izingubo zenu, niphendukele kuJehova uNkulunkulu wenu.'Joweli 2:13.

"Angeke kwasisiza ngalutho ukudabukela isono noma sizikhohlise thina ukuthi ngemisebenzi yethu emihle sizofaneleka noma sithenge ifa phakathi kwabangcwele….Ukuphenduka kusho ukusuka ekuzifuneleni sibheke kuKristu; uma samukela uKristu ukuze ngokukholwa angaphila ukuphila Kwakhe kithi, imisebenzi emihle izobonakala."-*Thoughts from the Mount of Blessings,* p. 87.

**b. Kuyini okungeniswa ngaphakathi kokuvuma esikudinga kakhulu-na? Mathewu 6:6; 1 Johane 1:9.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Vuma izono ezifihlakele uwedwa phambi kukaNkulunkulu. Vumela inhliziyo yakho izula zule Kuye owazi kahle ukuphatha indaba yakho. Uma uthe wona umakhelwane wakho, vuma kuye isono sakho ubonise isithelo esifanayo ngokwenza ukubuyisana. Bese ubiza isibusiso. Woza kuNkulunkulu njengoba unjalo, bese uyaMvumela ukuba elaphe ubuthakathaka bakho. Ncengisisa indaba yakho esihlalweni somusa; yenza umsebenzi kahle. Yiba ngoqinisekile ekusebenzeni noNkulunkulu nomphefumulo wakho. Uma uza Kuye ngenhliziyo ezisolayo ngempela, uzokunika ukunqoba. Kanjalo uzothwala ubufakazi obumnandi benkululeko, ulethe phambili ukubonga Kuye okubizile uphume ebumnyameni ungene ekukhanyeni Kwakhe okumangalisayo. Akasoze angakuqondi noma akwahlulele ngokungafanele. Abangane bakho angeke bathethelela isono sakho noma bakuhlanze ebubini bakho. UJesu kuphela ongakunika ukuthula. Uyakuthanda futhi waZinikela ngenxa yakho. Inhliziyo yothando Lwakhe olukhulu 'ithintwa yimizwa yokungalungi kwethu?' Yiziphi izono ezinzima kakhulu angehluleka ukuzithethelela-na? Umphefumulo omnyama kanjani nocindezelwe isono ukuba awusindise-na? Unomusa, engabhekile ukufaneleka kithi, kodwa ukufaneleka Kwakhe kobuhle obungenamkhawulo obelapha ukubuyela emuva kwethu futhi wasithanda ngesihle, lapho siseyizoni."-*Testimonies to Ministers,* vol. 5, p. 649.

**a. Chaza inyathelo eliphuthumayo ibandla likaNkulunkulu okufanele lilithathe. Joweli 2:15-17.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"UKristu uzoba nomfundisi ngamunye lowo, noma engazuzanga isimilo esiphelele, efuna ngokukhuthala ukufana noKristu. Umfundisi onjalo uzokhuleka. Uzokhala phakathi kompheme nealtare, ekhala ngomphefumulo olusizi efuna ubukhona bukaJehova ukuba bube naye; hleze angabinakho ukuma phambi kwabantu, nezulu lonke libheke kuye, nosiba lwengelosi luthatha umbiko wamazwi akhe, ukuziphatha kwakhe, nomoya wakhe."-*Testimonies to Ministers*, p. 143.

"Uma ikhethini lingabuyiselwa emuva, uzobanakho yini ukuhlukanisa inhloso kaNkulunkulu nezahlulelo ezizokwehlela umhlaba olahliwe, uzobona yini isimo sakho, ingabe uzokwesaba uthuthumele ngomphefumulo wakho nangemiphefumulo yabahlobo bakho. Umkhuleko ophikelelayo wokudabukela isono uzonyukela ezulwini. Uzokhala phakathi kompheme nealtare, uvume izono zobumpumputhe besimoya nokubuyela emuva."-*Testimonies for the Church*, vol. 6, p. 408.

**b. UNkulunkulu ufisa kanjani ukuphendula imikhuleko eshisekelayo enikelwa abantu Bakhe-na? Joweli 2:23.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Isitha siyahamba phezu kwezinceku zakhe ukuceba izilinganiso ezizovimbela kakhulu umsebenzi kaNkulunkulu; kodwa iziphathimandla ezisaba iNkosi ziqhutshwa izingelosi ezingcwele ukuvimbela amacebo anjalo ngezimpikiswano ezingaphenduleki. Kanjalo amadoda ambalwa azoqaphela umsinga onamandla wobubi. Abamelana nezitha zeqiniso bazovinjelwa ukuthi isigijimi sengilosi yesithathu singenza umsebenzi waso. Lapho isixwayiso sokugcina sinikezwa, sizobamba ukunaka kwamadoda aholayo lawo iNkosi esebenza ngawo, futhi abanye babo bazosamukela, futhi beme nabantu bakaNkulunkulu ngesikhathi sohlupho.

"Ingelosi ehlangana nesimemezelo sesigijimi sengelosi yesithathu ukuba ikhanyisele wonke umhlaba ngenkazimulo yayo. Umsebenzi uzokwenzelwa umhlaba wonke ngamandla angavamile abikezelwa ngaphambili. Intsukumo yokubonakala ngo-1840-1844 kwaba ukwembulwa okumangalisayo kwamandla kaNkulunkulu; isigijimi sengilosi yokuqala sahanjiswa kuzozonke izikhungo zevangeli emhlabeni wonke, futhi kwamanye amazwe kwabakhona intakazelelo enkulu yezenkolo ethe yafakazelwa noma kukweliphi ilizwe kusukela kwimvuselelo yamakhulu ayishumi nesithupha; kodwa lena kufanele yedlule ngamandla intshukumo ngaphansi kwesixwayiso sokugcina sengelosi yesithathu."-*The Great Controvesy*, pp. 610, 611.

## 5. ABANTU BOKUTHULA — Ngolwesine, Masingana 29

**a. Landa ukugcwaliseka kweziprofetho zikaJoweli. Joweli 2:28-32.**

_______________________________________________________________________________

"Ngiyakunxusa wena, mfundi othandekayo, Izwi likaNkulunkulu njengombusi wokukholwa kwakho nokusebenza kwakho. Ngezwi likaNkulunkulu sizokwahlulelwa ngalo. UNkulunkulu unakho, kuleloZwi, uthembisile ukusinikeza imibonono '*yezinsuku zokugcina;* kungesiwo umbusi omusha wokholo, kodwa ngenxa yenduduzo yabantu Bakhe, nokuqondisa labo abaphambuka eqiisweni leBhayibheli."-*Early Writings*, p. 78.

"Ngonyaka ka-Nhlaba 19, 1978, kumi emlandweni njengo 'Usuku Olumnyama.' Kusukela esikhathini sikaMose asikho isikhathi sobumnyama esijiyile ngokufanayo, ububanzi, nesikhathi, okuke kwabhalwa ngaphambili. Ukuchazwa kwalesehlakalo, njengoba kunikezwe ufakazi owabona, kungukuzwakala kwamazwi eNkosi, oke wabhalwa ngumprofethi uJoweli, iminyaka engamakhulu angamashumi amabili nanhlanu ngaphambi kokugcwaliseka kwawo. [Joweli 2:31 ngokuphindwa.]"-*The Great Controvesy,* p. 308.

**b. Naphezu kokuba nethemba lokuthula, yisiphi isiphelo esesabekayo abantu ekugcineni abazodonseleka kuso-na? Joweli 3:9, 10; 1 Thesalonike 5:3.**

_______________________________________________________________________________

"Umhlaba uyashukuma ngomoya wempi. Isiprofetho sikaDanyeli isahluko seshumi nanye cishe sifinyelele ekugcwalisekeni ngokuphelele. Masinyane izehlakalo zokuhlupheka okukhulunywe ngazo esiprofethweni zizokwenzeka."-*Testimonies for the Church,* vol. 9, p. 14.

**c. Abathembekile bazoba bekuphi ngaleso-sikhathi-na? Joweli 3:16; Amahubo 91:1-7.**

_______________________________________________________________________________

"Izivivinyo ezesabekayo nezilingo ezilindele abantu bakaNkulunkulu. Umoya wokulwa ushukumisa izizwe kusukela ekupheleni komhlaba ukuya ekupheleni komunye. Kodwa phakathi kwesikhathi sohlupho oluzayo-isikhathi sohlupho olungazange lubonwe selokhu kwabakhona isizwe-abantu abakhethekile bakaNkulunkulu bazokuma beqinile. USathane nebutho lakhe angeke babachitha, ngoba izingelosi ezinamandla amakhulu zizobavikela."-Ibid.*,* p. 17.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Masingana 30

1. **Kuyini okubangela isehlakalo esesabekayo esaprofethwa nguJoweli 1:15-20?**
2. **Impendulo enjani engizoba nayo ekubuyeni kwesibili kukaKristu?**
3. **Kungayiphi indlela futhi kungani sidinga ukuzithoba phambi kweNkos?**
4. **Chaza isibusiso esitholwa yilabo abazinikela ngempela kuNkulunkulu ekugcineni.**
5. **Manje ukudlula ngaphambili, kungani kufanele sigweme ukudumala empini yesimoya?**

# Umnikelo WeSabatha Lokuqala

ISabatha, Nhlolanja 7, 2026

## General Conference Welfare Department

I Welfare Department ye General Conference inhloso yayo ukukhulula ukuhlupheka okungafani ngenxa yezinhlekelele noma imvelo ethukutheliswayo. Abazalwane balahlekelwe izindlu zabo ngenxa yomlilo, izikhukhula, ngisho nezimpi nemibango.

Uma omunye ebona imisebenzi yabo icekelwe phansi, kuyinto ehlumelelayo kakhulu ukuthola isandla esisindayo selulwa, esiletha unakekelo nosizo. Labo abanamava enhlekelele enjalo kaningi bakhuluma ngenjabulo yokunakekelwa kwisimo sesidingo esikhulu futhi bayabonga ngamathuba okuba yinxenye yomkhaya wesimoya seqiniso.

Kukhona abanye abaphila ngaphansi kwezimo ezimbi kakhulu futhi abadla kanye ngosuku uma kwenzeka-nokho, ngisho naphakathi kwenhlupheko yabo ebukhali, bahlala beqinile ethembeni nokuqiniseka ukuthi uJesu uyabuya masinyane, futhi konke kuzodlula….Igatsha leWelfare futhi, lelulela ubungane besandla esisizayo. Ngamazwi kaKristu: "Njengokuba nikwenzile komunye walabafowethu abancane, nikwenzile kimi" (Mathewu 25:40), umsebenzi wethu uholwa ukuba siqonde ukuthi inkolo yangempela iqukethe kuphela amazwi kodwa izenzo zokunakekela izintandane, abafelokazi, abagulayo, kanye nababaleki emazweni abo. Uma iminikelo ifika kithi, masinyane siyayihambisa-sihlangana nezidingo ezinkulu kakhulu, kakhulu kwabendlu yokukholwa.

Izakhiwo zamabandla zidilizwe izinhlekelele zemvelo zithe zakhiwa futhi; izindlu ezishiswe ngumlilo, izikhukhula, nezinye izimo zenhlekelele, zithe zakhiwa futhi zalungiswa; abagulayo bathe belashwa; izintandane, abafelokazi nabantu abadingayo bathe bathola ukudla nezidingo eziyisisekelo. Okuningi kwenziwe, kodwa sisekude kunalokhu esikuhlosile, ukuba kungabikho oswelayo endlini yokukholwa, njengasesikhathini sePentekoste!

Ngalokhu, bazalwane abathandekayo, silindele izipho zenu, kakhulu-kodwa ngaphezu kwakho konke, ngothando-iminikelo! Lapho ubekela eceleni Umnikelo weSabatha Lokuqala, khumbulani ukuthi kungakanani enikuthole kuNkulunkulu; uzophindaphinda umnikelo wakho akuguqule kube kube yisibusiso, ngenxa yakho, umkhaya wakho nalabo obasizayo ezikhathini zobunzima.

"Kungenxa yokusebenza kothando olukhuthele olusondeza eduze amabandla ndawonye ngobunye bobuKristu. Ngenxa yothando lobuzalwane, uthando kuNkulunkulu luyakhula, ngoba ukuthi akabakhohlwa abathe badideka, futhi kanjalo iminikelo yokubonga yenyukela kuNkulunkulu ngomusa Wakhe."-*Counsels on Stewardship,* p. 344.

Kwangathi uNkulunkulu anganibusisa kakhulu!

*General Conference Welfare Department*

# U-Amose Ubizelwa Ukulungiselela

**IVESI LEKHANDA: "Zilungiselele ukuhlangana noNkulunkulu wakho, Israyeli" (Amose 4:12, isigaba sokugcina).**

**Izincwadi Ezinikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 8, pp. 329-335.

"Umsebenzi wethu ukumemezela umthetho kaNkulunkulu nobufakazi bukaJesu-Kristu. 'Zilungiselele ukuhlangana noNkulunkulu wakho' (Amose 4:12), isixwayiso okufanele sinikezwe umhlaba. Yisixwayiso esiza kumuntu ngamunye."-*Selected Messages,* bk. 2, p. 116.

## 1. UKUKHONZA UNKULUNKULU NOMA CHA — NgeSonto, Nhlolanja 1

**a. Emva kokusho iziphambeko zaseDamaseku, Gaza, Tire, Edomi, Amoni, Rahabi, noMowabi, sicelo sini uNkulunkulu asimemezela ngoJuda noIsrayeli, abazisho ukuthi bakhonza Yena-na? Amose 2:4-8.**

__________________________________________________________________________

**b. Kuyini iNkosi efakaza ngayo ngozwelo Lwakhe maqondana, nemiphumela yokweyisa kwabo umusa Wakhe-na? Amose 2:9-16.**

__________________________________________________________________________

**c. Yimuphi umbuzo obuzwayo uma kunokulahlwa kwethemba likaNkulunkulu-futhi lesi simiso sisebenza kanjani ebudlelwaneni babantu-na? Amose 3:1-3; Amahubo 11:3.**

__________________________________________________________________________

"Ingqondo yenyama ingavumelana kanjani nengqondo leyo efaniswa nengqondo kaKristu? Omunye uhlwanyela inyama, ecabanga futhi yenza ngokuya ngokusho kwenhliziyo yakhe; okunye kuhlwanyela uMoya, ofuna ukucindezela ukuzifunela, ukunqoba ukuthambekela, nokuphila ngokulalela iNkosi, njengenceku efakazela ukuthi uyiyo."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, pp. 507, 508.

"Kodwa-ke noma izimiso zomuntu zihlanzekile futhi zilungile, umfutho wabangani abangakholwa uzoba nomphumela wokubaholela kude noNkulunkulu."-*Patriachs and Prophets,* p. 174.

**a. Kungani singathokozele ngempela ukubaluleka kwesiprofetho-na? Amose 3:7, 8.**

__________________________________________________________________________

"Njengoba izinto ezifihlakele kungezeNkosi uNkulunkulu wethu,' 'lezo zinto ezembuliwe kungezethu nabantwana bethu naphakade.'…UNkulunkulu usinikile lezinto, futhi nezibusiso Zakhe zizonaka ngenhlonipho, ukuhlola ngokunakekela imibhalo eprofethiwe."-*The Desire of Ages,* p. 234.

**b. Ngeshwa, kungayiphi indlela ngokuvamile abantu bakaNkulunkulu abazishoyo bemphatha Ngayo-na? Amose 4:4-11.**

__________________________________________________________________________

"UJehova uyakushaya uIsrayeli, njengomhlanga unyakaziswa phakathi kwamanzi.'

"Nokho uJehova akazange amdele uIsrayeli ngaphandle kokwenza konke ukuze abuyele ekunamatheleni Kuye. Esikhathini eside sobumnyama, lapho ababusi ngokulandelana bema ngesibindi ukweyisa iZulu futhi baholele uIsrayeli ekujuleni okukhulu ekukhonzeni izithombe, uNkulunkulu wathumela isigijimi emva kwesigijimi kubantu Bakhe ababuyele emuva. Ngabaprofethi Bakhe wabanika wonke amathuba okugcina usizo lohlubuko ukuba babuyele Kuye. Phakathi kweminyaka elandelayo ukwehlukana kombuso, uEliya noElisha kwakufanele baphile futhi basebenze, nokuncenga okunesisa kukaHoseya noAmose noObadiya kwakufanele balalelwe yizwe lonke. Umbuso wakwaIsrayeli awuzange ushiywe ngaphandle kofakazi abahloniphekile ngamandla kaNkulunkulu ukubasindisa esonweni."-*Prophets and Kings,* p. 108.

**c. Njengo-Amose, yisiphi isigijimi okufanele sisithwala ngesibindi, njengoba kwenza u-Johane uMbhapathizi-na? Amose 4:12 (isigaba sokugcina); Mathewu 3:1, 2.**

__________________________________________________________________________

"Njengabantu abakholelwa ekubonakaleni kukaKristu masinyane, sinesigijimi okufanele sisithwale-'Zilungiselele ukuhlangana noNkulunkulu wakho.' Amose 4:12. Isigijimi sethu kufanele siqonde njengesigijimi sikaJohane. Wayekhuza amakhosi ebubini bawo. Enganendaba ukuthi ukuphila kwakhe ukufaka engozini, azange angabaze ukumemezela izwi likaNkulunkulu. Nomsebenzi wethu namuhla kufanele siwenze ngokwethembeka.

"Ukuze sibenakho ukunikeza umyalezo njengoba kwenza uJohane, kufanele sibenamava esimoya afana nawakhe. Umsebenzi ofanayo kufanele wenziwe kithi. Kufanele sibheke uNkulunkulu, futhi ngokubheka Kuye silahlekelwa umbono womina."-*Testimonies for the Church,* vol. 8, pp. 332, 333.

**a. Kungani uNkulunkulu ehlukile emhlabeni wonke, futhi kuncenga kuni okubonisa isifiso esishisekelayo sokunikeza othobekile lokhu okuhle kakhulu-na? Amose 4:13; 5:6-9, 14.**

__________________________________________________________________________

**b. Njengoba u-Amose abelana ngalamaqiniso, waphathwa kanjani-futhi wabayini umphumela ojwayelekile lapho ebhekene nezixwayiso kanye nokuncenga-na? Amose 5:10, 15-18.**

__________________________________________________________________________

"Inani elikhulu lalabo abezwa lezi zimemo [zika-Amose] zenqaba ukuthola inzuzo ngazo."-*Prophets and Kings,* p. 284.

**c. Kukhuza kuni maqondana nendlela yokuphila okufanele kube ubizo oluphaphamisayo-na? Amose 6:1, 3-7.**

__________________________________________________________________________

"Kukhona imisebenzi engavumelani okufanele yenziwe omunye uma kungenjalo imiphefumulo uzoshiywa ukuba ibhubhe. AmaKristu azothola isibusiso ekwenzeni lemisebenzi ebonakala ingathandeki ngempela. UKristu wathatha umsebenzi ongemnandi phezu Kwakhe evela kwikhaya elihlanzekeni nelenkazimulo enqabile, ukuba ahlale, engumuntu phakathi kwabantu, emhlabeni obuniswe yisono wabamnyama ngenxa yobugebengu, ubudlova, kanye nobubi. Wakwenza lokhu ukusindisa imiphefumulo; futhi uzoba uzothobisa zothando olumangalisayo nolungelinganiswe lokuthobela ukungabi nacala kokuphila kwabo ngokunethezeka kobugovu-na? Ingabe bazokhetha injabulo yabo, balandele ukuthambekela kwabo, bashiye imiphefumulo ibhubhele ebumnyameni ngoba behlangana nokudumala nokuxoshwa uma besebenzela ukubasindisa-na? UKristu wakhokha inani elingapheli ukuhlenga umuntu, futhi ingabe uzothi: Nkosi yami, angeke ngisebenze esivinini Sakho; ngiyakhuleka ungangibeki icala?

"UNkulunkulu ubiza labo abanethezekile eSiyoni ukuba basukume futhi basebenze. Angeke yini balalela izwi leNkosi-na? Udinga izisebenzi ezikhulekayo, ezithembekile ezizotshala eduze kwamanzi. Labo abasebenzayo bazomangala ukuthola ukuthi izilingo, ezithwalwa ngesibindi egameni nasemandleni kaJesu, zizoletha ukuqina ekukholweni zivuse kabusha ithemba. Endleleni yokulalela ngokuzithoba kuphephile futhi kungamandla, induduzo, nethemba; kodwa umvuzo ekugcineni uzolahleka kulabo abahlezi bangenzi lutho ngenxa kaJesu. Izandla ezibuthakathaka angeke zakwazi ukubambelela kuLowo Onamandla, amadolo abuthakathaka azohluleka ukusiza ngosuku lokuhlupheka. Abafundi beBhayibheli nezisebenzi zamaKrestu bazothola umvuzo ojabulisayo kakhulu, bezwe amazwi athi 'Wenze kahle, nceku ethembekile: ….ngena ekujabuleni kweNkosi yakho.'"-*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 76.

**a. Kuyini okwembula ukuthi ukuncenga kukaNkulunkulu okwanikezwa ngo-Amose kwakungathandeki ku-Amaziya, umpristi owayekhonza izithembo-na? Amose 7:10-13.**

______________________________________________________________________________

"Ngokuphikisana nezifiso ezimbi zezinkuthazo zazingamazwi esithunywa sikaNkulunkulu, sokuthi umpristi okhonza izithombe eBetheli wathumela kumbusi kwaIsrayeli, wathi, UAmose ukwenzele ugobe phakathi kwendlu yakwaIsrayeli; izwe alinakuthwala onke amazwi akhe.' Amose 7:10."-*Prophets and Kings,* p. 284.
"Okwesikhashana lezahlulelo ezibikezelwe zahlala, nangesikhathi eside sokubusa kukaJerobowamu II amabutho akwaIsrayeli anqoba izimpi eziphawulekayo; kodwa ngesikhathi sempumelelo ebonakalayo ayizange ilethe inguquko ezinhliziyweni zabangadabukeli ukono, ekugcineni zamemnyezelwa, 'UJerobowamu uyakufa ngenkemba, uIsrayeli athunjwe nokuthunjwa ezweni lakhe.' Amose 7:11.
"Isibindi salenkulumo sasilela enkosini nakubantu, kuze kube manje babeqhubeka ukungadabukeli kwabo ukona."-Ibid., p. 286.

**b. U-Amose waphendula kanjani amazwi ka-Amaziya anobutha-futhi amazwi omprofethi agcwaliseka kanjani kamuva-na? Amose 7:14-17; 1 Izikronike 5:25, 26.**

______________________________________________________________________________

"Amagama akhulunywa maqondana nezizwe ezihlubukile agcwaliseka ngempela, kepha ukubhujiswa kombuso kwafika kancane kancane….

"UThilegathi-philineseri, inkosi yaseAsiriya, yahlasela uIsrayeli yathumba abaningi phakathi kwezizwe ezazihlala eGalile nasempumalanga kweJoridane. 'Abakwa-Rubeni nabakwa-Gadi, nenxenye yesizwe sakwa-Manase,' nabanye abahlala 'eGileyadi, naseGalile, nalo lonke izwe lakwa-Nafethali' (1 Izikronike 5:26; 2 Amakhosi 15:29), bahlalazelwa phakathi kwabahedeni emazweni akude babasusa ePalistina.

"Kusukela ekushayweni okusabekayo kombuso wasenyakatho akuzange kubuyiselwe. Insali ebuthakathaka yaqhubeka ngemikhuba yombuso, yize ayengasekho amandla awo."-Ibid., p. 287.

**c. Lapho ulingeka ukuba ucabange ukuthi uNkulunkulu uyathalalisa ukuhlambulula inhliziyo yekholwa elizishoyo, futhi kuyini esikhunjuzwa kona-na? Amose 8:1-7; Heberu 4:12.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

## 5. INDLALA EYESABEKA KUNAZO ZONKE — Ngolwesine, Nhlolanja 5

**a. Chaza isehlakalo sendlala yesimoya esizayo masinyane. Amose 8:3, 11, 12.**

______________________________________________________________________________

"Umhlaba uyabhubha ngenxa yokuswela ivangeli. Kukhona indlala yezwi likaNkulunkulu. Kukhona abambalwa abashumayela izwi elingaxutshiwe namasiko abantu.'"-*Christ's Object Lessons,* p. 228.

"[Amose 8:3 ngokuphindwa.] Izibetho [ezikuSambulo 16] angeke zibekhona emhlabeni wonke, noma abakhileyo emhlabeni bezokhululwa ngokuphelele. Nokho kuzobakhona ukuhlushwa okwesabekayo okungazange kwaziwa ngabafayo."-*The Great Controversy,* pp. 62, 629.

"Labo abangazange bathanda Izwi likaNkulunkulu bayagijima behla benyuka, bezula-zula ukusuka olwandle ukuya kolunye, ukusuka enyakatho ukuya empumalanga, befuna Izwi likaJehova. Kusho ingelosi, 'Angeke balifumana. Kukhona indlala ezweni; kungesiyo indlala yesinkwa, noma yokomela amanzi, kodwa indlala yokuzwa amazwi eNkosi. Yini ababengeke bayifunda ngezwi elilodwa lokuvunywa nguNkulunkulu! Kodwa cha, kufanele balambe futhi baqhubeke bome. Usuku nosuku bathe beyisa insindiso, bathanda ingcebo yomhlaba nenjabulo kakhulu kunengcebo yasezulwini noma okuvumisayo. Bathe benqaba uJesu futhi badedela abangwele Bakhe. Ongcolile makazingcolise njalo.'

"Ababi abaningi bathukuthela kakhulu lapho behlupheka ngomphumela wezibetho. Bekuyisehlakalo sosizi olwesabekayo. Abazali babesola kanzima abantwana babo, nabantwana abazali babo, abafowabo odadewabo, nodadewabo abafowabo. Ukukhala okukhulu, kwakuzwakala ezindaweni zonke, 'Nguwe owangivimba kwamukela iqiniso engabe lingisindisile kulelihora elibi.' Abantu baphendukela kubafundisi babo ngenzondo ebabayo bebasola, bethi, 'Anisixwayisanga. Nasitshela ukuthi wonke umhlaba uzoguqulwa, nokukhala, Ukuthula, ukuthula, ukuthulisa konke ukwesaba okuthe kwavuswa. Anisitshelanga ngalelihora; nalabo abasixwayisa ngalo nathi bayahlanya futhi bangabantu ababi, abazosonakalisa.' Ngabona ukuthi abafundisi nabo abazange baluphephe ulaka lukaNkulunkulu. Ukuhlupheka kwabo kwakuphindwe kashumi ukudlula okwabantu babo."-*Early Writings,* pp. 281, 282.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Lwezi 7

1. **Ukuze kubekhona ukuvumelana kobudlelwane, kuyini okudingekayo?**
2. **Kuyini okudingeka kimi ukuba ngibe "ilahle elivuthayo elisuswe ngodlawu emlilweni"?**
3. **Kungani uAmose aphoqelelwa ukukhuza indlela yokuphila kwabaningi kwaIsrayeli?**
4. **Lapho izindaba ezingezinhle ezivela emthonjeni ophefumulelwe, kuyini okufanele ngikwenze?**
5. **Yisiphi isixwayiso okufanele ngisiqaphele ngobunjalo bukaAmose 4:11, 12?**

# Amandla Atholakala Ngokuphenduka

**IVESI LEKHANDA: "Lapho umphefumulo wami waphela amandla phakathi kwami; ngamkhumbula uJehova; umkhuleko wami wangena kuwo ethempelini lakho engcwele" (Jona 2:7).**

**Izincwadi Ezinikeziwe:** *Early Writings*, pp. 269-273;
*Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 62-84.

"Ubufakazi obuzothile lobo isiphelo sebandla esilengela kuso sithe sathathwa kalula; noma asithandwa ngokuphelele. Ubufakazi kumele busebenze inguquko ejulile, bonke abasamukela ngokweqiniso bazosilalela futhi bahlanjululwe."-*Early Writings*, p. 270.

## 1. UKUNYAKAZISA OKUHLUNGAYO — NgeSonto, Nhlolanja 8

**a. Ngenxa yokuthi ububi obukhulu buxubaniswe nokuhle, kuyini uNkulunkulu akwenzayo-na? Amose 9:9.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Ngabuza isizathu sokuthintitheka engikubonile futhi okwaboniswa ukuthi kuzobangelwa ubufakazi obuqondile obuzozwakala ngeseluleko sikaFakazi Oyisiminya kwabaseLawodekiya. Lokhu kuzoba nomphumela enhliziyweni yowamukelayo, futhi kuzomholela ukuba aphakamise izinga lokuhambisa iqiniso eliqondile. Abanye angeke bamukela ubufakazi obuqondile. Bazuvuka ukuba bamelane nalo, futhi yilokhu okuzobangela ukuthintitheka phakathi kwabantu bakaNkulukulu."- *Early Writings,* p. 270.

"Phakathi kwabantu bakaNkulunkulu abazishoyo bonakele ngezinhliziyo; kodwa bazovivinywa futhi balingwe. Nokuthi uNkulunkulu ohlola inhliziyo yomuntu ngamunye, uzoletha ekukhanyeni izinto ezifihlakele zobumnyama lapho ngokuvamile zisolwa kancane, ukuthi izihibe ezivimbelayo ezivimbela ukuthuthuka kweqiniso zingasuswa, futhi uNkulunkulu unabantu abahlanzekile nabangcwele abamemezela imithetho nezahlulelo Zakhe."- *Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 333.

"'UNkulunkulu uhlunga abantu Bakhe. Uzakuba nebandla elihlanzekile nelingcwele. Asikwazi ukuhlola inhliziyo yomuntu. Kodwa iNkosi isinikile izindlela zokugcina ibandla lihlanzekile. Umuntu omubi uyavuka lowo ongeke ahlale nabantu bakaNkulunkulu. Badelela ukukhuzwa, futhi abaqondiswa. Banethuba lokwazi ukuthi impi yabo ingcolile. Babe nesikhathi sokuphenduka ezonweni zabo; kodwa ukuzifunela bekuthandeka kubo kunokufa."-Ibid., p. 99.

**a. Kungayiphi indlela uNkulunkulu enamandla okuphatha labo abazidlayo-na? Amose 9:2; Obadiya 1:3, 4.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ukuziphakamisa umsuka oyingozi. Kungcolisa konke okuthintayo. Futhi kuyisithelo sokuzigabisa, futhi kusebenza ngobuqili ukuthi, uma kungaqashelwa, kuzobamba umcabango futhi kulawule nezenzo."-*The SDA Commemntary* [E. G. White Comments], vol. 7, p. 962.

**b. Umuzi waseNineva wawunjani-futhi kuyini umprofethi uJona akwenza lapho uNkulunkulu emkhetha ukuba ayoshumayela khona-na? Jona 1:1-3.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Njengoba umprofethi ecabanga ngobunzima obubonakala bungeke kwenzeka ngalomsebenzi, walingeka ukubuza ukuhlakanipha kwalobizo. Kusukela kumbono womuntu obonakala sengathi akukho okungazuzwa ngokumemezela isigijimi kulomuzi ozidlayo. Wakhohlwa ngaleso sikhathi ukuthi uNkulunkulu lowo amkhonzayo unokuhlakanipha konke namandla onke….

"Umyalo anikwa wona, uJona wethweswa ukuziphendulela okunzima; nokho Lowo owathi makahambe wayenakho ukugcina inceku Yakhe futhi ayiphumelelise. Uma umprofethi walalela ngaphandle kokubuza, ngabe wasinda kumava amaningi abuhlungu, futhi ngabe wabusiswa kakhulu. Kodwa ngehora lokudideka iNkosi ayizange imdele. Ngohlu lwezilingo nokuhlinzekela okungavamile, ithemba lomprofethi kuNkulunkulu namandla Akhe angapheliyo okusindisa kufanele avuselelwe."-*Prophets and Kings*, pp. 266, 267.

**c. UNkulunkulu uvame ukuveza kanjani uthando Lwakhe ngokuvimbela indlela yethu-na? Jona 1:4, 7-12.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Indlela yakho ibilokhu inothango oluphakeme, esandleni sokudla nesokunene, ukuvimbela intuthuko yokubhubha. INkosi ilethe ukungalawuleki kwakho, umoya wokuthanjiswa uzithobe Kuye. Ngokuhlanganisa ukwahlulela nomusa ulethwe ekuphendukeni. Njengo-Jona, owabalekela umsebenzi wanamuhla waya olwandle. UNkulunkulu uvimbele indlela yakho ngokuhamba kokuhlinzekela Kwakho."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, p. 423.

**a. UNkulunkulu onamandla-onke wabonakaliswa kanjani kumatilosi, futhi baphendula kanjani-na? Jona 1:13-16.**

____________________________________________________________________________

**b. Beliyini icebo likaNkulunkulu ngoJona, futhi lona obalekayo umkhuleko onjani awenzayo ephakathi kwesisu senhlanzi-na? Jona 1:17; 2:1-4.**

____________________________________________________________________________

**c. Chaza ukujula kokuphenduka kukaJona kuNkulunkulu. Jona 2:5-9. INkosi yaphendula kanjani umntwana wakhe othobekile-na? Jona 2:10.**

____________________________________________________________________________

"Ekugcineni uJona wafunda ukuthi 'insindiso ingekaJehova.' Amahubo 3:8. Ngokuphenduka nokuqonda umusa osindisayo kaNkulunkulu, kwasebenza inkululeko. UJona wakhululwa kwingozi yamandla ajulile futhi waphonswa emhlabeni owomileyo."-*Prophets and Kings,* p. 269.

**d. Singakhuthazeka kanjani ngesenzo esisha uJona asithathayo, esifana naleso sesithunywa sevangeli esisesisha kwiTestamende Elisha-na? Jona 3:1-3; Izenzo 15:36-39.**

____________________________________________________________________________

"[UBaraba] wazizwa esaba ukuthi uMarako angashiyi umsebenzi wokushumayela, ngoba ebona ukufaneleka okuzomenza alungele ukuba isisebenzi esisizayo sikaKristu. Emva kweminyaka eyedwa ngenxa kaMarako waklolenyiswa kakhulu, omusha wazinikela ngokuphelele eNkosini nokusebenza ekumemezeleni isigijimi sevangeli kumasimu alukhuni."-*The Acts of the Apostles,* p. 170.

"Isikhathi sifushane, lokhu okwenzayo kwenze ngokushesha. Qinisa ukuhlenga isikhathi. Ungafuni eyakho injabulo. Zixazulele ngokwakho! Bamba umsebenzi ngenhloso inhliziyo esentsha. INkosi izovula indlela phambi kwakho. Yenza imizamo yonke ngokungenzeka ukusebenza endleleni kaKristu, ngobumnene nokuthobeka, weyame emandleni Akhe. Qonda umsebenzi weNkosi akunikeze ukuba uwenze, futhi, wethembe uNkulunkulu, futhi uzokusiza emandleni ukuya emandleni, ukusuka emuseni ukuya emuseni. Uzosizwa ukusebenza ngokuhlakanipha, ngokubekezela, ngabantu bakho ekuhambeni kosuku; ngokuba buyeza ubusuku lapho kungeke kwasebenza muntu."-*Testimonies for the Church,* vol. 9, p. 200.

**a. Ukulalela uNkulunkulu, kuyini okwembula isibindi sikaJona esidingekayo manje-na? Jona 3:4.**

______________________________________________________________________________

"Ngesikhathi sempumelelo yesikhashana ngeNineve eligcwele ubugebengu nobubi. Umoya uthe waphawula 'njengomuzi wegazi,…ogcwele amanga nempango.' Ngolwimi olulinganisayo umprofethi uNahume eqhathanisa abaseNineve ngolunya, nangengonyama ehahayo. Phezu kwakhe,' uyabuza, ingabe ububi bakho abudlulelanga yini phezu kwakhe-na?' Nahume 3:1, 19."-*Prophets and Kings,* p. 265.

**b. Chaza ukuthi uNkulunkulu wabusisa kanjani umsebenzi kaJona ngendlela emangalisayo-futhi chaza ukuthi kungani ngokwethu kufanele siphaphame kwisinqumo iNiniva eyasenzayo. Jona 3:5-10.**

______________________________________________________________________________

"INineve, noma laplihenduke laba libi, lalingaphelele ebubini balo. Lowo 'Uyababona bonke abantwana babantu' (Amahubo 33:13) Iso lakhe liyabona konke okuyigugu' (Jobe 28:10) ebona lomuzi abaningi ababekhala kuye bekhalela okungcono nokuphakeme, nalowo, uma enganikwa ithuba lokufunda ngoNkulunkulu ophilayo, uzosusa izenzo zabo ezimbi bakhonze Yena."-Ibid.

"Lapho uJona ememeza ezitaladini zaseNineva ukuthi phakathi kwezinsuku ezingamashumi amane umuzi uzobhujiswa, iNkosi yamukela ukuthotshiswa kweNineva yengeza isikhathi somusa; nokho isigijimi sikaJona sathunyelwa kuNkulunkulu, neNineve lavivinywa ngokuya ngokwentando Yakhe."-*The Great Controversy,* p. 406.

"Ngubani owaziyo ukuthi abashumayeli abathembekile, nabaqinile, nabaqotho bangaba ngabokugcina abazonikela ngevangeli lokuthula emabandleni ethu angabongiyo? Ukuthi ababulalayo bayaqeqeshwa ngaphansi kwesandla sikaSathane futhi balindele ukusuka kwabambalwa abathwala ibhanela ukuba bathathe izindawo zabo, nangezwi labaprofethi bamanga bekhala, 'Ukuthula, ukuthula,' lapho iNkosi ingazange ikhulume ukuthula. Ngikhala kancane, manje ngithola amehlo agcwele izinyembezi; ziwela phezu kwephepha njengoba ngibhala. Akusekude abaprofethi phakathi kwethu bazoba sekugcineni, nezwi elishukumise abantu ukuba bangaphazamisi ukulala kwenyama yabo.

"Lapho uNkulunkulu ezokwenza umsebenzi wakhe ongavamile emhlabeni, lapho izandla ezingcwele zingasathwali umphongolo, usizi luzoba phezu kwabantu. Maye, ukuba abantu bethu bangenza, njengoba iNineve lenza, ukuphenduka ngamandla abo wonke futhi bakholwe ngenhliziyo yonke, ukuthi uNkulunkulu angaguqula ulaka lwentukuthelo Yakhe kubo."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 77, 78.

## 5. ININEVA IYAPHINDEKA NAMUHLA — Ngolwesine, Nhlolanja 12

**a. Ubuthakathaka bobuntu buka-Jona baphinde bazibonakalisa kanjani futhi-na? Jona 4:1-3.**

"Lapho uJona efunda inhloso kaNkulunkulu yokulondoloza umuzi, engenandaba nobubi bawo, waholelwa ukuba baphenduke ngokugqoka amasaka nokugcoba umlotha, bekumele abe ngowokuqala ukujabula ngenxa yomusa omangalisayo kaNkulunkulu; kodwa kunalokho wavumela ingqondo yakhe ukuba ihlale phezu kokuthi kungenzeka abhekwe njengomprofethi wamanga. Umona negama lakhe, walahlekelwa ngumbono wokubaluleka okukhulu okungapheli ngemiphefumulo yomuzi owonakele….

"Waphinda futhi wavumela ukuthambekela kwakhe ukubuza nokungabaza, futhi waphinda wakhungatheka futhi wadumazeka."-*Prophets and Kings,* p. 271.

**b. Ngokungafani no-Jona, kungani singajabula ngokweqiniso lapho imiphefumulo iphenduka-na? Jona 4:4, 11.**

"Isifundo siqondene nezithunywa zikaNkulunkulu namuhla, lapho amadolobha nezizwe zidinga ngempela ulwazi lokucabangela nezinhloso zikaNkulunkulu weqiniso njengoba zazinjalo ngeNineva yasendulo. Amanxusa kaKristu kufanele aqondise abantu kumhlaba ozothile, okukade ulahlekelwa umbono wawo ngobubanzi."-Ibid., p. 274.

"Izithunywa zikaNkulunkulu emadolobheni amakhulu akufanele zidangale ngenxa yobubi, ukungalungi, ukonakala, ezibizelwe ukububona lapho zizama ukumemezela izindaba ezimnandi zosindiso. INkosi izothokozisa isisebenzi ngasinye ngomyalo ofanayo nalowo aWunikeza umpostoli uPawule ngobubi baseKorinte: 'Ungesabi, kepha khuluma, ungathuli: Ngokuba mina nginawe akukho ozakusukela, akulimaze, ngokuba nginabantu abaningi kulomuzi….Kumuzi ngamunye, obonkala ugcwele ubugebengu nobudlova, kukhona abaningi ngemfundiso efanele bangafunda ukuba ngabalandeli bangaJesu."-Ibid*.,* p. 277.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Nhlolanja 13

1. **Kungani ukwehlukana ngenxa yokuthintitheka kudingeka?**
2. **Yibuphi ubufakazi ekuphileni kwami okwembula ukuthi uNkulunkulu uyalawula, hayi mina?**
3. **Lapho ngilingeka ukucabanga ukuthi uNkulunkulu angeke angizwe, isilingo sika-Jona singifundisani?**
4. **Noma iNineva labhujiswa kamuva, kungani lokhu kungenzekanga ezinsukwini ezingamashumi amane (40)?**
5. **Kuyini okufanele ngikugcine engqondweni ngenxa yemiphefumulo esemadolobheni aseduze nami?**

# Icebo LikaNkulunkulu Lokubuyisela

**IVESI LEKHANDA: "Bantu bami, nenzeni kini; kuyini engikukhathaze ngakho-na? Ngiphenduleni. Nganikhuphula ezweni laseGibhithe, nganihlenga endlini yezigqila" (Mika 6:3, 4 isigaba sokuqala).**

**Incwadi Enikeziwe:** *The Great Controversy,* pp. 253-264.

"Akekho umzali emhlabeni oke wancenga ngobuqotho umntwana ophambukayo njengaLowo osenza sincenge oweqa umthetho."-*Testimonies for the Church*, vol. 8, p. 275.

## 1. UBUNZIMA KWA-JUDA — NgeSonto, Nhlolanja 15

**a. Yizinto ezinjani ezaziqhubeka kwaJuda ngesikhathi u-Ahazi enyukela esihlalweni-na? 2 Amakhosi 16:2-4.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ukwenyukela kuka-Ahazi esihlalweni sobukhosi kwaletha uIsaya nabangane bakhe babhekane ubuso nobuso nezimo ezenyanyekayo ezike zabakhona embusweni wakwaJuda. Abaningi abathe bamelana ngaphambili nomfutho oyengayo wezithombe nezenzo manje baqhutshwa ukuthatha inxenye ekukhonzeni onkulunkulu bobuhedeni. Amakhosana akwaIsrayeli ayefakazela ukungalungi kwethemba labo; abaprofethi bamanga babevuka nezigigijimi ezidukisayo; ngisho nabanye abapristi babefundisa ukuba babaqhashe. Kodwa abaholi abahlubukile babelokhu begcina isimo senkonzo engcwele futhi befuna ukuba babalwe phakathi kwabantu bakaNkulunkulu."-*Prophets and Kings,* p. 322.

**b. UNkulunkulu waphendula kanjani kulezinto ezinyanyekayo-na? Jeremiya 7:30-34.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Imicabango ephambukile yokucabangela okungcwele, izizwe zobuhedeni zaholelwa ukukholelwa kwimihlatshelo yabantu eyayidingeka ukugcina umusa wonkulunkulu babo; futhi nolunya olwesabeka kakhulu olwalusebenza ngaphansi kwezimo ezihlukahlukene zezithixo. Phakathi kwalezenzo ezazibangela abantwana babo ukuba badlule emlilweni phambi kwezithixo….Ngezikhathi zohlubuko olukhulu lezenzo ezinyanyekayo zazikhona, ngobubanzi, phakathi kwamaIsrayeli."-*Patriachs and Prophets,* p. 337.

**a. Ngaphandle kukaIsaya noJeremiya, ngubani omunye uNkulunkulu ambiza ukuba aprofethe kuJuda-futhi kungani-na? Mika 1:1-5; 2:1, 2, 7.**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

**b. Ngesikhathi kubusa uHezekiya, indodana kaAhazi, uMika kwakufanele abhekane kanjani nabaprofethi bamanga-futhi kungani lokhu kudingeka namuhla-na? Mika 3:5-8; 2 Thimothi 4:3, 4.**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"Lapho uNkulunkulu ethumela kubantu izixwayiso ezibaluleke kakhulu ezifanekiswa njengezimemezelwa ingelosi endiza emkhathini wezulu, uFuna wonke umuntu onikwe amandla okucabanga ukuba aqaphele isigijimi. Izahlulelo ezisabekayo ezisolayo zimelane nokukhonza isilo nomfanekiso waso (Isambulo 14:9-11), kufane ziholele bonke ukuhlola ngokukhuthala iziprofetho nokufunda ukuthi luyini uphawu lwesilo, nokuthi bangagwema kanjani ukulamukela. Kodwa iningi labantu liguqula izindlebe zalo ekulaleleni iqiniso futhi ziguqulelwa ezinganekweni. UMpostoli uPawule uthi, uma ebheka izinsuku zokugcina; 'Isikhathi siyeza abangayikuvuma isifundiso esiphilayo.' 2 Thimothi 4:3. Lesikhathi sesifikile ngempela. Iningi labantu alifuni iqiniso leBhayibheli, ngoba liphazamisa izifiso zokona, inhliziyo ethanda okomhlaba; uSathane ubalethela izinkohliso abazithandayo.

"Kodwa uNkulunkulu uzoba nabantu emhlabeni abazogcina iBhayibheli, iBhayibheli kuphela, njengezinga lezimfundiso zonke nezisekelo zonke zemvuselelo. Imicabango yabantu abafundile, ukuphungula isayensi, ukuvuma inkolo noma izinqumo zemikhandlu yabafundisi, ngobuningi abavumelani njengoba enjalo amabandla abawamele, izwi labantu abaningi-akukho noyedwa noma abaningi konke lokhu kumele kubhekwe njengobufakazi obumelene nomcijo webandla labakholwayo. Ngaphambi kokuba wamukele noma ngeyiphi imfundiso noma isimiso, kufanele ufune ngokusobala 'Isho njalo iNkosi' ekusekeleni kwayo."-*The Great Controversy,* p. 594, 595.

**c. Chaza ingozi yokuzenzisa okukhethekile. Mika 3:9-12.**

____________________________________________________________________________

"[Mika 3:9-11 ngokuphindwa] Lamazwi achaza ngempela ukonakala nokuzenzisa kwabahlali baseJerusalema. Lapho bezisho ukuthi bagcina ngokuqinile izimiso zomthetho kaNkulunkulu, kepha bephula zonke izimiso zawo….Lapho bebulala uMsindisi wabo ngokukhuza izono zabo, kwakunjalo ukuzenzisa kwabo futhi bezibheka ngokwabo njengabantu uNkulunkulu abathandayo futhi belindele iNkosi ukuba ibakhulule ezitheni zabo."-Ibid., p. 27.

**a. Kuyini okwalibazisa isijeziso esabikezelwa nguMika-futhi lokhu kubonisa kanjani umusa kaNkulunkulu-na? Jeremiya 26:18, 19.**

___

**b. Yisiphi isithembizo uNkulunkulu asinikeza labo abanqobayo-futhi lomcijo ukhomba kanjani ekubuyiselweni kwe-Edeni? Mika 4:1, 2, 6-8.**

___

"USathane, ngezindlela zempumelelo yakhe yokuguqula umuntu endleleni yokulalela, 'unkulunkulu walelizwe.' 2 Korinte 4:4. Umbuso ekuqaleni obungoka-Adamu wadlulela enyokeni. Kodwa iNdodana kaNkulunkulu yaceba ukuza emhlabeni ukuthatha isijeziso sesono. Kanjalo wayengahlengi kuphela umuntu, kodwa nokubuyisela umbuso owamlahlekelayo. Kungenxa yalokhu kubuyisela uMika aprofetha ngakho lapho ethi, 'Wena mbhoshongo womhlambi, negquma lendodakazi yaseSiyoni kuyakufika, umbuso wendodakazi yaseJerusalema."-*Prophets and Kings,* p. 682.

"Intakazelelo enkulu ebonakala kubantu yizinqumo zezinkantolo zomhlaba kodwa zifanekisa kancane intakazelelo ebonisa izinkantolo zezulu lapho amagama efakwa encwadini yokuphila ezulwini elethwa embonweni phambi koMahluleli wezwe lonke. UMlamuli ongcwele uletha ukuncenga ukuthi bonke abanqobile ngokukholwa egazini Lakhe baxolelwe iziphambeko zabo, ukuze babuyiselwe ekhaya labo lase-Edeni, baqheliswe njengezindlalifa kanye Naye 'ukubusa kokuqala.' Mika 4:8. USathane emizameni yakhe yokukhohlisa nokulinga isizwe ucatshangwa njengovimbela icebo elingcwele lokudala komuntu; kodwa manje uyacela ukuthi lelicebo lihanjiswe ngempumelelo kungathi umuntu akazange awele esonweni. Akaceleli ukuthi abantu Bakhe bathethelelwe balungisiswe kuphela, ngokugcwele futhi nangokuphelele, kodwa ukuba yinxenye yenkazimulo Yakhe kanye nendawo embusweni Wakhe."-*The Great Controversy*, pp. 483, 484.

**c. UMika nabanye baprofetha kanjani ngokunqoba kokugcina-na? Mika 4:10-12.**

___

"Abaprofethi lezehlakalo ezinkulu ezembulwa bona ukuthi balangazelele ukuqonda ukusebenza kwazo….

"Kithina esimi emngceleni ngempela wokugcwaliseka kwazo, umzuzu ojulile kangakanani, intakazelelo enjani yokuphila, ingabe lokufanekiswa kwezinto ezizayo-izehlakalo lezo, kusukela abazali bethu bokuqala beguqula izinyawo zabo besuka eEdeni, abantwana bakaNkulunkulu bathe baqaphela futhi balinda, belangazelela futhi bekhuleka!"-*Education,* p. 183.

**a. Ngobuningi bokuthululwa komusa kaNkulunkulu, isiprofetho sikaMika 5:1, 2 sembula kanjani imvelo yobungcwele obungunaphakade kukaKristu bugcwaliseka-kodwa ubuhle balo bengamelwa kanjani-na? Mathewu 2:3-6.**

---

"Ngenxa yabokhokho nabaprofethi, nangenxa yezimpawu nezibonelo, uNkulunkulu ukhuluma nomhlaba maqondana noMkhululi wesono ozayo. Uhlu olude lweziprofetho eziphefumulelwe zikhomba ukubonakala kwalowo 'Olangazelelwa izizwe zonke.' Hagayi 2:7. Ngisho nendawo azalelwa Kuyo nesikhathi sokubonakala Kwakhe zabhalwa ngokucophelisisa okuqondile. INdodana kaDavide kufanele izalwe emzini kaDavide."-*Prophets and Kings,* p. 697.

"Ngesikhathi sokubonakala kokuqala kukaKristu abapristi nababhali eMzini Ongcwele, kulabo ababethweswe imithetho kaNkulunkulu, ngabe bahlukanisa izimpawu zezikhathi bamemezele ukuza kwaLowo Othenjisiwe. Isiprofetho sikaMika sikhomba indawo yokuzalwa Kwakhe; uDanyeli usho isikhathi sokubonakala Kwakhe. Mika 5:2; Daniyeli 9:25. UNkulunkulu wanikeza leziprofetho kubaholi bakwaJuda; bebengeke bangabi necala lokuthi abazi futhi abamemezeli kubantu ukuthi uMesiya uyeza futhi useduze. Ukungazi kwabo kwaba ngumphumela wesono sokunganaki. AmaJuda akha izakhiwo zezikhumbuzo zabaprofethi bakaNkulunkulu ababuleweyo, ngesikhathi bebonwa njengabantu abakhulu bomhlaba babekhonza izinceku zikaSathane. Becwile kwizifiso zezikhundla ezinkulu nombango wendawo namandla phakathi kwabantu, balahlekelwa ukuhlonishwa kwaphezulu ebabekele yona iNkosi yezulu."-*The Great Controversy,* p. 313.

**b. Kuyini okwembulwa icebo likaNkulunkulu ngensali yakwaIsrayeli-na? Mika 5:7.**

"Lowo onokuthula noNkulunkulu nabazalwane bakhe angeke adideka. Umona angeke wabakhona enhliziyweni yakhe; ukucabangela okubi angeke kwathola indawo lapho; inzondo angeke yabakhona. Inhliziyo evumelana noNkulunkulu ingumhlanganyeli wokuthula kwezulu futhi ihlakaza umfutho wawo yonke indawo. Umoya wokuthula uzohlala njengamazolo phezu kwezinhliziyo ezisindwayo nezihluphekile ngenxa yombango womhlaba.

"Abalandeli bakaKristu bathunyelwe emhlabeni bephethe isigijimi sokuthula. Noma ngubani, ngokuthula, ngomfutho ongazelelwe wokuphila okungcwele, uzokwembula uthando lukaKristu; noma ngubani, ngezwi noma ngesenzo, uzoholela omunye ukuba alahle isono anikele inhliziyo yakhe kuNkulunkulu, lowo ungumlamuli….

"Usawoti omnandi kaKristu wawubazungezile. Iphunga lokuphila, ubuhle besimilo, wembula emhlabeni umcijo wokuthi bangabantwana bakaNkulunkulu."-*Thoughts from the Mount of Blessings*, pp. 27-28.

## 5. UKULUNGA KUKA-JEHOVA — Ngolwesine, Nhlolanja 19

**a. Kuncenga kuni okumangalisayo uMika akwenza ngesikhathi kubusa uAhazi, emema uIsrayeli owonayo ukubuyisela inkonzo yakhe kuNkulunkulu-na? Mika 6:2-5.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"UNkulunkulu uphikisana nabobonke abenza ukungalungi nokuncane; ngokuba ngokwenzenjalo benqaba igunya likaNkulukulu futhi bafaka engozini intakazelelo yokubuyisana, ukuhlengwa lokhu uKristu akwenzile yonke indodana noma indodakazi kaAdamu. Ingabe uzothatha indlela yokwenyanyeka kuNkulunkulu? Uzokhokha yini ukubeka impepho yomlilo ongaziwa ukunikela phambi kukaNkulunkulu, uthi awukho umehluko?"- *Testimonies to Ministers,* p. 373.

**b. Kuncenga-kuni kwenhliziyo efudumele yabantu abaningi uNkulunkulu afisa ukubaphendula-na? Mika 6:6, 7; Jeremiya 8:22; Johane 1:29.**

______________________________________________________________________________

"Akunakwenzeka kithi, nangokwethu, ukubalekela umgodi wesono esikhalakethele kuwo. Izinhliziyo zethu zimbi, futhi asikwazi ukuziguqula ngokwethu….

"Akwanele ukubona uthando-olumnene lukaNkulunkulu, ukubona isihe sikaNkulunkulu, ubumnene bukaBaba, besimilo Sakhe. Akwanele ukwehlukanisa ukuhlakanipha nokulunga koMthetho Wakhe, ukubona ukuthi usekelwe phezu kwesimiso sothando olungunaphakade. Umpostoli uPawule wabona konke lokhu lapho ememezela ukuthi, 'Ngiyawuvumela umthetho ukuthi muhle.' 'Umthetho ungcwele, nomyalo ungcwele, ulungile, muhle.' Kodwa uyengeza, ngobuhlungu benhliziyo nosizi lomphefumulo wakhe nokuphelelwa yithemba, 'Kepha mina ngingowenyama, othengisiwe phansi komthetho.' Roma 7:16, 12, 14. Wayelangazela ukuhlanzeka, ukulunga, lokhu engenamandla okukubamba, wakhala, 'Wo mina muntu wosozi, ngubani oyakungikhulula kulomzimba wokufa-na? Roma 7:24, umsikelo. Kunjalo ukukhala okwenyukela phezulu kuvela ezinhliziyweni ezisindwayo emazweni wonke nezikhathi zonke. Kubo bonke, kukhona impendulo eyodwa, 'Bheka iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe.' Johane 1:29."-*Steps to Christ,* p. 18, 19.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Nhlolanja 20

1. **Ngeyiphi imbali okufanele siyiqaphele uma siceba ukumdumisa?**
2. **Kuyini okumele kuphawule imfundiso yebandla likaNkulunkulu ezinsukwini zokugcina?**
3. **Kungani uMika wabanakho ukugcwaliswa ngethembe lesikhathi esizayo?**
4. **Yisho umahluko phakathi kwamaJuda ngosuku lukaKristu nensali yokugcina.**
5. **Kuyini okwenza kuphumelele ukuba uNkulunkulu afinyelele enhliziyweni yomntwana Wakhe ophamukayo?**

**ISABATHA, NHLOLANJA 28, 2026** **Isifundo 9**

# Siyakwazi Esifanele Sikwenze

**IVESI LEKHANDA: "Ukutshelile, muntu, okuhle; uJehova ufunani kuwe, kungabi ngukwenza ukulunga kuphela nokuthanda umusa, uhambe noNkulunkulu wakho ngokuthobeka-na?" (Mika 6:8).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church*, vol. 4, pp. 306-313;

"Labo abanethemba elithobekile, ngokudabuka kwenhliziyo, uNkulunkulu uyabamukela, futhi ulalela imikhuleko yabo, lapho uNkulunkulu eletha usizo, zonke izivimbelo zizonqotshwa."- *Testimonies for the Church*, vol. 4, p. 539.

## 1. PHAMBI KUKA-NKULUNKULU NgeSonto,Nhlolanja 22

**a. Umprofethi uMika wafingqa kanjani kalula incazelo umsebenzi wethu maqondana noNkulunkulu-na? Mika 6:8.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Amazwi nomthetho kaNkulunkulu, abhalwe emphefumulweni, abonakala ekuphileni, okungcwele, anomfutho onamandla okulahla ngecala umhlaba. Ukufisa, okuyisithixo, umona, nokuthanda ilizwe, kuzokhishwa kusuke ezinhliziyweni zalabo abalalela uKristu, futhi kuzoba intokozo yabo ukwenza ukulunga, bathande umusa, futhi bahambe ngokuthobeka phambi kukaNkulunkulu. Maye, kungakanani okuqukethwe kulokhu, ukuhamba ngokuthobeka phambi kukaNkulunkulu! Umthetho kaNkulunkulu, obhalwe enhliziyweni, uzoletha ingqondo ibekwa ngaphansi kokulalela uKristu."-*Testimonies for the Church,* vol. 3, p. 201.

**b. Sikhunjuzwa kanjani ngesidingo sobuqotho obungelinganiswe? Mika 6:11.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ukusuka okuncane eqinisweni, ukuphenduka kancane kwizimfuno zikaNkulunkulu, umcabango okumele ubekhona, emva kwalokho, ukuthi akunasono, lapho imali izuzwa noma ilahleko kwengeniso. Kodwa isono, noma senziwa yilowo onaso abayizigidi noma yilowo ocela emigwaqeni. Labo abagcina impahla yalabo ababamele abanamanga futhi baletha ukulahlwa kwemiphefumulo yabo."-Ibid., vol. 4, p. 311.

## 2. ISIMO SETHU VS INKAZIMULO KANKULUNKULU **NgoMsombuluko, Nhlolanja 23**

**a. Iyiphi incazelo efanele enikezwayo ngesimo sabantu abazishoyo baNkulunkulu osukwini lukaMika-na? Mika 7:2-4.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Lesi isikhathi ngempela sosizi olukhulu ngenxa yesizwe esikhethekile. Emva kweminyaka embalwa, imibuso elishumi yombuso wakwaIsrayeli kwakufanele ihlakazeke phakathi kwezizwe zobuhedeni. Futhi kumbuso wakwaJuda okungaphambili kwakubonakala kumnyama. Amandla okwenza okuhle ayencipha ngokushesha, amandla obubi ayekhula kakhulu."-*Prophets and Kings,* p. 324.

**b. Yimuphi umbono ngempela osisizayo ukuba sihlale sigxilile kwisidingo sethu uNkulunkulu-na? Mika 7:5-7; Amahubo 60:11.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

**c. Chaza ithemba eliyigugu bonke abenelungelo lokusibamba ngokukholwa. Mika 7:8, 9.**

____________________________________________________________________________

"Icebo lezulu ngensindiso libanzi ngokwanele ukusingatha umhlaba wonke. UNkulunkulu ufisa ukuphefumulela kumuntu umoya wokuphila. Futhi angeke avumela noma yimuphi umphefumulo udumazeke lowo oqinisekile ekufiseni kwakhe okuthize okuphakeme nokuthobekile kunoma yini enganikezwa umhlabba. Ngezikhathi zonke uthumela izingelosi kulabo, abazungezwe izimeko eziqeda amandla, bekhulekela ngokukholwa amandla aphakeme kunabo ukuthatha indawo yabo alethe inkululeko nokuthula. Ngezindlela ezihluka-hlukene uNkulunkulu uzozembula uQobo kubo uzofaka ukuxhumana nokunikeza okuzosungula ukuthembela kwabo kulowo othe wazinikela ukuba yisiHlengo sabo bonke, 'Ukuba babeke ithemba labo kuNkulunkulu, bangakhohlwa imisebenzi kaNkulunkulu, kepha bagcine imiyalo Yakhe.' Amahubo 78:7."-*Prophets and Kings,* pp. 377, 378.

**d. UMika uchaza kanjani ngokusobala ukudumisa isimilo sikaNkulunkulu-na? Mika 7:18, 19.**

____________________________________________________________________________

"Iqiniso elikhazimukayo, emthethweni Wakhe kuphela, kodwa lowo Olungisisa bonke abakholwa kuJesu."-*Thought from the Mount of Blessing,* p. 116.

**a. Singafingqa kanjani ukulinganisa ngempela isimilo sikaNkulunkulu-na? Nahume 1:3.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Lowo ohlala ngaphakathi kwendawo engcwele wahlulela ngokulunga. Injabulo Yakhe inkulu kubantu Bakhe, abahlupheka ngesilingo ezweni lesono, kunexuku lezingelosi elizungeze isihlalo Sakhe sobukhosi."-*Christ's Object Lessons,* p. 176.

"Ukubekezela kukaNkulunkulu kuyamangalisa. Isikhathi eside ukulunga kulindile lapho umusa uncenga isono."-Ibid., p. 177.

**b. Ngokubona ukuthi isihawu sikaNkulunkulu sibalulekile ebukhoneni bethu, kuyini okunye esidinga ukuba sikukhumbule njalo-na? Nahume 1:5-8.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"UNkulunkulu uyabekezela, engathandi ukuba kubhubhe namunye; kodwa ukubekezela Kwakhe kunomlinganiso, futhi lapho umkhawulo usudlulele, awukho umusa wesibili. Ulaka Lwakhe luzoqhubekela phambili futhi uzobhubhisa ngaphandle kweselapho.

"Lapho abantu, abasezikhundleni eziphakeme, becindezela futhi bephanga abahlobo babo, futhi akukho mbuso ongatholakala wenza okulungile, uNkulunkulu uyangenelela ngenxa yalabo abangenakho ukuzivikela. Uzojezisa sonke isenzo esicindezelayo. Akukho kuhlakanipha okungavikela abenza okubi bamelane nezahlulelo zezulu. Futhi lapho abantu bebeka ithemba labo kumandla omhlaba esikhundleni soMdali wabo, uma bephakama ekuzigabiseni nasekuzethembeni, uNkulunkulu ngeSakhe isikhathi uzokwenza bahlanjalazwe."-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White comments], vol. 7, p. 946.

"Umhlaba uyaqhubeka ngesibindi ukwephula umthetho kaNkulunkulu. Ngenxa yokubekezela Kwakhe, abantu banyathelela phansi ngaphezu kwegunya Lakhe. Babeqinisa omunye komunye ngokucindezela nolunya maqondana nefa Lakhe, Bathi, UNkulunkulu wazi kanjani-na? Imbala kukhona ukwazi koPhezukonke-na? Amahubo 73:11. Kodwa kukhona umugqa ngaphezulu abangeke bawedlula. Isikhathi sisondele leso abazobe bafinyelele umkhawulo ngokulayeza. Ngisho namanje cishe bafinyelele ngaphezu komkhawulo wokubekezela kade kukaNkulunkulu, umkhawulo womusa Wakhe, umlinganiselo womusa Wakhe. INkosi izongenelela ukuphindisela udumo Lwakhe, ukukhulula abantu Bakhe, nokucindezela ukukhukhumala ngokungalungi."-*Christ's Object Lessons,* pp. 177, 178.

**c. Sazi kanjani ukuthi isono angeke siphinde sibekhona emhlabeni omusha-na? Nahume 1:9.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

**a. Yisiphi isehlakalo uNahume asifanekisa njengesikhomba ezinsukwini zokugcina ngaphambi kokubuya kukaKristu-futhi lokhu kufanele sikubheke njengokuphakeme namuhla emhlabeni ohamba ngokushesha-na? Nahume 2:3, 4; Johane 9:4.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

“Memeza kakhulu ezweni lonke. Tshela abantu ukuthi usuku lweNkosi luseduze. Makungabikho oshiywa engaxwayiswanga….

“Asikho isikhathi esingasilahlekela. Amandla obumnyama asebenza ngamandla amakhulu, futhi ngokuhamba ngokunyenya kukaSathane ayaqhubeka ukuthatha labo manje abalele, njengempungushe ethatha inyamazane yaso. Sinezixwayiso manje esingazinikela, umsebenzi manje esingawenza, kodwa masinyane kuzobanzima kunalokhu esingakucabanga….

“Ukuza kweNkosi kuseduze kunesikhathi esaqala ngaso ukukholwa. Impikiswano enkulu ifinyelele ekugcineni. Wonke umbiko wenhlekelele olwandle noma emhlabeni kungubufakazi bomcijo wokuthi ukuphela kwezinto zonke kufikile. Izimpi namahemuhemu ezimpi kufakazela lokhu. Ukhona yini uMkrestu ukuphila kwakhe okungaphaphami ngesenzo esisheshayo ngokubonela phambili izehlakalo ezinkulu ezibonakala phambi kwethu?

“INkosi iyabuya. Sizwa amanyathelo okusondela kukaNkulunkulu, njengoba ebuyela ukujezisa umhlaba ngenxa yobubi bawo. Kufanele silungise indlela Yakhe ngokwenza inxenye yethu ukwenza abantu balungele usuku olukhulu.”-*Evangelism,* pp. 218, 219.

“Wonke amandla uNkulunkulu asinike wona, noma amandla omzimba, engqondo, noma awesimoya, kufanele athokozelwe ngokwenza umsebenzi esinikwe wona ngenxa yabahlobo bethu abafa ngenxa yokungazi kwabo.”- *Testimonies for the Church,* vol. 7, p. 180.

“Ilunga ngalinye lebandla elinolwazi lweqiniso lilindelwe ukuba lisebenze isikhathi sisekhona; ngokuba buyeza ubusuku, lapho kungesebenze muntu.”-Ibid., vol. 9, p. 26.

**b. Chaza isiphelo sabobonke abenqaba umusa kaNkulunkulu, bamukela intukuthelo Yakhe, njengaleyo eyaboniswa kwiNiniva eAsiriya. Nahume 2:8-11.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

“Ngeqiniso elingenaphutha Lowo Ongapheliyo ugcina umbiko welizwe. Lapho umusa Wakhe omnene, ngobizo lokuphenduka, lombiko uhlala uvuliwe; kodwa lapho isibalo sifinyelela kwinani uNkulunkulu alibekile, umsebenzi wolaka Lwakhe uzoqala. Umbiko uyavalwa. Ukubekezela okungcwele kuyaphela. Umusa angeke usancenga ngenxa yesoni.”-*Prophets and Kings,* p. 364.

## 5. UMLANDO UYAZIPHINDA-PHINDA — Ngolwesine, Nhlolanja 26

**a. Kufanekiswa kanjani ukuwa kweAsiriya-futhi kungani lokhu kusebenza kakhulu manjena? Nahume 3:7, 12, 13, 18, 19.**

"Inkazimulo yabayinkulu embusweni wama-Asiriya; kwaba kukhulu ukuwa kwawo."-*Prophets and Kings,* p. 365.

"Ukuzigabisa kwe-Asiriya nokuwa kwalo kufanele kusebenze njengesifundo esiyigugu sokuphela kwesikhathi. Izizwe ezisemhlabeni namuhla labo ngokuzidla nokuzigabisa bezihlobisa ngokwabo ukumelana noNkulunkulu, uNkulunkulu uyabuza, 'Pho, ufana nobani ngodumo nangobukhulu phakathi kwemithi yase-Edeni-na? Nokho uyakwehliselwa kokuphansi komhlaba kanye nemithi yase-Edeni ulale phakathi kwahlongasibi emhlabeni.'"-Ibid.*,* p. 366.

**b. Lesehlakalo esifanayo singenzeka masinyane kanjani-na? Isambulo 18:7-11, 15-18.**

________________________________________________________________________________

"[Isambulo 18:11, 3, 15-17 ngokuphindwa.] Izahlulelo ezinjalo ezawela phezu kweBhabhilona ngosuku lokuhanjelwa kolaka lukaNkulunkulu. Zithe zagcwalisa isilinganiso sobubi babo; isikhathi salo sifikile; silungele ukubhujiswa.

"Uma izwi likaNkulunkulu lisusa ubugqila kubantu Bakhe, kukhona ukuvuswa okwesabekayo kulabo abalahlekelwe yikho konke ekuphileni kwempi enkulu. Lapho umusa uqhubeka babephuphuthekiswe izinkohliso zikaSathane, futhi bavumela indlela yabo yesono. Abacebile bazigabisa ngokuphakama kulabo abathandwa kancane; kodwa bazuzile ingcebo yabo ngokwephula umthetho kaNkulunkulu. Abanakanga ukupha ukudla abalambileyo, ukwembathisa abahambaze, ukuphatha ngokulunga, nokuthanda umusa. Bafuna ukuziphakamisa nokuthola inkonzo kwizidalwa zabangane babo. Manje bathathelwe lokhu okubenza babebakhulu futhi bashiywa bengenaso isivikelo. Babheka ngokwesaba ukubhujiswa kwezithixo abazikhetha phambi kweNkosi yabo."-*The Great Controversy,* pp. 653, 654.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Nhlolanja 27

1. **Ngokuya ngokuka Mika 6:8, yiziphi izinto ezintathu ezilula ezidingeka kithi?**
2. **Kungani kukhona ithemba ngisho nakwisoni esikhulu-na?**
3. **Kungani ukuzithoba kungamandla adingekayo abalulekile kuNkulunkulu, kakhulu namuhla-na?**
4. **Njengoba abaningi namuhla baphelelwa amandla ngenxa yesiphelo saseNiniva, kuyini okumele sikubeke phambili-na?**
5. **Kungamuphi umcijo ukuwa kweBhabhilona kuqondana nencwadi kaMika 6:8-na?**

# UMNIKELO WESABATHA LOKUQALA

## ISabatha, Ndasa 7, 2026

### Maranhao Piaui Field (AMAPI) Headquarters, Brazil

Inyakatho-mpumalanga yeBrazil, isifunda saseMaranhao nePiaui, kokubili, ikhaya labantu abayizigidi ezingu 10.4 abahlala kulo, isabalele yonke indawo elingana- 224, 282 square miles (581, 406 km2). Isimo sezulu salapha sishisa kakhulu, njengoba kukhona imifino nemithende yozalo, umhlume, amahlathi aseAmazon, i-cerrado, kanye ne-caatinga.

Ibandla lokuqala le-Reform Movement kulesifundo lamiswa ngonyaka ka-1960, edolobheni lase Bacabal, Maranhao. Ngenxa yokukhula kwenani lamalunga kanye nokusekwa kwamabandla amasha kulezifunda, iMaranhao Piaui Field (AMAPI) yahlelwa ngonyaka ka 2016 inamalunga angu 530.

Njenge-Field, sidinga ukwakha amahovisi okuphatha, izindawo zokulala, kanye nendawo yokuhlangana kwabantu. Ukuze kupheleliswe i-headquarters entsha, seyame emuseni nezipho zabazalwane nodade emhlabeni wonke jikelele.

"UNkulunkulu akeyamanga phezu kwabantu ukuphumelelisa umsebenzi Wakhe. Ngabe wadala izingelosi zibe ngamanxusa eqiniso Lakhe. Ngabe wenza intando Yakhe yaziwa, lapho ememzela umthetho entabeni yaseSinayi ngephimbo Lakhe. Kodwa ukuze akhulise umoya wokuphana kithi, waKhetha ukusebenzisa abantu ukwenza lomsebenzi. Sonke isenzo sokuzidela ngobuhle kwabanye izoqinisa umoya wesihle enhliziyweni wophayo, ngokuzihlanganisa ngokusondelene noMhlengi welizwe, Lowo 'ocebile, kodwa ngenxa yethu wabampofu, ukuthi ngobumpofu Bakhe singaba ngabacebile.' Futhi kungenxa yokuphelelisa inhloso engcwele ekudalweni kwethu ukuthi ukuphila kungaba isibusiso kithi. Zonke izipho ezinhle zikaNkulunkulu kumuntu zizofakazela isijeziso, ngaphandle kokuzisebenzisa ukuba zibe isibusiso kubangane babo, futhi ukuze kukhuliswe umsebenzi kaNkulunkulu emhlabeni."-*The Review and Herald,* Zibandlela 7, 1886.

Lapho lesicelo sifinyelela kuwe, ngiyacela ukuba ukhumbule izibusiso eziwela phezu kwezinceku ezithembekile futhi uhlanganyele nathi kulemizamo-lokhu ngomusa kaNkulunkulu kuzobaluleka kakhulu ukukhulisa nokuqhubekisela phambili umsebenzi kule-Field. "UNkulunkulu uyamthanda onikelayo ethokoza."- (2 Korinte 9:7).

*Your brothers and sisters from the Maranhoo Piaui Field*

# Ukwesaba Onolwazi Lonke

**IVESI LEKHANDA: "Kepha uJehova usethempelini Lakhe elingcwele; thula phambi kwakhe, mhlaba wonke" (Habakuk 2:20).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 491-500.

"Ukuhlonipha indlu kaJehova cishe sekuphelile…Sinikezwe izizathu eziningi zokugcina umoya ovuthayo, onikelwa ekukhonzeni uNkulunkulu. Sinesizathu sokucabanga ngokwengeziwe futhi sihloniphe ekukhonzeni kwethu ukudlula amaJuda."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, 495.

## 1. UMBUZO OMKHULU **NgeSonto, Ndasa 1**

**a. Kuyini umprofethi uHabakuki akugcizelela ekuqaleni komkhuleko wakhe kuNkulunkulu-na? Habakuk 1:1-4.**

___

"Ngomcabango wokubona komuntu inhloso engcwele ngesizwe esikhethekile ibonakala njengento engeke yapheleliswa. Ukuhlubuka kwamakhulu eminyaka edlule kwakubutha amandla naseminyakeni elandelayo; izizwe ezilishumi zihlakazelwe phakathi kwabahedeni; izizwe zikaJuda nezikaBenjamini kuphela ezasalayo, ngisho nalezi manje zazibonakala zisemngceleni wokuziphatha okonakele kwesizwe sonke. Abaprofethi baqala ukubikezela ukubhujiswa ngempela komuzi wabo omuhle, lapho kukhona ithempeli elakhiwa nguSolomoni, nalapho wonke amathemba obukhulu besizwe abhekiswe khona. Ingabe uNkulunkulu ubezophenduka kwinhloso ayifungela yokuletha inkululeko kulabo okufanele babeke ithemba labo Kuye? Phambi kokuhlushwa kwabalungile okwakuqhubeka isikhathi eside, nangempumelelo ebonakalayo yababi, ingabe labo abahlala ngempela kuNkulunkulu banethemba lezinsuku ezingcono? Lemibuzo ekhathazayo yavezwa ngumprofethi uHabakuki."-*Prophets and Kings,* pp. 384, 385.

**b. INkosi yaphendula kanjani-na? Habakuk 1:6-11.**

___

**a. Kungani uHabakuki wavuma ukwamukela icebo likaNkulunkulu-na? Habakuk 1:12, 13.**

____________________________________________________________________________

"UNkulunkulu uphendula ukukhala kwabantwana Bakhe abathembekile. Ngenxa yezikhulumi Zakhe ezikhethekile wembula ukuzimisela Kwakhe ukuletha ukusola phezu kwesizwe esithe saMhlubukela bakhonza onkulunkulu babahedeni. Phakathi kokuphila kwakukhona abanye ababuzayo maqondana nesikhathi esizayo, uzobumba ngokumangalisayo izindaba zamazwe abusayo emhlabeni futhi aletha abaseBhabhilona ukuba benyuke. LamaKaledi, 'ayesabeka futhi esabisa,' ayezowela masinyane phezu kwezwe lakwaJuda njengesishayo esikhonjwe ngobungcwele."-*Prophets and Kings*, p. 385.

**b. Yisiphi isifundo esanikezwa umprofethi esiqondene kakhulu namava amaphayoniya amaAdvent okuqala-na? Habakuk 2:1-4.**

____________________________________________________________________________

"Lapho isikhathi sesidlula leso ukubuya kweNkosi okwakulindelwe okokuqala-ngentwasahlobo ka 1844-labo ababheka ngokukholwa ukubonakala Kwakhe okwesikhashana bafikelwa ukungabaza nokungaqiniseki. Lapho umhlaba ubabheka njengabanqotshiwe futhi ufakaza njengabantu abathokozela inkohliso, umthombo wenduduzo yabo ubulokhu uyizwi likaNkulunkulu. Abaningi baqhubeka ukuhlola iMibhalo, behlola kabusha ubufakazi benkolo yabo ngokunakele bafunda iziprofetho ukuzuza ukukhanya okuqhubekela phambili….

"Ngokuhlangene neziprofetho ababezibheka njengeziqondene nesikhathi sokubonakala kwesibili bekuyisiluleko esikhethekile esamukelwa ngesimo sabo sokungaqiniseki nokungabaza, futhi ebakhuthaza ukuba balinde ngokubekezela ekukholweni manje okumnyama ukuqonda kwabo ngesikhathi esifanele kuzokwenziwa kubelula. Phakathi kwaleziprofetho kwakukhona esika-Habakuk 2:1-4….

"Ekuqaleni konyaka ka-1842 ukuqondisa okwanikezwa ngalesiprofetho 'bhala umbono, wenze sibelula phezu kwamatshe ngokusobala, ukuze ofundayo agijime,' anikezwa nguCharles Fitch ukulungiselela ishadi lesiprofetho ukufanekisa imibono kaDaniyeli neSambulo. Ukunikezwa kweshadi kwakubheka njengokugcwaliseka komyalo owanikezwa nguHabakuk. Akukho noyedwa, nokho, babona ukuthi ukwephuza kwakhanya ukugcwaliseka kombono-ukwephuza kwesikhathi-kulethwa ngesiprofetho esifanayo."-*The Great Controversy,* pp. 391, 392.

**a. Kungayiphi indlela uHabakuki 2:4 eqinisa amakholwa ezizukulwaneni zonke-na? Roma 1:16, 17.**

"Ukholo olwaqinisa uHabakuk nabo bonke abangcwele nabalungile ngalezo zinsuku ngenxa yezilingo ezinzima bekulukholo olufanayo olugcina abantu bakaNkulunkulu namuhla. Ngehora elimnyama, ngaphansi kwezimo ezivimbelayo kakhulu, uMkrestu okholwayo uzogcina umphefumulo kumthombo wokukhanya konke namandla. Imihla ngemihla, ngokukholwa kuNkulunkulu, ithemba lakhe nesibindi zizovuselelwa. 'Olungileyo uzakuphila ngokukholwa.' Emsebenzini kaNkulunkulu akufanele kubekhona ukudangala, akukho ukungabaza, akukho ukwesaba….

"Kufanele sithokozele futhi sikhulise ukukholwa lokhu abaprofethi nabapostoli abakufakazela-ukukholwa okubambelela ngokuqinile ezithembisweni zikaNkulunkulu futhi nokulindela ukukhululwa ngesikhathi nangendlela Ayimisileyo."-*Prophets and Kings,* pp. 386, 387.

**b. Lapho elingeka ukungabaza noma awele ekucabangeleni, kuyini okufanele sikugcine njalo engqondweni-na? Isililo 3:25, 26; Habakuk 2:20.**

"Isikhathi sokulinda singabonakala siside, umphefumulo ungabonakala ucindezelwe yizimeko ezidanisayo, abaningi ithemba elibekwe phezu kwabo bangawa endleleni; kodwa ngomprofethi owazama ukukhuthaza uJuda esikhathini sohlubuko olungelinganiswe, masisho ngesibindi sithi, 'UJehova usethempelini Lakhe: Thula phambi Kwakhe mhlaba wonke."-Ibid., pp. 387, 388.

"Ukuhlonipha ngempela uNkulunkulu kuyakhuthazwa ngomcabango wobukhulu Bakhe obungapheli nokuqonda ubukhona Bakhe."-*Education,* p. 242.

"Lingcwele liyesabeka igama Lakhe.' Amahubo 11:1, Izingelosi, njengoba zikhuluma ngalo, neveyili elemboze ubuso babo. Ngobungcwele obunjani okumele sibenakho, labo abawileyo nabonayo, eliphuma ezindebeni zethu!

"Kufanele sihloniphe Izwi likaNkulunkulu. Ngoba incwadi ebhaliwe kufanele ihlonishwe, ingathwathwa njengesebenza ngenjwayelo, noma silibambe ngobudlabha."-*Child Guidance,* p. 538.

"Bazali, qaphelani ukuthi yisiphi isibonelo nemicabango eniyinika abantwana benu. Izingqondo zabo ziyanwebeka, futhi nokucindezela kwenzeka kalula. Maqondana nomsebenzi wetabanakeli, uma isikhulumi sinesici, sesaba ukukhuluma ngaso. Khuluma ngomsebenzi omuhle awenzayo, imibono yakhe emihle ayilethayo, okumele iqashelwe eza ngesithunywa sikaNkulunkulu. Kungabonakala ukuthi kungani abantwana bajabula kancane ngemfundiso yeZwi ukuthi kungani abantwana behlonipha kancane indlu kaNkulunkulu. Imfundiso yabo ayiphelele maqondana nalomcijo."- Ibid., p. 545.

**a. Umkhuleko muni ovuthayo kaHabakuki okufanele siwuzwakalise namuhla-na? Habakuk 3:2.**

___

"Kukhona namuhla imvuselelo yenkolo ngempela yenhliziyo njengoba ayenjalo amava kuIsrayeli wasendulo. Ukuphenduka inyathelo lokuqala okufanele lithathwe yibo bonke abazobuyela kuNkulunkulu. Akukho noyedwa ongenza lomsebenzi enzela omunye. Kufanele ngabanye sithobe imiphefumulo yethu phambi kukaNkulunkulu nokubekela kude izithixo zethu. Uma sesikwenzile konke esingakwenza, iNkosi izobonakalisa kithi insindiso Yakhe."-*Patriachs and Prophets,* p. 590.

**b. Ngisho nalapho sibhekene nezinkathazo kanye nobunzima obukhulu, kuyini okumele kwakhe ukukholwa kwethu-futhi kungani? Habakuk 3:17-19; Filiphu 2:14, 15.**

___

"Makuthi lowo ocindezelwe kanzima, olingwa kabuhlungu athi, 'Noma engishayile, nokho ngizomethemba njalo.'"-*Counsels to Parents, Teachers, and Students*, p. 317.

"Igazi elincengayo likaNkulunkulu lithe lavikela isoni ekwamukeleni isilinganiso esiphelele secala laso; kodwa ekwahlulelweni kokugcina, ulaka luzothululwa lungaxubene nomusa….

"Abantu bakaNkulunkulu angeke bakhululeka ekuhluphekeni; kodwa lapho behlushwa futhi bedabukile, lapho bebekezelela indlala behlupheka ngokufuna ukudla angeke bashiywa ukuba babhubhe. UNkulunkulu owanakekela uEliya angeke adlule noyedwa wabantwana Bakhe abazidelayo. Lowo obala izinwele zekhanda labo uzobanakekela, ngesikhathi sendlala bazoneliswa. Lapho ababi befa yindlala nezifo, izingelosi zizovikela abalungile zenelise izidingo zabo."-*The Great Controversy,* p. 629.

**c. Yimuphi omunye umprofethi owavuswa ngesikhathi esifanayo ukuletha imiyalezo eqondene nesikhathi sethu-na? Zefaniya 1:1.**

___

"UHabakuki akuyena yedwa owanikwa isigijimi sethemba elikhanyayo nokunqoba okuzayo ngokufana nokwahlulela kwanamuhla. Ngesikhathi kubusa uJosiya izwi leNkosi leza kuZefaniya, echaza ngokusobala umphumela wohlubuko oluqhubekayo, ebiza ukunaka kwebandla leqiniso inkazimulo engapheseya. Iziprofetho zakhe zokwahlulela okuzayo kuJuda zisebenza ngamandla afanayo kwizahlulela ezizokwehlela umhlaba ongadabukeli ukona."-*Prophets and Kings,* p. 389.

## 5. ISICUPHO, ESIYINGOZI ESICASHILE — Ngolwesine, Ndasa 5

**a. Yimuphi umyalezo osangulukile owembula iqiniso lolaka lukaNkulunkulu maqondana nokukhonza kwamanga nalabo abakukhuthazayo-na? Zefaniya 1:2-6.**

_______________________________________________________________________________

**b. Lapho omunye ecabanga ukuthi ulandela uNkulunkulu, yisiphi isimo esembula uhlubuko olukhulu olufihlwe enhliziyweni-na? Zefaniya 1:12, 13; Mathewu 24:48-51.**

_______________________________________________________________________________

"Abantu uNkulunkulu abaphathise okungcwele, okuzothile, amaqiniso avivinyayo alesikhathi balele emsebenzini wabo. Ngezenzo zabo bathi: Siphethe iqiniso; 'sicebile, futhi impahla yabo iyakhula, kabaswele lutho;' lapho Ufakazi Othembekileyo uthi: Kawazi ukuthi ungolusizi, nowokuhawukelwa, nompofu, nophuphuthekayo, nohambaze.'

"Kungobuqotho obunjani lamazwi efanekisa isimo sanamuhla sebandla: '*Kawazi* ukuthi ungolusizi, nowokuhawukelwa, nompofu, nophuphuthekayo, nohambaze.' Isigijimi sesixwayiso, esinikezwa nguMoya Ongcwele, zithwelwe izinceku zikaNkulunkulu, ubuthakathaka besimilo zibekwa phambi kwezoni, kodwa bathi: 'Lokhu akufanekisi icala lami. Angisamukeli isigijimi osilethayo. Ngenza konke ngokwamandla ami. Ngiyakholwa yiqiniso.'

"Inceku embi ithi enhliziyweni yayo, 'Inkosi yami ilibele,' ifakazela ukuthi ilindele uKristu. 'Ubeyinceku,' ngaphandle ezinikele emsebenzini kaNkulunkulu kuyilapho inhliziyo izinikele kuSathane. Akafani, noweyisayo, onqaba ngokusobala iqiniso, kodwa wembule ekuphileni kwakhe umcabango wenhliziyo-ukuthi ukubuya kweNkosi kulibele. Ukungabaza kuletha kuye ukunganaki intakazelelo engunaphakade. Yamukela izaga zomhlaba ivumelane nemikhuba yalo nezenzo zalo. Ukuzifunela, ukuzigabisa kwelizwe, izifiso zokuba namandla edlulele. Ngokwesaba ukuthi abafowabo bangenza kakhulu kunaye, aqale ukulahla imizamo yabo futhi acindezele izinhloso zabo. Aqale ukushaya izinceku ezikanye naye."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 101, 102.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ndasa 6

1. **Uma ngididwa yizindlela zikaNkulunkulu, kuyini engingakufunda ngomkhuleko kaHabakuk-na?**
2. **Ngubani engimaziyo ozothokozela uhlelo lwesikhathi sesiprofetho?**
3. **Yimuphi umcabango wokuziphatha kwami endlini kaNkulunkulu okumele nginguthuthukise?**
4. **Kungani kubalulekile kimi ukumelana nesilingo sokububula nokukhononda?**
5. **Uma sikhuzwa, kungani kubalulekile kimi ukugcina ukuhlola inhliziyo ngokujula-na?**

# Ukuphaphamela Ukudumisa uNkulunkulu

**"IVESI LEKHANDA: "Usho kanje uJehova Sebawothi; uthi: Bekani ezinhliziyweni zenu izindlela zenu" (Hagayi 1:7).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 9, pp. 92-96.

"Akufanele wenze ukubambezeleka, kodwa ngokuseduze kakhulu uhlole inhliziyo yakho bese uyafa kumina imihla yonke."-*Testimonies for the Church,* vol. 3, p, 336.

## 1. AMAXUKU AMABILI *NgeSonto*, Ndasa 8

**a. Chaza isehlakalo esiyindida esizokwenzeka masinyane. Zefaniya 1:14-18.**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"Labo abasebenza ngokwesaba uNkulunkulu ukuxosha ebandleni izikhubekiso nokulungisa iziphambeko ezesabekayo, ukuze abantu bakaNkulunkulu bangabona isidingo sokwenyanya isono futhi bangaphumelela ekuhlanzekeni, nokuthi izwi likaNkulunkulu lingadunyiswa, uyoke ahlangane yini nemifutho evela kulabo abangangcwelisanga. UZefaniya uchaza isimo sangempela salexuku kanye nezahlulelo ezimbi okuzofika phezu kwabo."-*Testimonies for the Church,* vol. 3, pp, 270, 271.

"[Zefaniya 1:2, 3, 8-18 ngokuphindwa.] Kuzobakhona uhlu lwezehlalakalo ezembula ukuthi uNkulunkulu uyinduna yesimo. Iqiniso lizomenyezelwa ngokukhanyayo, nangezwi elisobala. Njengabantu kufanele silungise indlela yeNkosi ngaphansi kokuhola kwamandla oMoya Ongcwele. Ivangeli kufanele linikezwe ekuhlanzekeni kwalo. Imifula yamanzi aphilayo ijule kakhulu futhi ibanzi ekuhambeni kwayo. Kumasimu wonke, aseduze nakude, abantu bazobizwa emasimini nakumabhizinisi avamile agxile kakhulu engqondweni, futhi bazofundiswa ngokuhlangana nabantu abanamava. Njengoba befunda ukusebenza ngempumelelo bazomemezela iqiniso ngamandla. Ngokusebenza okumangalisayo ngokuhlinzekela okungcwele, izintaba ezinzima zizosuswa ziphonselwe olwandle. Isigijimi esisho okukhulu kwabakhile emhlabeni sizozwakala futhi siqondwe. Abantu bazokwazi ukuthi liyini iqiniso. Ngokuqhubekela phambili umsebenzi lizohamba lifinyelele emhlabeni wonke ukubaxwayisa, kanjalo ukuphela kuzofika."-Ibid*.,* vol. 9, p. 96.

**a. Yisiphi isihluthulelo sokuvikelwa nguNkulunkulu osizini oluzayo-na? Zefaniya 2:1-3, 15; 2 Korinte 7:1.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"UNkulunkulu ufuna abantu Bakhe ukuba bazihlanze kukho konke ukungcola kwenyama nomoya, baphelelise ubungcwele ngokwesaba iNkosi. Bonke abanganaki futhi bezithethelela kulomsebenzi, abalinda iNkosi ukuba ibenzele lokhu afuna ukuba bazenzele ngokwabo, bazotholakala belula lapho ubumnene bomhlaba, abasebenzela isijeziso Sakhe, zifihleke ngosuku lwentukuthelo yeNkosi."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 619.

"Ngosuku lweNkosi, ngaphambi kokubuya kukaKristu, uNkulunkulu uzothumela imibane ivela eZulwini ngolaka Lwakhe, oluzohlangana nomlilo emhlabeni. Izintaba zizosha njengeziko, futhi uzothulula imifula esabekayo nesibabule, ibhubhisa izingadi namasimu, emaphandleni nasemadolobheni; njengoba ethulula amatshe ancibilikayo, amadwala nodaka olushisayo luphonseka emifuleni; lizobanga ukuba babile njengembiza, likhiphele ngaphandle amadwala amakhulu ahlakaze izicucu zawo emhlabeni ngamandla angenakuqondwa. Imifula yonke uzokusha. Umhlaba uzozanyazanyiswa, kuzobakhona ukuqhubuka nokuzamazama komhlaba yonke indawo. UNkulunkulu uzoshaya ababi abakhileyo emhlabeni baze babhubhe kuwo. Abangcwele bazolondolozwa emhlabeni phakathi kokungqubuzana okusabisayo, njengoNowa owalondolozwa emkhunjini ngesikhathi sikazamcolo."-*Spiritual Gifts*, vol. 3, pp. 82, 83.

**b. Ngokungafani nalabo abanokuzisho nje okungajulile, kuyini okuphawula amakholwa athembekile kaNkulunkulu-na? Zefaniya 3:1-4, 12, 13.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

**c. UZefaniya wembula kanjani ithemba elikhulu-kanye nomsebenzi-ngenxa yabantu bakaNkulunkulu abathembekile kuzo zonke izinxenye zomhlaba-na? Zefaniya 3:14-16.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Lonke izulu linentakazelelo, kungesikho kumazwe aseduze adinga usizo lwethu, kodwa nakumazwe akude. Izidalwa zezulu zibhekile futhi zilinde izithunywa zabantu ukuba zishukunyiswe ngokujulile izidingo zalabo abasebenza nabo abadidekile nabavivinywayo, ekuhluphekeni nasosizini."-*Testimonies for the Church,* vol. 6, p, 459.

**a. Yiziphi izincazelo ezembula ukujula kothando lukaNkulunkulu kubantwana Bakhe, nokuthi singakubonisa kanjani kithi-na? Zefaniya 3:17; 2 Korinte 1:3, 4.**

"[UNkulunkulu ungingenisile endlini yewayini, nebhandela* lakhe phezu kwami liluthando. (Isihlabelelo Sezihlabelelo 2:4.) Uma uhamba ngezindlela Zami,' kusho uJehova Sebawoti, ngiyakukunika ukuba uhambe phakathi kwalabo abemi lapha'-ngisho naphakathi kwezingelosi ezingcwele ezizungeze isihlalo Sakhe sobukhosi….Izulu nomhlaba zizohlangana ngengoma kaBaba yenjabulo: 'Ngokuba lendodana Yami ibifile, manje iyaphila: beyilahlekile, manje isitholalekele.' "-*Christ's Object Lessons,* pp. 206, 207.

"Izingelosi zikaNkulunkulu, izinkulungwane phezu kwezinkulungwane, nezinkulungwane ezilishumi eziphindwe izinkulungwane ezilishumi, ziyathunywa ukusiza labo abazoba yizindlalifa zosindiso. Ziyasilinda ukumelana nobubi zibuyisele emuva amandla obumnyama lawo afuna ukusibhubhisa. Asinaso yini isizathu sokubonga umzuzu ngamunye, sibonge nalapho kukhona ubunzima obusobala endleleni yethu-na?

"INkosi uQobo ingumsizi wethu. 'Hlabelela ngokujabula, ndodakazi yaseSiyoni, umemeze, Israyeli, uthokoze, wethabe ngenhliziyo yonke, ndodakazi yaseJerusalema.' "UJehova uNkulunkulu wakho uphakathi kwakho, iqhawe eliyakukusindisa; uyakujabula ngawe ngentokozo, athule othandweni lwakhe, ethabe ngawe ngokuhlabelele.' Zefaniya 3:14, 17. Lobu ubufakazi uJehova afisa ukukuyisa emhlabeni. Ukubonga kufanele kuhlale ezinhliziyweni zethu nasezindebeni zethu.

"Ubufakazi obunjalo buzoba nomfutho kwabanye. Njengoba sifuna ukuguqula abantu kwimizamo yokugcina ukuzitika nenjabulo, kufanele sibabonise ukuthi sinokuthize okungcono kunalokhu abakufunayo."-*Testimonies for the Church*, vol. 6, pp. 63, 64.

**b. Chaza unakekelo olwengeziwe lwesisa sikaNkulunkulu kubantwana Bakhe abashushiswa ngenxa yokwenqaba kwabo ukwephula umthetho wenkululeko. Zefaniya 3:18-20; Hezekeli 9:3, 4.**

"Phawula lomcijo ngokunakekela; Labo abamukela uphawu oluhlanzekile lweqiniso, olusebenza kubo ngamandla oMoya Ongcwele, bafaniswa ngophawu lwendoda yelineni, kulabo, ababulala bekhala ngazo zonke izinengiso ezenziwa phakathi kwalo, phakathi kwebandla. Ukuthanda kwabo ukuhlanzeka inhlonipho nenkazimulo kaNkulunkulu njengoba injalo, futhi banombono okhanyayo wesono sabo esikhulu, futhi bamelwa ngobuhlungu, ngisho nalapho bebubula bekhala."-*Testimonies for the Church,* vol. 3, p. 267.

**a. Lapho uHagayi ebizwa njengomprofethi, kuyini obekwenzeka ngaleso sikhathi-futhi kuyini esingakufunda kulesimo-na? Hagayi 1:1-4.**

______________________________________________________________________________

"Amazwi, 'Labantu bathi,' kukhulu. Ngehora lethuba labo, uIsrayeli wabonisa ukuvuma kwakhe. Ukulalela okusheshayo kulindelwe kulabo iNkosi ebakhethile nebaHolayo. Ukuncenga kokulibala zidumaza uNkulunkulu. Kodwa labo abakhetha ukulandela eyabo indlela, ngokuvamile bahlanganisa ngobuqili ukungabi nacala lokuzilungisisa. Kanjanolo amaIsrayeli bamemezela akukabi yisikhathi sokuza, kodwa babephukile emsebenzini wabo ngenxa yezivimbelo ezisongozwe yizitha zabo. Lezivimbelo, becabanga, beyisho ukuthi akusona isikhathi esifanele sokwakha. Bathi iNkosi ithe yalamula ngobunzima ukukhuza ukujaha kwabo okusheshayo. Yingakho lokhu, ekukhulumeni Kwakhe ngabaprofethi, ubhekisa kubo kungesikho 'abantu bami,' kodwa, 'lababantu.'

"AmaIsrayeli ayengenako ukuzithethelela ngempela wokushiya umsebenzi wabo wasethempelini. Lapho isikhathi sokuphikisana okunzima kakhulu kuphakanyiswa, bekuyisikhathi sokubekezela bengaphakathi kwesakhiwo. Kodwa bahlukunyezwa ngokuthandi ukubhekana nokufazela ukuvusa ukuphikiswa kwezitha zabo. Bebengenako ukukholwa kokuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, nokuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo. Baye bangabaza ukuqhubekela phambili ngokukholwa kokuhlinzekela okubonwayo kukaNkulunkulu, ngoba bengaboni isiphelo ukusuka ekuqaleni. Lapho ubunzima buvuka, baguqulwa kalula emsebenzini."-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 4, p. 1175.

**b. Yikuphi ukuncenga okwenziwa kulabo abaphazanyiswa yintakazelelo yelizwe-na? Hagayi 1:5-10.**

"Ngumfanekiso omangalisayo kanjani womphumela wokugodla ngisho nomnikelo wokuzithandela maqondana nomsebenzi kaNkulunkulu owanikezwa ezinsukwini zomprofethi uHagayi....AmaJuda avuma ukwakha kabusha ithempeli likaJehova; kodwa lapho bebhekana nezitha zabo eziqinile, bayeka ukusebenza."-*Patriachs and Prophets*, p. 527.

**c. Insali yathola kanjani ukunqoba enhliziyweni nakwisenzo-na? Hagayi 1:12, 13**

"[Insali] yaqaphela zonke izixwayiso eziphinda-phindwayo ukuze impumelelo yabo nezibusiso zikaNkulunkulu zingancika ekulaleleni ngokuphelele izeluleko abanikwa zona. Masinyane lapho benquma ukuthi balalele amazwi kaJehova, izigijimi Zakhe zokusola zaguqula zaba amazwi akhuthazayo. Maye sinoNkulunkulu onomusa ongakanani!"-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 4, p. 1176.

## 5. UKUKHAZIMULWA NGENDLELA EHLUKILE — Ngolwesine, Ndasa 12

**a. Chaza icebo likaNkulunkulu ngethempeli lesibili okwakufanele lakhiwe. Hagayi 2:6-9.**

______________________________________________________________________________

"Emva kokuchithwa kweThempeli likaNebukadinesari akhiwa kabusha cishe iminyaka engamakhulu amahlanu ngaphambi kokuzalwa kukaKristu ngabantu ababesebugqilini isikhathi eside bebuyela kwilizwe elonakele neliyihlane. Kwakukhona phakathi kwabo amadoda asekhulile futhi ayebone inkazimulo yethempeli likaSolomoni, abakhala uma bebona isisekelo sesakhiwo esisha, ukuthi lalingaphansi kunalelo lokuqala. Umuzwa owabakhona uchazwa ngamandla ngumprofethi: 'Ngubani oseleyo phakathi kwenu owayibona lendlu ekukhazimuleni kwayo kokuqala? Niyayibona injani manje? Ayinjengento yalutho emehlweni enu?' Hagayi 2:3; Ezra 3:12. Nokho lanikezwa isithembiso ukuthi inkazimulo yalendlu izakuba yinkulu kunalena yokuqala.

"Kodwa ithempeli lesibili lalingafani nelokuqala ngobuhle; futhi lingangcwaliswanga ngezimpawu ezisobala zobukhona obungcwele lezi ezihlanganiswa nethempeli lokuqala. Kwakungekho ukubonakala kwamandla emvelo ukuphawula ukungcweliswa kwalo. Kwakungekho ifu lenkazimulo elabonakala ukugcwalisa indawo engcwele esanda kwakhiwa. Akubangakho umlilo ovela ezulwini owehla ukushisa umhlatshelo phezu kwe-altare. IShekina yayingekho phakathi kwamakherubim endaweni engcwe-ngcwele; umphongolo, isihlalo somusa, namatshe obufakazi awazange atholakala kulendawo. Kungekho izwi elivela ezulwini elizwakala kumpristi obuza intando kaJehova.

"Iminyaka engamakhulu amaJuda ezama ngeze ukubonakalisa lapho izithembiso zikaNkulunkulu ezinikezwa uHagayi zigcwalisekile; kodwa ukugabisa nokungakholwa kwaphuphuthekisa izingqondo zabo isizathu ngempela samazwi esiprofetho. Ithempeli lesibili alizange lahlonishwa ngefu lenkazimulo kaJehova, kodwa ngobukhona obuphilayo baLowo kuhlala ukuphelela komzimba wobuNkulunkulu-lowo onguNkulunkulu uQobo wabonakala enyameni. Lowo 'olangazelela izizwe zonke' ngempela ufikile ethemelini Lakhe lapho uMuntu waseNazaretha owafundisa futhi waphilisa kwizigodlo ezingcwele. Ebukhoneni bukaKristu, futhi yilesi sizathu kuphela, ithempeli lesibili lalidlula elokuqala ngenkazimulo."-*The Great Controversy,* pp. 23, 24.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ndasa 13

1. **Engozini ezayo masinyane, ngingaba amandla obuhle kanjani ezandleni zikaNkulunkulu?**
2. **Kungani ubumnene buluphawu oludingekayo esingalufuna ezinsukwini zokugcina?**
3. **Kuyini okwakha bonke abafihleke osukwini lolaka lweNkosi?**
4. **Kuyini okubanga ukuba ngilahlekelwe umzila ophambili kakhulu ekuphileni?**
5. **Kungani ithempeli, elilula nelinesizotha elakhiwa osukwini lukaHagayi lalikhazimula kangaka?**

# Izehlakalo Zezikhathi Zokugcina

**IVESI LEKHANDA: "Celani kuJehova imvula ngesikhathi semvula yamuva, uJehova owenza imibani, abasebanika izinhlambi zemvula. Yilowo nalowo aphiwe utshani ezweni lakhe" (Zakariya 10:1)**

**Izincwadi Ezinikeziwe:** *Prophets and Kings,* pp. 580-592.
*Testimonies to Ministers,* pp. 506-512.
*The Acts of the Apostles,* pp. 47-56.

"Njengoba sifuna uNkulunkulu ngoMoya Ongcwele, uzosebenza kithi ubumnene, ukuthobeka kwengqondo, ukweyama ngenhliziyo kuNkulunkulu ngemvula yamuva ephelelisayo. Uma sikhulekela isibusiso sokukholwa, sizowamukela njengoba uNkulunkulu ethembisile."-*Testimonies to Ministers,* p. 509.

## 1. INHLAMVU YESO LAKHE — NgeSonto, Ndasa 15

**a. Kungayiphi indlela uZakariya asekela umyalezo kaHagayi-na? Zakariya 1:1-4, 15, 16.**

______________________________________________________________________

"Ukuncenga okukhuthele nezikhuthazo ezinikezwe ngoHagayi zacindezelwa futhi zengezwa nguZakariya, lowo uNkulunkulu amvusa ukuba eme ohlangothini Lwakhe ukuncenga uIsrayeli nokuphumelelisa umyalo wokuvuka wakhe. Isigijimi sokuqala sikaZakariya bekuyisithembiso sokuthi izwi likaNkulunkulu alehluleki nanini nesithembiso sesibusiso kulabo abazoqaphela izwi lesiprofetho eliqinisekile."-*Prophets and Kings,* p. 576.

**b. Kuyini okwembula ukunaka ngokuqaphela kukaNkulunkulu abantu Bakhe-na? Zakariya 2:1-5, 8.**

______________________________________________________________________

"UNkulunkulu wayala ukuba iJerusalema lakhiwe kabusha; isilinganiso sombono womuzi bekuyisiqinisekiso sokuthi uzonika induduzo namandla abahluphekile Bakhe, futhi aphelelise kubo izithembiso Zakhe zesivumelwano esingunaphakade. Unakekelo Lwakhe oluvikelayo, kusho uJehova, ngiyakuba lugange lomlilo nxazonke;' futhi ngabo inkazimulo Yakhe izobonakaliswa kuwo wonke amadodana abantu. Lokhu akuphelelisayo kubantu Bakhe kwakufanele kwaziwe emhlabeni wonke."-Ibid., p. 581.

**a. Njengoba singaphelele, kuyini okubonisa ithemba lethu kuphela-na? Zakariya 3:1-4.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Ngesiprofetho esiluphawu sikaZakariya, uSathane ubonakala emi esandleni sokudla seNgelosi kaJehova, ibeka icala uJoshuwa, umpristi omkhulu, egcoke izingubo ezingcolile, futhi emelana nomsebenzi iNgelosi efisa ukumenzela. Lokhu kufanekisa isimo sikaSathane maqondana nomphefumulo wonke uKristu afisa ukuwudonsela Kuye."-*Thoughts from the Mount of Blessing,* pp. 116, 117.

"[USathane] uzosiholela ukuba sicabange ukuthi amaphutha neziphambeko zibe-zimbi kakhulu iNkosi angeke ihloniphe imikhuleko yethu futhi angeke asibusise noma asisindise. Ngokwethu angeke sabona lutho okungeke kwasisiza; angeke sazelapha izici zesimilo sethu. Uma sizama ukuza kuNkulunkulu, isitha sizonyenyeza, akusizi ukuba ningakhuleka; anenzanga yini izinto ezimbi? Animonelanga yini uNkulunkulu nalwisana nonembeza wenu? Kodwa singatshela isitha ukuthi 'igazi likaJesu Kristu iNdodana Yakhe liyasihlambulula ezonweni zonke.' Johane 1:7. Uma sizizwa ukuthi sonile futhi sehluleke ukuthandaza, yilapho kuyisikhathi sokuba ukhuleke. Ngokudumele singaba futhi sizithobe ngokujulile, kodwa kufanele sikhuleke futhi sikholwe."-Ibid., p. 115.

**b. Yisiphi isimiso esingcwele esiveza umthombo wangempela wamandla okunqoba isono futhi kuphelelise ubizo lukaNkulunkulu-na? Zakariya 4:6; Johane 15:5.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Njengabantu bakaNkulunkulu abakhethiweyo angeke silingise imikhuba, izinhloso, izenzo, noma imfashini yelizwe. Asishiywanga ebumnyameni ukuba silingise imifanekiso yelizwe nokweyama ekubonakaleni kwangaphandle kwempumelelo. INkosi isitshelile ukuthi amandla ethu avela kuphi. [Zakariya 4:6 ngokuphindwa.]."-*Testimonies for the Church*, vol. p. 90.

"Ngaphandle koMoya kaNkulunkulu ulwazi lwezwi Lakhe alusizi ngalutho. Umcabango weqiniso, ongahambisani noMoya Ongcwele, angeke avusa umphefumulo noma unelise umphefumulo. Omunye angajwayelana nemiyalo nezithembiso zeBhayibheli; kodwa ngaphandle koMoya kaNkulunkulu kuletha iqiniso ekhaya, angeke kwaguqula isimilo. Ngaphandle kokukhanyiselwa uMoya, abantu abasoze bahlukanisa iqiniso emangeni, futhi bazowela ngaphansi kwezilingo eziveza amandla kaSathane."-*Christ' Object Lessons*, pp. 410, 411.

"Ngesipho esikhulu esingelinganiswe soMoya Ongcwele siqukethe ingcebo yonke yezulu….Uma bonke bethanda ukuwamukela, bonke bazogcwaliswa ngoMoya Wakhe."-Ibid., p. 419.

## 3. UHLOBO OLWEHLUKILE LWETHEMPELI **Ngolwesibili, Ndasa 17**

**a. Yisho ukubaluleka kwethempeli okwakufanele lakhiwe-futhi ngubani-na? Zakariya 6:12, 13, 15; EFesu 2:19-22.**

____________________________________________________________________________

"Phezu kwesisekelo uKristu uQobo asibekayo, abapostoli bakha ibandla likaNkulunkulu. EMibhalweni isithombe sokwakhiwa kwethempeli sisetshenziswa kaningi njengesifanekisa isakhiwo sebandla. UZakariya ubhekisa kuKristu njengeHlumela, akhe ithempeli likaJehova. Ukhuluma ngabezizwe njengabasiza emsebenzini: 'Abakude bayakufika, bakhe ithempeli likaJehova;' uIsaya yena uthi, 'Abezizwe bayakuzakha izingange zakho."-Zakariya 6:12, 15; Isaya 60:10.

"Ukubhalwa kwesakhiwo salethempeli, uPeter uthi, 'Sondelani kuyo, iyitshe eliphilileyo, elinqatshwe ngabantu, kepha likhethekile kuNkulunkulu, liyigugu, nakhiwe ngamatshe aphilileyo, nibe yindlu yokomoya, ubupristi obungcwele, ninikele ngemihlatshelo yokomoya eyamukelekayo kuNkulunkulu ngaye uJesu Kristu.' 1 Peter 2:4, 5.

"Enkwalini yamaJuda nabeZizwe umhlaba abapostoli abasebenza kuwo, ukukhipha amatshe bawabeke phezu kwesisekelo."-*The Acts of the Apostles*, pp. 595, 596.

**b. Ngaphandle kwezixwayiso zikaNkulunkulu, kuyini abantu ababekwenza ngaphambi kokuthunjwa kwabo-na? Zakariya 7:8-14.**

____________________________________________________________________________

**c. Noma kunjalo uNkulunkulu ubonisa kanjani ukuthululwa komusa obekezelayo ngokusinika ithuba emva kwethuba-na? Zakariya 8:7, 8, 13-17.**

____________________________________________________________________________

"Selokhu kuyicebo likaJehova, njengoba kwakunjalo kusukela ekuqaleni, ukuthi abantu Bakhe ukuba badunyiswe emhlabeni, ngenkazimulo yegama Lakhe. Phakathi kweminyaka eminingi yokudingiswa kwabo wabanika amathuba amaningi okubuyela ekunamatheleni Kuye. Abanye bakhetha ukulalela nokufunda; abanye bathola insindiso phakathi kosizi lwabo. Abaningi babo kufanele babalwe phakathi kwensali okumele ibuye."-*Prophets and Kings,* p. 599.

"[Zakariya 8:3, 7, 8 ngokuphindwa.] Lezithembiso zazinemibandela yokulalela. Izono ezabumba uIsrayeli wasendulo ngaphambi kobugqila, akufanele ziphindwe."-Ibid., p. 704.

**a. Manje ngalesikhathi emlandweni, ukuqondisa kwethu kufanele kubeyini, futhi kungani lokhu kunesidingo-na? Zakariya 10:1, 2.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Ngaphandle kokuthi amalunga ebandla likaNkulunkulu namuhla aphile ngokuxhumana noMthombo wakho konke ukukhula kwesimoya, angeke balungela isikhathi sokuvuna."-*The Acts of the Apostles,* p. 55.

"'Celani kuJehova imvula ngesikhathi semvula yamuva.' Ungaphumuli weneliseke ukuthi kuhambeni kwendlela evamile, imvula izakunetha. Yicele. Ukukhula nokuphelela kwembewu akweyamanga kumlimi. UNkulunkulu kuphela ongavuthisa isivuno. Kodwa ukubambisana kuyadingeka. Umsebenzi kaNkulunkulu kithi ukusebenzisa ingqondo, ukusetshenziswa kokholo. Kufanele sifune usizo Lwakhe ngenhliziyo yonke uma izihlambi zomusa kumele zize kithi. Kufanele sithuthukise wonke amathuba okuzibeka emzileni wesibusiso. UKristu wathi, 'Ngokuba lapho kubuthene ababili noma abathathu egameni Lami, ngikhona lapho phakathi kwabo.' Kumhlangano webandla, emihlanganweni yama-camp, ukuhlangana kwebandla lasekhanya, ngezikhathi zonke lapho kukhona ukusebenzela imiphefumulo umuntu ngamunye, lawa amathuba akhonjwe nguNkulunkulu ukunikeza imvula yokuqala nemvula yamuva.

"Makungabikho noyedwa ocabanga ukuthi ukuza kulemihlangano, umsebenzi wabo bawenzile. Ukubakhona nje kuyo yonke imihlangano ebakhona angeke kwaletha isibusiso emphefumulweni. Akuwona umthetho ongenakuguqulwa ukuthi bonke abeza kulemihlangano noma imihlangano yasekhaya bazothola izipho ezinkulu ezivela ezulwini. Izimeko zingabonakala zivuma njengokuthululwa okunothile komusa. Kodwa uNkulunkulu uQobo kufanele alawule imvula ukuba yehle. Ngakho-ke akufanele sidembesele ukukhuleka."-*Testimonies to Ministers,* pp. 508, 509.

**b. Chaza isehlakalo esimangalisayo esizokwenzeka ngaphansi kwalamandla. Zakariya 12:8.**

______________________________________________________________________________

"Lapho imithi ingavezi izithelo ziyanqunywa njengezikhathaza umhlabathi, lapho abaningi babazalwane bamanga behlukaniswa nalabo abalungile, besekuthi abafihlekile bazombulwa ukuba babonwe, futhi nolaka lwenkosana ngaphansi kwebhanele likaKristu. Labo abathe besatshiswa nangokungasoli bazomemezela ngokusobala uKristu neqiniso Lakhe. Labo ababuthakathaka bengabaza ebandleni bazofana noDavide-bethanda ukusebenza ngesibindi. Njengoba ubusuku obujulile busondela ebantwini bakaNkulunkulu, yilapho izinkanyezi zizogqama kakhulu. USathane uzohlupha abathembekile; kodwa, ngegama likaJesu, bazophuma bedlula abanqobi."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 81.

## 5. UKRISTU EPHAKADENI — Ngolwesine, Ndasa 19

**a. Chaza inkulumo enhle eyodwa ezofinyelela ephakadeni. Zakariya 13:6.**

______________________________________________________________________

"UJesu uzoveza izandla Zakhe ezinezimpawu zokubethelwa Kwakhe. Amabala olunya uzowathwala kuze kube phakade. Wonke amabala ezipikili azokhuluma imbali yokuhlengwa komuntu okumangalisayo nentengo enhle lapho ithengwe khona."-*Early Writings,* p. 179.

**b. Kunini nakanjani uKristu azobuya ngayo eNtabeni yeMinqumo, futhi yiziphi izehlakalo ezidumile ezizokwenzeka-na? Zakariya 14:4, 5; Isambulo 20:7, 12; 21:2, 10.**

______________________________________________________________________

"[Ingelosi iyachaza:] 'Abangcwele bazohlala Emzini Ongcwele babuse njengamakhosi nabapristi iminyaka eyinkulungwane; emva kwalokho uJesu uzokwehla nabangcwele phezu phezu kweNtaba Yeminqumo, nentaba izohlukana phakathi ibe yithafa elikhulu ukuthi iParadesi likaNkulunkulu ukuhlala khona."-Ibid., pp 51, 52.

"Ekupheleni kweminyaka eyinkulungwane, uJesu, iNkosi yeNkazimulo, yehla isuka eMzini Ongcwele, igqoke ukukhanya njengombani, phezu kweNtaba yemiNqumo-intaba efana naleyo enyuka Kuyo emva kokuvuswa Kwakhe. Lapho izinyaweni Zakhe zithinta intaba, intaba yahlukana phakathi, yaba yithafa elikhulu, ilungiselwa ukwamukela uMuzi Ongcwele oyiparadesi likaNkulunkulu, insimu yase-Edeni, eyanyuselwa ngemuva kokuba umuntu eqe umthetho. Manje yehla kanye nomuzi, umuhle kakhulu, futhi uhlotshiswe ngenkazimulo kunesikhathi ususwa lapha emhlabeni. Umuzi kaNkulunkulu wehlela emhlabeni phezu kwethafa elikhulu elilungiselwe wona. UJesu waphuma emzini ezungezwe ixuku labahlengiweyo, futhi endleleni Yakhe wayenexuku lezingelosi. Ngobukhulu obesabekayo yavusa ababi abaleleyo. Bavuswa ebuthongweni babo. Maye ukuvuka okwesabeka kanjani!"-*Spiritual Gifts,* vol. 3, p. 83.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ndasa 20

1. **Fanekisa "uthango lomlilo" lwezithembiso zikaNkulunkulu, lapho ngiqondo ukungivikela Kwakhe?**
2. **Kungani ngingaxosha ngempumelelo ukuhlasela kukaSathane lapho edlelezela izono zami phambi kwami?**
3. **Kuyini okubalulekile kunethempeli lomzimba ukungenisa ubukhona bukaNkulunkulu?**
4. **Yisho ezinye zezimfuno ezidingekayo ukuze samukele iMvula Yamuva.**
5. **Kunini lapho izinyawo zikaJesu zizohlala futhi phezu kweNtaba yeMinqumo?**

**ISABATHA, NDASA 28, 2026** **ISIFUNDO 13**

# Isicelo Sokugcina sika-Malaki

**IVESI LEKHANDA: "Siyakuhlala sicwengisisa sihlanza, sihlambulule amadodana kaLevi, siwahluze njengegolide nesiliva, aze anikele ngeminikelo kuJehova ngokulunga" (Malaki 3:3).**

**Izincwadi Ezinikeziwe:** *Prophets and Kings,* pp. 702-721.
*Testimonies for the Church,* vol. 7, pp. 45-50.

"Abenzi bokubi abangenamandla baxwayiswa ngosuku lokwahlulelwa oluzayo nenhloso kaJehova yokuhambela ngembhumbiso esheshayo wonke oweqa umthetho. Noma kunjalo akekho owashiywa ngaphandle kwethemba. Iziprofetho zikaMalaki zokwahlulelwa zazihambisana nezimemo ezinqunyelwe abonayo ukuba benze ukuthula kwabo noNkulunkulu."-*Prophets and Kings,* p. 706.

## 1. AMAPHUTHA AVAME UKUNGANAKWA — NgeSonto, Ndasa 22

**a. Yikuphi ukuthambekela kokuhaha kobugovu okungenzeka ukuthi sibenecala-na? Malaki 1:8.**

______________________________________________________________________

"Abaningi bathe bazitika ngokuchitha imali ngokungafuneki, ukunelisa kuphela imizwa, unambitho, nokubukwa, lapho umsebenzi udinga zona lezimali abazichithayo, nalapho izinceku ezimbalwa zikaNkulunkulu zigqoke kabi futhi zikhubazekile emsebenzini wabo ngenxa yokuswela imali. Kusho ingelosi: 'Isikhathi sokusebenza kwabo sizodlula masinyane. Imisebenzi yabo ibonisa ukuthi ukuzifunela yisithixo sabo, futhi ngalokhu benza umhlatshelo.' Ukuzifunela kufanele kweneliseka; ukuzizwa kwabo uthi: Ingabe ngingumlindi wonfowethu? Isixwayiso emva kwesixwayiso abaningi basamukele, kodwa azinakwa. Ukuzifunela yinto esemqoka, futhi konke kufanele kukhothame."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 115.

**b. Ngomehluko ongafani ngempela womkhuba wamasiko omphakathi wanamuhla, uNkulunkulu ubheka kanjani ubumnene, besibopho esingcwele somshado-na? Malaki 2:12-16; Heberu 13:4; Mathewu 19:4-6.**

______________________________________________________________________

"Funda ukuze ukhulise injabulo yomunye komunye. Makubekhona uthando olufanayo, ukunyamezela okufanayo. Emva kwalokho umshado, esikhundleni sokuphela kothando, lizofana njengoba lalinjalo ekuqaleni kothando."-*The Ministry of Healing,* p. 360.

**a. Chaza ukugcwaliseka kwesiprofetho sikaMalaki 3:1-3; Johane 2:13-16.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Ngokuhlanzwa kwethempeli, uJesu wayekhuluma ngomsebenzi Wakhe njengoMesiya….izigodlo zethempeli eJerusalema, eligcwele isiyaluyalu sokuthengiselana okungengcwele, lifanekisa kubo bonke ngempela ithempeli lenhliziyo, elingcoliswa ubukhona benkanuko yenyama nemicabango emibi. Ekuhlanzeni ithempeli ngabathengi bomhlaba nabathengisayo, uJesu ukhuluma ngomsebenzi Wakhe wokuhlanza inhlizyo engcoliswe yisono-ukusuka ekuthandeni ilizwe, inkanuko kamina, imikhuba emibi, eyonakalisa umphefumulo."-*The Desire of Ages,* p. 161.

"UNkulunkulu uzakuba nezinceku Zakhe ukuba zijwayelane nomshini wokuziphatha kwezinhliziyo zabo. Ukuze alethe lokhu kithi, ujwayele ukuvumela umlilo wezinhlupheko ukuba ubakhukhule ukuze ubahlanze…."

"Ukuhlanzwa kwabantu bakaNkulunkulu angeke kwaphelela ngaphandle kokuhlupheka. UNkulunkulu uvumela imililo yokuhlupheka ukushisa amanyela, ukuhlukanisa okungenamsebenzi nokubalulekile, ukuthi insimbi ehlanzekile ikhazimule kakhulu. Uma sehluleka ukuthwala lezilingo, lokhu esizokwenza ngesikhathi sohlupho? Uma impumelelo noma inzima itholakala ingabi nephutha, ukuzigabisa, noma ukuzifunela ezinhliziyweni zethu, kuyini esingakwenza uma uNkulunkulu elinga umsebenzi womuntu ngamunye kungathi ngumlilo, futhi ebeka obala izimfihlakalo zenhliziyo ngayinye."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 85.

**b. Yisho ezinye izindlela abantu bakaNkulunkulu abakhuzwa kuzo ukuba bangaMkhohlwa, nokuthi ukuphanga uNkulunkulu kungenisani ngaphakathi-na? Malaki 3:5-8; Jakobe 1:27; Luka 12:15; Izaga 3:9, 10.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Kufanele ngokuqondile siqinise ngempela ukuthi sizodumisa uNkulunkulu ngakho konke esinakho; futhi masingavumeli lutho oluzosilinga ukuba siMphange ngezishumi neminikelo lokhu okungoKwakhe. Kufanele sihlakaniphe, sihleleke, siqhubeke ngezenzo zethu zozwelo kubantu nokugcizelela kwethu ukubonga uNkulunkulu ngezibusiso Zakhe zonke. Lona ngumsebenzi ongcwele kakhulu wokuba singabi nethuba lokulawula umfutho noma umuzwa. Kufanele sigcine okuthize ngenxa yomsebenzi kaNkulunkulu, ukuze angaphangwa inxenye ayidinga Kithi. Uma siphanga uNkulunkulu siziphanga ngokwethu. Silahla ingcebo yezulu ngenxa yokuthi sifuna okukhulu kwalomhlaba. Lokhu ukulahlekelwa esingeke sakuqinisa. Uma siphilela ukwamukela isibusiso sikaNkulunkulu sizoba nesandla sempumelelo Yakhe kithi ezindabeni zethu zesikhashana, kodwa uma isandla Sakhe simelana nathi uzovimbela wonke amacebo ethu awahlakaze ngokushesha kunokuba siwabuthe."-Ibid., vol. 5, pp. 271, 272.

**a. Yisho ezinye izibusiso ezingumphumela wokubuyisela okweshumi ngokwethembeka neminikelo yokuzithandela-futhi chaza isidingo sethu sokulibazisa kulokhu. Malaki 3:10-12.**

___

"Uthando lokupha usecansini lokufa akusikho lokhu okufunwa nguKristu kubalandeli Bakhe; angeke kwathethelela ubugovu obuthokozelwa ekuphileni. Labo ababamba ngokuqina impahla yabo kuze kube umzuzu wokugcina, beyinikela ekufeni kunokuthi bayisebenzise besaphila. Ukulahlekelwa kwenzeka njalo. Amabhange ayawa, nempahla iyaphela ngezindlela eziningi. Abaningi banezihlose zokwenza okuthize, kodwa badembesela loludaba, noSathane uyasebenza ukuvimbela imali ukuba ingene esikhwameni ngempela. Iyalahleka ngaphambi kokuthi ibuyele kuNkulunkulu, noSathane ujatshuliswa ukuthi kubenjalo.

"Uma uzokwenza kahle ngemali yakho, yenza ngokushesha hleze uSathane ayithathe ngesandla sakhe kanjalo avimbele umsebenzi kaNkulunkulu. Izikhathi eziningi, uma iNkosi ivula indlela yokuthi abazalwane bangaphatha kanjani izimali zabo ukuqhubekisela phambili umsebenzi Wakhe, izingelosi zikaSathane ziletha umsebenzi ocetshwayo lowo abawuthandayo nokuthi abazalwane bazozuza imali yabo ngokuphindiwe. Base bamukela isicupho; imali yabo itshaliwe ebhange, futhi ngesizathu, uqobo lwaso, ekugcineni abazange bathole ngisho nedola noma (irandi)."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 154.

**b. Yimuphi umbiko obuhlungu nongenaphutha ngathi esingazimisela ukubona wesuliwe-na? Umshumayeli 12:14; Isaya 65:6, 7.**

___

**c. Ngaphandle kwamagama abo asencwadini yokuphila, kuyini okuveza izenzo zombiko kaNkulunkulu kubantwana Bakhe abathembekile? Malaki 3:16; Amahubo 56:8.**

___

"'Incwadi yesikhumbuzo' ibhalwa phambi kukaNkulunkulu, lapho kubhalwa khona izenzo ezinhle 'zalabo abamesaba uJehova bakhuluma bodwa omunye nomunye.' Malaki 3:16. Amazwi abo okukholwa, izenzo zabo zothando, ziyabhalwa ezulwini. 'Ngalokho ngikhumbule, Nkulunkulu wami,…ungesuli izenzo zami zomusa engizenzileyo endlini kaJehova nasenkonzweni yayo.' Nehemiya 13:14. Encwadini kaNkulunkulu yesikhumbuzo zonke izenzo zokulunga akazikhohlwa. Lapho zonke isilingo esimelana nazo, bonke ububi obunqotshwayo, wonke amazwi ozwelo olumnene ashiwoyo, futhi abhalwa ngokwethembeka. Isenzo ngasinye sokuzinikela, konke ukuhlupheka nosizi okubekezelelwa ngenxa kaKristu, kuyalotshwa."-*The Great Controversy,* p. 481.

**a. Injabulo enjani uNkulunkulu ayigcizelela kubantu Bakhe abathembekile, futhi singabonisa kanjani leyonjabulo ngesimilo sethu nangezenzo zethu-na? Malaki 3:17; Mathewu 25:34-40.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Lapho kukhona ukuzwelana omunye komunye ngenhliziyo esindwa ukudumala nosizi, lapho isandla sabela oswele, lapho abahambaze bembathiswa, isihambi singeniswa ukuba sihlale etafuleni futhi usibeke enhliziyweni yakho, izingelosi zisondela eduze kwakho, impendulo yomzamo wakho ivunywa izulu. Sonke isenzo sokulunga, umusa, nokuphana ziletha ubumnandi ezulwini. UBaba esesihlalweni Sakhe sobukhosi ubheka lezenzo zomusa, futhi azibalele njengcebo Yakhe eyigugu kakhulu."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, p. 25.

**b. Sazi-kanjani ukuthi umehluko phakathi kwababi nabalungile uzobonakala masinyane ngokuphelele. Malaki 3:18; Isambulo 22:11, 12.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Izulu lishumayela ukulunga Kwakhe: ngokuba uNkulunkulu ungumahluleli. Sela.' Amahubo 50:6. Lomthetho ongcwele, ungukulunga kukaNkulunkulu, ukuthi phakathi kokuduma nomlilo wamenyezelwa eSinayi njengomgomo wokuphila, manje wembulwa kubantu njengomyalo wokwahlulela. Isandla sivula izibhebhe, futhi kubonakala izimiso zoMthetho, kungathi usiba lomlilo. Amazwi asobala lawo angafundwa umuntu wonke. Inkumbulo iyavuswa, ubumnyama benkolo yamanga nengavamile isuswa kumqondo ngamunye, namazwi kaNkulukulu ayishumi, amafushane, nabanzi, nanegunya, alethwa embonweni kubo bonke abakhile emhlabeni.

"Akunakwenzeka ukuchaza ukwesaba nokuphelelwa ithemba kulabo abanyathelela phansi izimfuno ezingcwele zikaNkulunkulu. UJehova wabanika umthetho Wakhe; ngabe balinganisa izimilo zabo ngawo futhi bavume amaphutha lisekhona ithuba lokuphenduka nemvuselelo; kodwa ukuze sigcine ukuthanda izwe, babekela eceleni izimiso futhi bafundise nabanye ukweqa umthetho. Bazama ukucindezela abantu bakaNkulunkulu ukwephula iSabatha Lakhe. Manje balahliwe ngumthetho lowo abawudelelayo. Ngokukhanya okwesabekayo bayabona ngaphandle kokuzithethelela….

"Emva kwesikhathi bazobona imvelo yangempela yesabatha labo elixakile nesisekelo sesihlabathi abalakhe kuso. Bayabona ukuthi kade belwisana noNkulunkulu. Abafundisi bezenkolo baholele imiphefumulo ekufeni okungunaphakade lapho bezisho ukuthi babaholela kumasango eParadesi."-*The Great Controversy,* pp. 639, 640.

## 5. ISAHLUKO SOKUGCINA — Ngolwesine, Ndasa 26

**a. Chaza isiphelo sokugcina sabenza okubi. Malaki 4:1-3.**

___________________________________________________________________________

**b. Kuncenga kuni kokugcina uNkulunkulu akuthumela ngabaprofethi abancane-na? Malaki 4:5, 6.**

___________________________________________________________________________

"Kungenxa yokuthanda ilizwe nobugovu obusehlukanisa noNkulunkulu. Izigijimi ezivela ezulwini ziyisimilo esivusa ukuphikisana. Ufakazi oqinisileyo kaKristu neqiniso kuzokhuza isono. Amazwi abo azofana nesando esiphula inhliziyo yetshe, njengomlilo oshisa amanyela. Kukhona njalo isidingo sokukhuthala, izigijimi zokuxwayisa ezinqumayo. UNkulunkulu uzakuba nabantu abaqotho emsebenzini. Ngesikhathi esifanele uthumela izithunywa Zakhe ezithembekile ukwenza umsebenzi ofana nalowo kaEliya."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 254.

"Kuze kube yilapho abazali ngokwabo behamba ngomthetho weNkosi ngezinhliziyo eziphelele bangalungela ukuyala abantwana babo emva kwabo. Ukulungisa kulendaba kuyadingeka-inguquko ezojula futhi ibebanzi. Abazali kufanele baphenduke; abafundisi kumele baphenduke. Badinga uNkulunkulu ezindlini zabo. Uma bezobona isimo esehlukile sezinto, kufanele balethe izwi Lakhe emikhayeni yabo balenze umeluleki wabo. Kufanele bafundise abantwana babo ukuthi yizwi likaNkulunkulu elikhuluma nabo, futhi kufanele lilalelwe ngokungabuzi. Kufanele ngokubekezela bafundise abantwana babo, ngobumnene nokungakhathali bababafundise ukuthi bangaphila kanjani ukuze bathokozise uNkulunkulu. Abantwaba bekhaya elinjalo balungele ukubhekana nobuqili bokungathembeki. Balamukele iBhayibheli njengesisekelo sokukholwa kwabo, futhi banesisekelo esingeke sasuswa umsinga ozayo wokungakholwa."-*Patriachs and Prophets,* p. 143.

"Ikhaya loMkrestu elihleleke kahle liyimpikiswano enamandla evumela iqiniso nenkolo yobuKrestu-impikiswano leyo ongakholwa angeke ayihlaziya….Uma amakhaya amaKrestu azishoyo ukuthi anenkolo eyakhiwe kahle, leyo ezogcizelela umfutho wamandla omuhle. Bazoba ngempela 'ukukhanya kwezwe.'"-Ibid., p. 144.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ndasa 27

1. **Nakuba ushadile noma cha, ungaqinisa kanjani icebo lukaNkulunkulu ngomshado-na?**
2. **Kungaziphi izindlela engingabona ngayo ubufakazi bohlelo lokuhlanza kimi-na?**
3. **Chaza izincwadi ezintathu zemibiko ezigodlweni zeZulu.**
4. **Ngingaletha kanjani injabulo enhliziyweni yezihlakaniphi zezulu-na?**
5. **Iyiphi intshumayelo enamandla kunazo zonke edingekayo kulezinsuku zokugcina-na?**